

*Lighthouse Ministry Presents*

# Impi yoMoya enokunqoba



*“Indodana kaNkulunkulu yabonakaliswa ngalokhu, ukuze ichithe imisebenzi kaSathane” Johane wokuqala, ikhasi 3ivesi 8b*

Zulu



## OKUQUKETHWE

Isingeniso ekhozini yesithathu	3
Ikhasi 1 – Ukuphila ngokuba munye noKristu	4
kuKristu, nginguye, ... (imibhalo engcwele ezoqinisa ukuzazi kwakho kuKristu)	14
"Awukho umhlaba ongahlangene nabani..." C.S. Lewis	15
UKUZIVIKELA KUKHO KONKE UKUHLASELWA IMIMOYA EMIBI	
Ikhasi 2 – izikhali zokulwa zikaNkulunkulu	16
Ukuqhubeka kokuthandeleka esonweni	19
Ibutho lamaRoma nezevatho zalo Zempi	28
Ikhasi 3 – Ukubopha nokukhulula eMpini yoMoya	31
Amagama akhulunywayo eMpini yokubopha usathane	36
Imibhalo engcwele yokubopha usathane ngegama lakhe	37
Izindawo okumele zifakwe imibuzo	38
Ikhasi 4 – Ukuzilungiselela uMbuso kaNkulunkulu	42
Ukuthobela– Inqubo yokuvimba ukunqontshwa	45
Ukunakekeleka kwekholwa elisanda kusindiswa	46
Uhla lokuhlaza umuzi	47
Ipheshana lokusebenza/ lokuzivivinya lekhasi 4	50
Ikhasi 5- Ukunqoba iMpi yomqondo	51
The Unregenerate Man after the Fall (isithombe/umboniso)	53
The Regenerate Man Before Deliverance (isithombe/umboniso)	55
The Redeemed Man Set Free (isithombe/umboniso)	56
Isivivinyo sokunqoba impi yomqondo	63
Ikhasi 6 – Ukwakhiwa kobuhlakani ngendlela kaNkulunkulu	66
Ukuvivinya iziphiwo zemiMoya, amaZwi nemisebenzi	70
Iphepha lokuzivivinya-Ikhasi 6 –ukukhula kobuhlakani	72
Ikhasi 7 – Ukwakha kabusha ingaphakathi lendumiso yakho neMpilo	74
Ibalazwe laseJerusalem	75
Isifundo esisuka encwadini Ezra	76
Ishadi labakhi kabusha	79
Ikhasi 8 – Ukwakhiwa kwezindonga namasango empilo yakho	82
Isifundo esisuka encwadini kaNehemiya	82
Gems from A.W. Tozer on Worship	89
Ikhasi 9 – ukuvimbelwa kokunqoba kukaKristu	
Imininingwane ye-Ministry	94



## Isingeniso Ses'fundo

Inhloso yesifundo: Ukuqonda imigomo yempi yomoya nokukwazi ukuyisebenzisa ukuze sigcine inkululeko yethu kuJesu Kristu, siphinde sibe abamdumisayo nabamsebenzela ngobuqotho nodumo lwakhe.

1. Lesi sifundo siqonde ukusiza labo asebe bakubona ukuhlaselwa isitha ezimpilweni zabo kepha bakhetha 'ukusivimba'. Lesi sifundo sike sibizwe ngokuthi Isifundo sensindiso; nokho ke; singaba usizo futhi kulabo abangakaluboni usindiso ezimpilweni zabo
2. Asiqondile ukuba isifundo esiphelele sendaba yensindiso, kepha nje okufingqiwe kwamaqiniso nezimfundiso ezibalulekile, kulabo asebekhululiwe, bezimisele ukuhlala benjalo futhi bakhule emuseni nasekwazini Inkosi noMkhululi wabo uJesu Krestu.

"Isidingo namuhla ibandla labangcwele abanqobayo abakwaziyo ukuhloma impi yokuhlasela ukuze kukhululwe labo abangaphansi kwenkohliso yesitha. Impilo yobukrestu isithembiso esingapheliyo enkundleni yalempi. Ikhulwa alinakuzibeka phansi izikhali zalo kuze kube ngokuthi liyama phambi Nkosi. Ukugudluzisa impi le empilweni yekholwa ukuyenza ingabi impumelelo. Impilo yomoya ile enosizo ngokomoya ngokuba iphilwa ngokuhlezi ikhuphula ukushaywa nokuhlaselwa kwesitha somoya sika Nkulunkulu. Engathi uNkulunkulu angawaphakamisa lamabutho!"

Watchman Nee, *The Spiritual Man*, Vol. 3

I-Lighthouse Ministry international inhlangothi enonhloso eyodwa yokudumisa iNkosi uJesu Krestu ukugquzela inkululeko emhlabeni wonke ongumzimba kaKrestu ngensindiso nangokuhloma empini yomoya. iLighthouse Ministry International akusiyo inhlangothi eyakha inzuzo kepha ibandla elixhumene neChristian & Missionary Alliance denomination okuyibandla eliyimbumba lamaKrestu nezithunywa zenkolo.

Lencwadi iqoshwe eFranz Productions, Minneapolis, MN

Uhlelo lokuqala elangonyaka ka 1990

Uhlelo lwesibili elangonyaka ka 1992

Olwesithathu 1994, Ukubuyezwa 1995, 1996, 2000

Olwesine 2003, 2004, 2005-yahumushwa ngokwamaKhomputha

Amakhophi ongeziwe alesi sifundo ayatholakala ngomnikelo ongu 15 wamadola, futhi ukuthola

Okunye okuphathekayo nolwazi, nokucela ukusibona noma ucela izinkomfa ungathintana nathi kuleminingwane engenzansi:

## Lighthouse Ministry International

P O Box 120297

Ucingo:

651 483 0888

St Paul, MN 55112

[www.lighthouseministryintl.org](http://www.lighthouseministryintl.org)

E-mail:

[info@lighthouseministryintl.org](mailto:info@lighthouseministryintl.org)

[Ordermaterials@lighthouseministryintl.org](mailto:Ordermaterials@lighthouseministryintl.org)

[Appointments@lighthouseministryintl.org](mailto:Appointments@lighthouseministryintl.org)

[Hostconference@lighthouseministryintl.org](mailto:Hostconference@lighthouseministryintl.org)

[Prayerteam@lighthouseministryintl.org](mailto:Prayerteam@lighthouseministryintl.org)

## Ikhasi 1 Ukuphila ekuhlnganisenweni nasesimweni sika Jesu Krestu

Iqiniso Elimile- Inkosi yethu uJesu Krestu ophethe isikhundla esiphezulu kunazo zonke emhlabeni wonke nasezulwini, futhi njengomntwana kaNkulunkulu, ngihlezi naye ngamandla aphelele nokunqoba phezu kukaSathane nempu yasesihogweni. KwabaseFilipi 2:9-11, KwabaseHeberu 1:2-4

Inhloso Yesifundo: Ukuqonda futhi ngizithathele ngokwami amandla kaKrestu nalokhu engokuthola ngokuma kwami kuKrestu

Ivesi Elimqoka-NgokukaLuka 10:19

“Bhekane, ngininikile ingunya lokunyathela izinyoka nawofezela naphezu kwamandla onke esitha; anosoze noniwa lutho”

KwabaseFesu 1-2:7; KwabaseKolose 1:13-29; KwabaseKolose 2:1-15

**A Sasidalwe ukuba sihambe ngamandla kaNkulunkulu phezu kwamandla abumnyama lapha emhlabeni, kodwa salahlekelwa yilelo lungelo ngenxa yesono sika Adamu noEva-INKosi uJesu Kristu wawathola lamandla wawabuyisela kuthina**

1. Sasidalwe ukuba sibuse umhlaba wonke nalokho uNkulunkulu akwenzile kuwo.  
UGenesise 1:28---uNkulunkulu wababusisa; uNkulunkulu wathi kubo, “Zalani, nande, nigcwalise umhlaba, niwunqobe, nibuse, phezu kwezinhlanzi zolwandle, nezinyoni zezulu, nezilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni.”
2. Ngenxa ka Adamu noEva yokukholwa amagama omkhohlisi bona (nathi sinabo) salahlekelwa amandla esasiwanikwe nguNkulunkulu. Bakholwa babeka ithemba labo emangeni: **nokuthi uNkulunkulu ayebanike kona akulungile, akuphelele nokuthi kwakudingeke ukuba baphikise amandla akhe ukuze bathole ukufana naye. Balangazelela “ubuhlakani obungamanga”, ulwazi lokuhle nokubi, kunobuhlakani obuyiqiniso obufika nobudlelwane obusondelene noNkulunkulu.**  
**Funda** kuGenesise 3:1-7  
[Imibhalo eminingi izovezwa kuso sonke lesi sifundo. Sicela uthathe isikhathi ukuyibheka uyifunde udlinze ngayo, uvumele umoya oyingcwele ukhulume kuwe ngaphakathi ngayo. Bhala phansi imibono esithekile yakho ngakho. Lokhu kuzovumele umoya oyingcwele ugcwalise iqiniso kuwe ngaphakathi.]
3. Isizathu esisodwa saloku wukuthi umuntu wayengakwazi ukwenza lokho uNkulunkulu akutshela uKhayini ukuthi akwenze mayelana nesitha somoya, ukuthi “asibuse.”  
Kwakuyisiphi lesi sitha? \_\_\_\_\_  
UGenesise 4:7---“Angithi uma wenza kahle, uyamukeleka na? Uma ungenzi kahle, isono sihlezi ngasemnyango; ukunxanela kwaso kukuwe, kepha wena umelwe ukusibusa  
Bona: Uma uthu isono isitha ekumele sibuswe kulungile.
4. Omunye umphumela kwaba ukuthi umhlaba wonke uNkulunkulu ayewudalile wawubeka ukuba uphathwe ngumuntu wahlulwa ubugqila ngaphansi kwesandla somphathi ongekho emhethweni.

Kwakungubani lomphathi ongekho emthethweni? \_\_\_\_\_ Funda AbaseRoma 8: 19-22

Bona: Uma uthe usathane noma isono kulungile.

**B. INkosi uJesu Krestu uyakufika abuyise amandla akhe, ebiwa, ngezithunywa zakhe izisheshayo ukuze “Kuchithwe imisebenzi kaSathane”. 1 Johane 3:8**

1. Lemishana noma ukuthunywa kwakhulunywa empilweni kaJesu ngezindlela ezingana:

<b>Igama lakhe</b>	ngokwezwi ngezwi lichaze ‘Insindiso’	‘Ngokuba nguye oyakusindisa abantu bakhe ezonweni zabo’
<b>UKwethulwa kwakhe eBandleni</b>	ethunyelwe ukuzokhulula ababoshiwe	“...ngokuba ingigcobile ukuba ngishumayeke ivangeli kwabampofu, ingithumele ukumemezela ukukhululwa kwabathunjiweyo...” uLuka 4:18
<b>Amazwi akhe</b>	ayenamandla	“ngokuba wayebafundisa njengonamandla...” Mathewu7:29
<b>Izenzo Zakhe</b>	ingxenye enkulu yobuvangeli bukaJesu obubhaliwe babuqondene nokubhekana nemimoya emibi	“ngokuba wathi kuye: phuma kulomuntu moya ongcolile Markus 5:8

2. Lokhu kubuyiselwa kombuso **kwagcinwa** kufeziwe ngenkathi uNkulunkulu esevuse uKrestu “**emvusa kwabafileyo, wamhlalisa ngakwesokunene sakhe ezulwini, ngaphezu kwakho konke ukubusa, negunya, namandla, nobukhosi, namagama onke aphantsi, kungekulelizwe lodwa kepha nakulo elizayo; wakubeka konke phansi kwezinyawo zakhe, wammisa abe-yinhloko phezu kwakho konke kulo ibandla, elona lingumzimba wakhe, ukugcwala konke kubo bonke.**” KwabaseFesu 1:20-23

**Ivangeli leNkosi uJesu Krestu, ukuhlonishwa kwalo, ukwaziwakwalo, ukubatsazwa kwalo nodumo kwalo kusezandleni nezethu. Sibiziwe ukuba sibe ezinye zezindlalifa eNkosini uNkulunkulu wezixuku nokuba sizibandakanye empini yomoya senzela imiphefumulo yabantu.**

C. Sinikezwa isikhundla sethu kuKrestu uma simamukela njengomsindisi wethu, simthobela njengeNkosi futhi 'sizalwa kabusha'. UMoya Oyingcwele ube usuhlala ngaphakathi kithi futhi usinike amandla okuphila ngokunqoba esikhundleni sethu leso kuKrestu emazulwini. Sithatha isikhundla sethu uma sizidlela esikunikiwe! Sithole lokhu okulandelayo:

Umndeni Omusha

'Kepha bonke abamamukelayo wabapha amandla okuba babe-ngabantwana bakaNkulunkulu, labo abakholwa egameni lakhe.' uJohane 1:12

Amandla Amasha

'Kuye nani esenzile izwi leqiniso, ivangeli lokusindiswa kwenu, enakholwa nguye futhi, nani nabekwa uphawu olungumoya Ongcwele wesithembiso, oyisibambiso sefa lethu, kube-ngukuhlangwa kokungokwakhe, ukuze kutuswe inkazimulo yakhe.' Kwabase-Fesu1: 13-14.

## Igunya Elisha

'Kepha lapho sekufikile ukuphelela kwesikhathi, uNkulunkulu wathuma iNdodana yakhe, izelwe ngowesifazane, izelwe phansi komthetho, ukuze ihenge abaphansi komthetho ukuba samukele ukuma kwamadodana. Lokhu ningamadodana, uNkulunkulu uthumile uMoya weNdodana yakhe ezinhliziyweni zenu omemeza ethi: Aba Baba! Njalo-ke awuseyiyo inceku, kepha usuyindodana; kepha uma uyindodana, uyindlalifa futhi ngaye uNkulunkulu.' KwabaseGalathiya 4:4-7

## Umbuso wobukhosi Omusha

'owasikhulula emandleni obumnyama nowasibeka embusweni weNdodana yothando lwakhe; okukuyo sinokuhlangwa, ukuthelwa kwezono,' Kwabase-Kolose 1:13-14

## Isikhundla Esisha

"wasivusa kanye naye, wasihlalisa kanye naye embusweni wezulu kuKristu uJesu," KwabaseFesu 2:6

Ukuqondanisa:

Yenza uhlu lazo zonke izibusiso zomoya ongazithola kulezihluko ezingaphezulu nakulezigaba ezine ezilandelayo. Bese ucela uNkulunkulu akuvule amehlo akho omoya ukuze uqonde ukuthi uwasebenzise kanjani lamaqiniso empilweni yakho.

1. Sinikiwe ukuphelelisa kuKristu ngokuba singumzimba Wakhe. Impilo Yakhe isinika impilo yokuvuseleleka ukuze sibe nakho konke esikudingayo ukuze siphile impilo enokunqoba uma sinoKristu. KwabaseFesu 3:19 " nokulwazi uthando lukaKristu oludlula ukwazi konke, ukuze nigcwalise kube-ngukugcwala konke kukaNkulunkulu." Isibusiso sami soMoya

2. Sigcwalise ngoMoya Oyingcwele futhi sathola okukaNkulunkulu okuyimvelo ngokuzibandakanya kuKristu ngazo zonke izindlela zempilo yethu esiyinikezelwe kuye, futhi ekhululiwe kwingcindezi yamandla esitha.

AbaseKholose 2:9, 10 "Ngokuba kuhlalakuye ngokomzimba ukugcwala konkekobuNkulunkulu; nigcwalise kuye, yena oyinhloko yemibuso yonke namandla,"

NgokukaPetru wesibili 1:3 "Ngokuba amandla akhe obuNkulunkulu esinikile konke okuqondene nokuphila nokumesaba uNkulunkulu ngokumazi yena owasibiza ngenkazimulo nobuhle bakhe,"

Isibusiso sami soMoya \_\_\_\_\_

3. Iphi iNkosi yethu uJesu Kristu?

KwabaseFesu 1:20-23 UNkulunkulu wavusa uKristu "emvusa kwabafleayo, wamhlalisa ngakwesokunene sakhe ezulwini, ngaphezu kwakho konke ukubusa, negunya namandla, nobukhosi, namagama onke apha wayo, kungekulelizwe lodwa kepha nakulo elizayo; wakubeka konke phansi kwezinyawo zakhe, wammisa abe-yinhloko phezu kwakho konke kulo ibandla, elona lingumzimba wakhe, ukugcwala kwakhe ogcwalisa konke kubo bonke."

NgokukaPetru wokuqala 3:22 "uJesu Kristu okhona ngakwesokunene sikaNkulunkulu esenyukele ezulwini, sekubekwe phansi kwakhe izingelosi negunya, namandla."

Isibusiso sami soMoya \_\_\_\_\_

4. Sikuphi thina mayelana noKristu?

UNkulunkulu wasivusa kanye noKristu wasihlalisa naye embusweni wezulu kuKristu uJesu.

KwabaseFesu 2: 4-6 sitshelwa ukuthi "uNkulunkulu ecebile ngesihawu, ngenxa yothando lwakhe olukhulu asithanda ngalo, sesfile ngeziphambeko, wenza siphile kanye noKristu-kungomusa nisindisiwe-wasivusa kanye naye, wasihlalisa kanye naye embusweni wezulu kuKristu Jesu."



D. UJesu Kristu wadlulisela amandla Akhe kuthina ekuthunyweni okukhulu. KuMathewu 28: 18 & 19 uJesu utshela abafundi bakhe “.....UJesu wasondela, wakhuluma kubo, wathi: Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni; ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibahpathize egameni likaJesu neleNdodana nelikaMoya oNgcwele.

1. UJesu wabiza abafundi bakhe abayishumi nambili wabaqoqa wabanika amandla negunya okuxosha amadimoni nokulapha izifo. Benzani abafundi ngegunya abalini kwa nguKristu? \_\_\_\_\_

Luke 9: 1

Mark 6: 7—13

Amandla kaKristu ayengabizelwe nje kuphela abafundi abayishumi nambili kepha nabanye abafundi abazinikela kuye njengeNkosi futhi bathunywa ukuba baphumele ngaphandle bashumayele ngegama lakhe.

Abangamashumi ayisikhombisa abanikwa igunya lokushumayela egameni Lakhe.

Lokhu kusetshenziswa kwegunya lomoya ekuzithatheleni Igama leNkosi uJesu Krestu ngaphezu kwamandla esitha kwabenza babona ukuthi amandla kaKrestu ngempela ayesethunyelwe kubo.

NgokukaLuka 10: 17-19, “Babuya ke abangamashumi ayisikhombisa ngokujabula, bathi: Nkosi namadimoni ayasithobela ngegama lakho, Wathi kubo: Ngabona usathane ewa eZulwini njengonyazi, Bhekani, ngininikile igunya lokunyathela izinyoka nawofezela naphezu kwamandla onke esitha; anisoze noniwa lutho”

Ukuqondana: Yini ongayenza ebandleni ngoba iNkosi uJesu esethumele igunya lakhe kuwe?

1. \_\_\_\_\_

2. \_\_\_\_\_

## **Umgomo wempi: Ukuzithemba kwethu ekumelaneni nosathane nezimpelesi zakhe zasesihogweni kulele esimweni sethu sokunqoba kuKrestu ngaphezu kwakho konke ukuphatha negunya.**

Bheka: uma izimpendulo zakho ku D1 no D2 kungokuthi: Ukuxosha amadimoni, ukukhulekela abagulayp\_uqinisele!

3. UJesu wasigcinela kanjani lesi sikhundla segunya eliphelele nokunqoba usathane noquqaba lwakhe lwasesihogweni?

Inkosi yethu uJesu waholelwa ehlane, emuva kokubhabhadiswa kwakhe, ukuba ahlanganise nesitha balwe ukulwa kokufa. Ukuze agcinele thina ilungelo lokubhekana nosathane nokuthi simubike njengohluliweyo, uJesu kwakumele alwe naye qobo, njengendoda anqobe amandla asathane. Wahlangana naye njengoAdamu wesibili, njengeNdoda engcwele, Wahamba emgwaqweni wogwadule kaAdamu lapho usathane wayepethe khona. Wayebuthakathaka, ekhathale futhi elambele. Okungesikho esingakubiza ngokuthi isimo sokulungela ukulwa ngokwethu. Kepha wahlangana nosathane ngezwi likaMoya laNkulunkulu ngokuthetha okunamandla, wamyalala ukuba ahambe.

Isigcawu sesihleliwe, usathane usevele ngokucacile njengesitha esibhubhisayo sikaJesu nathi. UJesu usekulungele ukuqala kwakhe umlayezo wobukhosi, wokulapha nokusindiswa embusweni kasathane. Umphostoli uJohane wathi, “INdodana kaNkulunkulu yabonakaliswa ngalokhu, ukuze ichithe imisebenzi ka sathane” uJohane wokuqala 3:8. Zinye ezinye iziwombe ezalandela ezintshumayelweni, uJesu wayehlangabezana nosathane nemoya emibi athethe kanzima awaxoshe ethi “phumani”, “phumani”, “ningabuyi”.

Asibuyele manje laphaya esenzekweni sikaLuka 10 kumakholwa angamashumi ayisikhombisa. Ekujabuleni kwabo bejabuliswa ukubona amadimoni exoshwa ngeGama lakhe, uJesu unika isizathu sokuthi yini kumele isitha sibathobele. "Wathi kubo, bengimbuka usathane eqathaka phezulu ezulwini njengonyazi. Bhokani, ngininikile igunya lokunyathela phezu kwezinyoka nofuzela, naphezu kwamandla esitha akunalutho oluyakunilimaza." Labafundi babona ngempela ukuthi amandla kaJesus athunyelwe kubo. Usathane kwakumele athobele umthetho wabafundi ngendlela efanayo nale ayethobela umthetho kaJesu, iNdodana yomuntu engcwele.

KuMarku wesihlanu sithola indoda eyayisihlule lonke usizo olwaziwayo. Lapha uJesu wavumela abafundi Bakhe ukuthi babone isibonakaliso samandla akhe esimweni esinzima kakhulu sokuhaqwa amadimoni. Wayefuna ngokukananazi ukuba babone ukuthi amadimoni enzani kumuntu uma eyekelwe angaxoshwa. uJesu wayefuna ukunika abafundi bakhe uzwelu kulomuntu owayenamadimoni nentukuthelo kusathane. Lendoda yayingabambeki. Yayigcwele ulaka, izizonda, ukuhlangulekile, ukungcola, ukufa, umnjunju. Amadimoni ayezama ukumbhuhisa. Owaye namadimoni wawela phezu kwezinyawo zikaJesu, uJesu wathetha exohla amadimoni ukuba aphumele ezingulubeni ukubonisa abafundi bakhe intando eyonayo yawo wonke amadimoni kanye namandla asindisayo kaNkulunkulu akhulula lendoda. Kwakungemuva kwalokhu ngalenkathi esebathuma ukuba bahambe bayokwenza okufanayo. Ngokucacile babenakho ukwesaba okuncane. Ngakhoke uJesu wongeza ngokuthi esahlukweni seshumi nesishagalolunye "Akukho okuyakunilimaza"

4. Sikwenza kanjani thina makholwa, ukuba sisebenzise leligunya lika Kristu?

Amandla kaKristu namandla ethu Kuye ashiwo kaningana ezindabeni zensindiso. UJesu wathi kungkhohlo lwethu olusinika isibindi ukuba sikwazi ukukhuluma nezintaba. UJesu akashongo ukuthi "Thandzelani izintaba". KuMathewu 17; 14-21 umfana owayenamadimoni, abafundi abahluleka ukumkhulula waletlwa kuJesu wakhululwa. Abafundi babuza bathi "Yin indaba thina singakwazanga ukulixosha na?"

Waphendula wathi, "Kungenxa yokukholwa kwenu okuncane, ngokuba ngiqinisile ngithi kini: Uma ninokukholwa njengembewu yesinaphi, niyakuthi kulentaba: Suka lapha, uye lapha, iyakusuka; akukho okuyakunehula." NgokukaMathewu 17:20

Kulesigaba kucacile ukuthi abafundi babenawo amandla ka Kristu kodwa babesafunda ukuma ethembeni eliphelele kuKristu ukunqwamana nesitha. Ukhaye wokuthi sisebenzise amandla kaKristu ezimpilweni zethu ukhohlo. INkosi yethu yathi ukhohlo nje oluncane obeludingeka ukuze kukhulunywe nezintaba (noma isiphaphelo ezimpilweni zethu) ziyalwe ukuba zigudluke.

Ukuqondanisa: Kungabe unalo ukhohlo okwembewu yesinaphi? Ungakhuluma na nezintaba empilweni yakho?\_Yebo\_Cha.

Abafundi babanobufakazi bokuthi ngempela babenamandla afanayo  
ngaphezu kobukhosi bamadimoni.  
Lamandla anikwe bonke abamsebenzelayo uNkulunkulu hhayi nje kubafundi  
abayishumi nambili kuphela futhi hhayi nje labo ababangamashumi ayisikhombisa  
kepha kuwe name  
\*\*\*\*\*  
Kwakuyisikhathi esimnandi emlandweni wesintu lokhu! Amandla kaKristu  
ngaphezu  
kukasathane namadimoni akhe athunyelwa kubantu unguna phakade!!!

Ayenikwe bani lamandla? Labo ababenobuhlakani futhi abakhaliphile abafundele konke?

Cha, kepha labo bantu ababenokholo olufana nolwengane, bakholwa uJesu kulokhu ayekusho. UJesu wayejabule kakhulu ngakokuba wavele wadumisa, isahluko 21, “Ngasona lesosikhathi wathokoza ngoMoya oNgcwele, wathi Ngiyakubonga, Baba, Nkosi yezulu nomhlaba, ngokuba ukufihlile lokho kwabahlakaniphileyo nabanokuqonda, wakwambulela izingane; yebo, Baba, ngokuba kwaba-kuhle phambi kwakho ukuba kube-njalo.

Ukuqondanisa: Lalunikwe bani lolokholo? Funda uLuka 10:21 bese ubheke impendulo elungile.

\_\_\_\_\_ kumakholwa anokholo oluqinile kuphela.

\_\_\_\_\_ kulabo ababekholwa njengezingane abathatha nje ayekusho uJesu.

5. \_\_\_\_\_ Amandla kaJesu siwanikiwe ngokucacile ukuze sibe nomthetho wesonto. Funda uMathewu 18: 15-20, bese uyabona ukuthi ungakwazi yini ukulandelanisa izinyathelo ezilungileyo zomthetho wenkonzo:

- a. \_\_\_\_\_  
b. \_\_\_\_\_  
c. \_\_\_\_\_  
d. \_\_\_\_\_

Emva kokuthatha izinyathelo ezimbalwa kumthetho wesonto/nkonzo, futhi uma ikholwa lingaphenduli, UJesu usiyala ukuba singene emandleni omoya sibophe amandla obumnyama anomthelela kulesisimo nakuleli kholwa. (Bheka isigaba sesithathu (session 3) ukuze ubone imfundiso egcwele yokubopha nokukhulula)

Umgomo Wempi: Igunya kumakholwa ilungelo nemvume yokusebenzisa IGAMA, leNkosi uJesu Kristu ukulwa nesitha ngoba sihlalisiwe Kuye ngokholo lwethu.

Izimpendulo zika D5: 1. Uma umfowenu ekona, hamba umsole ninodwa naye; 2. Thatha futhi abe- munye noma ababili ofakazi. 3. Tshela ibandla; 4. Mthathise okwezizwe noma umthelelisi—umthande

6. \_\_\_\_\_ Sawathola nini lamandla okubhekana nosathane nethimba lakhe lasesihogweni siphumelele ngaso sonke isikhathi?  
UKristu wathumela amandla akhe ebandleni ePentekoste ethembisa abafundi ukuthi bayokwamukeliswa amandla ayofika, uMoya oNgcwele esefikile phezu kwabo. Izenzo 1:8

7. \_\_\_\_\_ Ngubani ongumthombo wamandla emolweni yakho?

Umphostoli uPawulu uqiniseka ngomthombo wamandla futhi uyafakaza ngobukhona bawo ezimpilweni zethu. UMoya ongcwele ongaphakathi kithi iwo kuphela umthombo wamandla.

Kwabase-Fesu 3:16 umphostoli uPawulu uyakhuleka, “Ngiyakhuleka.....ukuba ngokwengcebo yenkazimulo yakhe aninike ukuqiniseka emandleni ngoMoya wakhe kumuntu ongaphakathi; uKristu ahlale ezinhliziyweni zenu ngokukholwa.”

E. Uma sibhekana nosathane nezimpelesi zakhe empini yomoya, kungeke kwaba nje ngamandla nobungcweti bethu. Kumele siqiniseke ngokuphelele ngobukhona begunya nesikhundla sethu kuKristu. “Abangamashumi ayisikhombisa babuya ngenjabulo, bethi “Nkosi, ngisho namadimoni ayasithobela ngenxa yeGama lakho” NgokukaLuka 10:17

1. \_\_\_\_\_ Ngenxa yesikhundla sethu kuKristu, ngaphezu kwakho konke okungamandla amabi kanye nosathane uqobo lwakhe, sinamandla ngaphezu kwayo yonke imisebenzi nezinjongo zakhe. Kusekusebenziseni kwethu lamandla lapho siqoba khona usathane.

“Indodana kaNkulunkulu yabonakaliswa ngalokhu, ukuze ichithe imisebenzi kasathane.”<sup>1</sup> Johane 3:8b  
KuJohane 4:4, sifunda ukuthi, “NingabakaNkulunkulu nina-bantwanyana, nibahlulile, ngokuba lowo okini mkhulu kunaye osezweni.

KwabaseKolose 2:6-10 kukhonjwa ukuthi “Ngakho-ke njengalokho nimamukela uKristu Jesu iNkosi, hambani nikuye, nigxilile, nakhiwe kuye, niqinisiwe ekukholweni, njengalokho nifundisiwe, nivame ukubonga. Xwayani funa kube-khona onithumbayo ngokuhlakanipha nangenkohliso eyize njengokwemvelo yabantu, njengezifundiso zokucathula kwezwe, kungenjengokukaKristu. Ngokuba kuhlala kuye ngokomzimba ukugcwala konke kobuNkulunkulu; nigcwalisiwe kuye, yena oyinhloko yemibuso yonke namandla.”

2. Sabelwe esikhundleni nasemandleni kaKristu manje naphakade ngokuba izindlalifa kunye naye.

KwabaseRoma 8: 14-17 “Ngokuba bonke abaholwa nguMoya kaNkulunkulu, labo bangabantwana bakaNkulunkulu. Ngokuba anamukeliswa umoya wobugqila ukuba nibuye nesabe, kepha namukeliswa umoya wobuntwana esimemeza ngaye sithi: Aba, Baba! Yena lowoMoya ufakaza kanye nomoya wethu ukuthi singabantwana bakaNkulunkulu. Uma-ke singabantwana, siyizindlalifa futhi, izindlalifa zikaNkulunkulu, izindlalifa kanye noKristu, uma phela sihlupheka kanye naye, ukuze siphwe inkazimulo futhi kanye naye.

Isambulo 2: 26-27 usinika uqabuka kwindima yethu yakusasa, “Onqobayo nogcina imisebenzi yami kuze kube sekupheleni lowo NGIYAKUMNIKA AMANDLA PHEZU KWEZIZWE, UYAKUZIBUSA NGENTONGA YESIMBI, ZIPHAHLAZWE NJENGEZITSHA EZIBUNJIWEYO, njengalokhu name ngamukelisiwe uBaba.”

Ukuqondanisa:- Bhala okubona njengezinzuzo ezimbili ezinkulu zesikhundla sethu kuKristu,

1. \_\_\_\_\_

2. \_\_\_\_\_

## F. Sinawo amandla ezikhalini zethu zomoya zokubhubhisa zonke izinqaba zesitha.

**1.** Ngendlela efanayo nokuba umphathi wempi enegunya namandla okunqoba isitha nathi sinegunya namandla kaKristu okunqoba usathane nethimba lakhe. Umphathi wempi unegunya namandla ngenxa yesikhundla sakhe anikwe sona abamphethe. Unamandla akhona ukuze anqobe isitha ngoba esizwa ithimba lakhe lempi elihlezi lilindele ukuba lijubwe bese liyaviva. Ujenene wempi akasebenzisi nje amandla akhe kepha usebenzisa impi ayinikeziwe. Uma isikhundla sikajenene sithathwa ngomunye umuntu, lowomuntu uba namandla afanayo. Ngendlela efanayo sinegunya ngaphezu kwamandla esitha esikhundleni sethu kuKristu. Sinesikhala esinamandla onke emhlabeni ukuyala nje ngomlomo bese usathane enqobeka. Inkosi Jesu Kristu usiseka ngamandla akhe nethimba lakhe laseZulwini ngemuva komyalo wethu .

G. Izikhali zempi yethu akusizo ezalapha emhlabeni. “.....ngokuba izikhali zethu zokulwa kasizo ezenyama, kodwa ngaye uNkulunkulu zinamandla okubhidliza izinqaba, sichitha izizindlo.”<sup>2</sup> abaseKorinte. 10:4

1. Zifaka :

a. Igazi lemvana kaNkulunkulu

b. Igama leNkosi Jesu Kristu.

c. Izwi lobufakazi bethu

d. Impilo yethu enqamuleziwe okungukuthi ngokholo iyavumela indodana kaNkulunkulu iphile kithi ngesimo sikaMoya oyingcwele.

e. Izwi likaNkulunkulu elinamandla

Ukuqondanisa: Bheka ukuthi iziphi izikhali ekukhulunywa ngazo kulembhalo olandelayo:

Isambulo 12:11 igazi leWundlu, izwi lobufakazi,  
impilo enikelwe kuNkulunkulu

2 AbaseKorinte 10:3-6 \_\_\_\_\_

KwabaseFilipi 2: 9-11 \_\_\_\_\_

KwabaseGalathiya: 2:20 \_\_\_\_\_

Izimpendulo: Izikhali zikaThixo, IGama leNkosi Jesu Kristu, UKristu ophila kimi

**H. Uma simthobela uNkulunkulu ngokuphelele, singamelana, ngokuqina, nosathane nezimpelesi zakhe zasesihogweni.**

**Ukuqondanisa: Thina, siyibandla, kumele sikushumayele ukunqoba kukaKristu, futhi ngeGama lakhe, sikumemezele ukuhlulwa nokubhubhiswa kwamandla obumnyama asihlaselayo.**

KwabaseFesu 3: 8-10 “Mina engimncinyana kunabo bonke abangcwele ngaphiwa lowomusa wokushumayeza abezizwe ivangeli lengcebo kaKristu engaphenyekiyo nokubakhanyisela ukuthi liyini ihlelo lemfihlakalo ebifihliwe kwaphakade kuNkulunkulu owadala izinto zonke, ukuze imibuso nabanamandla amazulwini baziswe manje ngabandla ukuhlakanipha okuninginingi kukaNkulunkulu.

**“Ekugcineni thina esimele ukukwenza ukumelana namandla obumnyama ukuthi sizalwe kabusha! Kodwa ekugcineni lokhu ukuzalwa kabusha kuzoza ngokuthi sinqobe usathane ukunqoba ngokwenyukela ezulwini: Ukubuya KweNkosi Jesu Kristu nokulahlwa kukasathana namandla akhe emhomeni ojulile.” Watchman Nee, The Spiritual Man**

## KuKristu, Nginguye.....

1. Umntwana kaNkulunkulu (AbaseRoma 8:16)
2. Ohlengiwe esandleni sesitha (Isihlabelelo 107:2)
3. Oxolelwe (AbaseKolose1: 13,14)
4. Osindisiwe ngomusa ngenxa yokholo (KwabaseFesu 2:18)
5. Onikwe ilungelo/ ophendulelwe (AbaseRoma 5:1)
6. ongcwelisiwe –ngoMoya Oyingcwele (1 AbaseKorinte 6:11)
7. Oyisidalwa esisha (2 AbaseKorinte 5:17)
8. Ohlanganyele nesimo sobuNkulunkulu (2 Petru 1:4)
9. Ohlengiwe esiqalekiseni somthetho ( KwabaseGalathiya 3:13)
10. Okhululwe emandleni obumnyama (AbaseKolose 1:13)
11. Oholwa nguMoya kaNkulunkulu (abaseRoma 8:14)
12. Olondolozwe ezindleleni zami zonke (amaHubo 91:11)
13. Othola zonke izidingo zami zibhekelelwe uJesu (ongenakuswela) (abaseFilipu 4:19)
14. Ngichithela zonke izinkathalo zami kuJesu (1 Petru 5:7)
15. Onzima eNkosini nasemandleni akhe (abaseFesu 6:10)
16. Ngenza konke ngoKristu yena onginika isibindi (abaseFilipu 4:13)
17. Indlalifa kaNkulunkulu futhi indlalifa kanye noKristu (abaseRoma 8:17)
18. Indlalifa yezibusiso zikaAbraham (abaseGalathiya 3:13-14)
19. Obhekile futhi elandela imiyalelo kaNkulunkulu (uDuteronomi 28:12)
20. Obusisiwe ekungeneni kwami, ngabusiswa nasekuphumeni kwami. (uDuteronomi 28:6)
21. Indlalifa yempilo engunaphakade (1 Johane 5:11-12)
22. Obusiswe ngazo zonke izibusiso zoMoya (abaseFesu 1:3)
23. Owaphulukiswa ngemvimbo yakhe (1 Petru 2:24)
24. Onegunya phezu kwesitha (Luka 10:19)
25. Ongaphezu kwezimo, ongekho ngaphansi kwazo (uDuteronomi 28:13)
26. Ongaphezulu kokuba iqhawe (abaseRoma 8:37)
27. Ngakha umbuso kaNkulunkulu khona lapha emhlabeni (Mathewu 16:19)
28. Onqobayo ngegazi leWundlu neZwi lobufakazi (Isambulo 12:11)
29. Onqoba isitha imihla yonke (1 Johane 4:4)
30. Angishukumiswa engikubonayo (2 abaseKorinte 4:18)
31. Ohamba ngokukholwa ongahambi ngakubonayo (2 abaseKorinte 5:7)
32. Ochitha izizindlo (2 abaseKorinte 10:4-5)
33. Othumba wonke amacebo ukulamulela uKristu (2 abaseKorinte 10:4-5)
34. Oguqulwe ngokwenziwa ibentsha ingqondo (abaseRoma 12:1-2)
35. Osebenza kunye noNkulunkulu (1 abaseKorinte 3:9)
36. Ongukulunga kukaNkulunkulu kuKristu (2 abaseKorinte 5:21)
37. Umlingisi kaJesu (kwabaseFesu 5:1)
38. Ukukhanya komhlaba (Johane 8:12)

Ukuqondanisa: Dlinza nsuku zonke ngokubili noma ngaphezu kwalamaqiniso amayelana nokuthi ungubani njengekholwa. Uzoqiniswa ukuze umelane nasiphi is

***“Awukho umhlabathi  
ongahlangene nabani  
lapha emhlabeni,  
ingxenye nengxenye  
yomhlaba, umzuzu  
nomzuzu  
kusembangweni phakathi  
kukaNkulunkulu  
nosathane.” C S Lewis***

## **IKHASI 2                    Iziphili zokulwa zikaNkulunkulu**

### **UKUVIKELWA EKUNGENWENI FUTHI**

Wonke lamakhasi alandelayo azokunika ukuthi uhlale ukhululekile

**Iqiniso elingukhiye: INkosi uJesu Kristu uyisikhali sethu sokuzivikela empini.**

**Inhloso yesifundo: Ukufaka engqondweni isiqephu ngasinye sengubo yensimbi kaNkulunkulu futhi sifunde ukuthi igqokwa kanjani zonke izinsuku ukuze sime siqine empini kasathane sibone namacebo akhe.**

**Isahluko esingukhiye: abaseFesu 6:11  
“Hlomani iziphili zonke zikaNkulunkulu, ukuze nibe-namandla okumelana namaqhinga kasathane.”**

### **Indima yesifundo: abaseFesu 6: 10-18**

#### **A.Qina eNkosini nasemandleni ayo amakhulu**

1. Uma sihlanzwa ngegazi likaKristu, elikhululwe enqabeni yesitha, lagcwaliswa ngoMoya ongcwele, siyaqina eNkosini. Siyaqiniswa ngamandla kaNkulunkulu aqhamuka ngaphandle. Lamandla afika uma uMoya Ongcwele uzinza kithi ngalenkathi simthobela uNkulunkulu. UMoya Ongcwele uyadedelwa usuka ngaphakathi kithi uphume ngaphandle usungamanzi aphilayo. Ilapho sesingaphila impilo yokungasweli.

Iliphi iqiniso esilitholayo kulezifundo ezilandelayo, ngasinye?

1 Johane 1:9

1 abaseKorinte 16:13

2 abaseKorinte 12:9

abaseFesu 1:18-21

Johane 7:38

amaHubo 18: 29-36

#### **B. Siyayalwa ukuba sihlome ngezikhali eziphelele zikaNkulunkulu ukuze sikwazi ukumele amaqhinga kasathane (vs. 11)**

**Ungakhohliswa na?**

**Ufuna bani usathane?**

2 abaseKorinte 11:3

1 uPetru 5:6-10

Izipendulo: \_\_\_\_\_

Izipendulo: yebo, umuntu azomshwabadela.



1.Siyayalwa ukuba "sigqoke ingubo yensimbi" siphinde" sihlome" ngokuphelele ngezikhali ukuze "sime siqine". Sikwenze lokhu senzela ukuhlomula kulezikhali zikaNkulunkulu,

## **Imigomo yempi: Uma sihloma ngezikhali zikaNkulunkulu, sizobona futhi simele amaqhinga kasathane.** [bheka abaseFesu 6:11]

2.Ikholwa eselisindisiwe likulungele ukuya empini nosathane manje. Kumele liphathe zonke izikhali lime empini.

uJesse Penn-Lewis, iqhawe elikhulu likaNkulunkulu, wakhuluma lokhu ngezikhali zikaNkulunkulu. Nazi izinto ezintathu ezibalulekile ngokugqoka ingubo yempi yensimbi. Kungabe uhlomula ngokuphelele ngalengubo?

Ikholwa elithatha zonke izikhali zikaNkulunkulu nezembatho zempi lizivikele empini ,kumele lizihambe nje ngobuqhawe phezu kwesitha. Kumele (1) libe nomoya ogcwaliswe ngoMoya Ongcwele ukuze liqinise ngamandla kaNkulunkulu lime lingagudluzeki; (2) linikwe umqondo omusha (abaseRoma 12:2) ukuze libenokuqonda okugcwaliswe ukukhanya kweqiniso (abaseFesu 1:18) kuphazamiswe amanga kasathane, kubhubhiswe umgubuzelo lo usathane ekade eyimboze ngawo;ingqondo ihlambululwa ukuze liqonde ngokuhlakanipha ukuthi inhloso yeNkosi iyiphi; (3) umzimba walo uthobele uMoya (1 abaseKorinte 9: 25-27), futhi uhloniphe intando kaNkulunkulu empilweni nasekumsebenzeleni. "Jesse Penn-Lewis. War on the Saints

C. Impi yethu ibhekene nosathane nequlu lakhe lamadimoni asesihogweni embusweni wakhe wobumnyama (vs 12).

1. Umbuso kasathane uyimpi eyakhelwe ukuhlasela ikholwa. Usesebenze ukulwa nesintu kusukela ensimini yase Edeni.

a. Inkosana yamandla omoya usathane. Uphethe umbuso futhi unamagama ahlukeni. Nanka amanye awo:

=> usathane	abaseFesu 4:27
=> onobubi	1 Johane 5:19
=> uBelial	2 abaseKorinte 6:15
=> umphathi walomhlaba	2 abaseKorinte 4:4; John 14:30
=> ophikisene noKristu	2 abaseThesalonika 2:3-10; 1 John 4:30
=> inkanyamba	Isambulo 12:9
=> inyoka yakudala	uGenesise 3:1 Isambulo 12:9
=> ummangali wabazalwane	Isambulo 12:10
=> usathane, imbangi	1 Izikronike 21:1

B. Ukuhlaselwa kungaqhamuka ngamazanga ahluka hlukeno embusweni wobumnyama.

=> abaphathi, abasemandleni

abaseRoma 8:38, abaseFesu 6:12

1 abaseKorinte 15:24; abaseFesu 1:21

abaseFesu 3:10, abaseKolose 1:16, 2:10

=> ababusi, izihlalo zobukhosi

abaseFesu 1:21; abaseKolose 1:16f; 2 Petru 2:1

=> amakhosana, amakhosi, abomumnyama abaseFesu 6:12 (bona nalezahluko ezingaphezulu)

=> emimoya emibi (izingelosi zikasathane) 1 Samuweli 18:10; uLuka 8:27

=> izithunywa zamadimoni kasathane 2 abaseKorinte 12: 7 (nabanye)


2. Isitha sisebenzisa izindlela ezintathu zokuhlaselela: inyama, umhlaba, nobubi obungasikho obalapha emhlabeni, okungajwayelekile (supernaturalism)

<u>INDLELA YOHLASELO</u>	<u>INKINGA</u>	<u>ISISOMBULULO</u>
<b>Inyama</b>	abaseGalathiya 5:19-21	<b>ISIPHAMBANO</b> AbaseRoma 6:6 AbaseGalathiya 5:24
<b>Umhlaba</b>	uJohane 15: 18-19 1 Johane 2: 15-17 Inkanuko yamehlo, ukuzazisa ngesinako	<b>ISIPHAMBANO</b> abaseGalathiya 6:14 1 uJohane 5:3-5
<b>Usathane, amadimoni</b>	abaseFesu 6:12 1 Petru 5:8	<b>IMPI YOMOYA</b> 1 Johane 3:8 Jakobe 4: 7
		<b>Thobela uNkulunkulu Xosha usathane</b>

**Siqeqeshelwa impi yomoya  
phezu kwezizwe.**

3. Ngingazi kanjani uma ngisebugqilini?

## Ukuthandeleka esonweni nezinyathelo ongazithatha ukuze ube senkululekweni



D. Singakwazi ukuzabalaza, sime siqine osukwini olubi uma sigqoke ingubo yensimbi kaNkulunkulu (vs13)

“Hloma uphelele ngazo zonke izikhali zempi ukuze ukwazi ukumelana nesikhathi esinzima, usukwenze konke okulungele ukuthi ume uqine.” Vs.13

1. **“Hloma”** kusho ukuthi **“ukuthabatha”**. Kuyisithombe sesosha eligqoka izingubo zalo zempi, ngokuzotha nangendlela eyiyo. Akukho okungeke kube khona indawo yakho futhi kuphelele konke.

2. **“Izikhali nengubo kwempi okuphelele kukaNkulunkulu”**—wonke amaxhumela alomfaniswano wempi amele izingxenye zikaKristu. Sizobona ukuthi ixhumela ngalinye lingena kanjani ekunqobeni kwethu.

3. **“Izinsuku zobubi/zobumnyama”** izikhathi ezinzima zokuhlaselwa okukhulu. UJobe wadlula naye **“ezinsukwini zobumnyama”** ezazeniwa usathane, kodwa evunyelwa uNkulunkulu ukuvivinya, ukulinga, ukukhulisa nokwakhiwa kozithobile uJobe ukuba abe indoda kaNkulunkulu enokuhlakanipha koMoya esikulungele ukushumayela kubangani bayo (Jobe 42:8). Manje njengoba usukhululiwe, **impi onqwamana nayo izofeza inhloso kaNkulunkulu. Kuzoba umphi umphumela? Funda lezehluko ezilandelayo kuqala.**

1 Petru 1:3-9

Inhloso yempi kumina u \_\_\_\_\_

Bheka: okungenzeka kube izimpendulo—ukungicolisisa futhi ingifundise ukukhulekela nokulwela nabanye

4. Sima siqine ngokuthi sizithobe kuNkulunkulu, sithathe isikhundla kuKristu futhi sivimbe usathane. Uma sima siqine siyanqoba ngokoMoya. Kunqunywe ukuthi uma sekuphelile ukuhlaselwa, sizaqhubeka sime siqine futhi (1 Petru 5:8-10).

"Akukho ukuphumula empini yomoya...akukho okunye ngaphandle kwezikhali zoMoya zikaNkulunkulu okungasisiza kulempi embi esibhekene nayo. Akukho ukuphepha, akukho esingakwenza ekungathi ekugcineni kusihlengi kulesi sitha esinobuqili ngaphandle kwezikhali eziphelele zikaNkulunkulu uqobo."

Dr Martin Lloyd Jones, *The Christian Soldier*

### E. Izikhali zikaNkulunkulu (vs 13-17)

"Kodwa yembathani iNkosi uJesu Kristu, ninganakekeli inyama kuvuswe izinkanuko." abaseRoma 13:14

**Umgomo wempi: Ukuhlanganisa ingxenye ngayinye yezikhali zempi ibuyisela ikhono lethu lokuma siqine uma idimoni lihlasele**

#### 1. Gqoka IBHANDE LEQINISO esinqeni sakho (vs.14)

"Yima uqine, ngakhoke, usuzungelezile iqolo lakho ngeqiniso...vs.14

a. "Yima" isikhundla esisetshenziswa kakhulu empini esikhomba ukuthi akumele siphume emgqeni empini. Asinawo umsebenzi ofanayo, kodwa sinenhloso efanayo; ukuhlula usathane empini; ngokunqoba kweNkosi uJesu nokukhipha ingcebo ebumnyameni. Funda ulsaya 45:2-3. Ucabanga ukuthi yini ukukhipha ingcebo ebumnyameni? \_\_\_\_\_ okungen

zeka kube impendulo: alahlekile imiphefumulo yabantu abangasindisiwe, abantu abasebugqileni.

b. Izwi ngezwi, "usungeleze iqolo lakho ngeqiniso" kuchaze ukuba nokhalo lwethu liboshwe ngebhande leqiniso. Amasosha aseRoma ayegqoka isixwembe sebhande elikhulu. Lokhu kwakuyingxenye eyisisekelo sempahla yezikhali zokuhloma kwamabutho. Kweyodwa indawo kwakhukhona isikhala sokushutheka insabule; Esinye isikhala sasilenga imichilo yesikhumba senkomo emithathu; kwakhukhona nesaka lemikhangozo.

(Bona izithombe ekhasini 28-30)

c. **Iqiniso** libonisa **ubukhona bukaNkulunkulu**. Usabele nathi Yena uqobo nalokho okukhona ngempela kwesintu. Wehlise leliqiniso emhlabeni ngeNdodana Yakhe. UNkulunkulu ukhuluma nathi ngendlela yencwadi eyingcwele, neNdodana Yakhe noMoya Ongcwele ukusikhumbuza ngeqiniso.

Funda nazi izahluko ezilandelayo, uzibhalele izincazelo zeqiniso:

Johane 8:31-32

Johane 14:16,17

## Iqiniso ukuthi \_\_\_\_\_

**Ukuqondanisa: Ibhande leqiniso liqala ukusebenza uma sima singangabazi ezwini likaNkulunkulu sibhekane namanga.**

Impendulo ka E1c: umuntu weNkosi Jesu Kristu, uMoya Oyingcwele unguMoya weqiniso.

### **Gqoka IPLETI LESIFUBA LOKULUNGA (vs14).**

a. **Ipleti lesifuba** lamaRoma lalenziwe ngensimbi. Lalihlezi kahle libanjwe imichilo emithathu eyayilenga ebhandeni. Ipleti lesifuba lalikhusele izicubu zangaphakathi kwesifuba ezibalulekile-inhliziyo yamaphaphu. (Bona izithombe ekhasini 28-30)

b. Inhliziyo kumele ivikeleke njengendawo lapho kugcinwa khona Izwi noma umbhalo ongcwele. Unembemza nenhliziyo yikhona okukhomba indlela ingqondo ezocabanga ngayo nokuziphatha kwekholwa, ingatheswa cala. Sithola ukubaluleka kokuhamba ngeqiniso ezahlukweni ezilandelayo: Ihubo 19:14 Ihubo 119:11 Izaga 4:20-23

c. Kuyini **ukulunga**? Ubumnene ukuma okulungile phambi kukaNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Kristu. UKristu uye ongubuqotho, inhlanzeko, ubuhlakani nobungcwele bethu. Ngenkathi sithatha ubumnene Bakhe, ilapho ummangali angeke akwazi ukusimangalela. "Kepha ngaye nikuJesu Kristu owenzelwe thina ukuhlakanipha okuvela kuNkulunkulu **nokulunga** kanye nokungcwelelwa nokuhlengwa, ukuze kuthi njengokulotshiweyo; OZIBONGAYO AKAZIBONGE ENKOSINI." 1 abaseKorinte 1:30,31

### **Wena ungakuchaza uthi kuyini ukulunga?**

---

d. Umprofethi, uJeremiya, wabikezela lokhu kuJeremiya 23:6, "nanti igama eliyakubizwa ngalo lokuthi, **'UJehova ungukulunga kwethu.'**

e. Emuva kokufa nokuvuka kukaKristu, siyafunda ngokugcwaliseka kwabaseRoma 5:18 "ngalokho-ke njengokuba ngasiphambeko sinye kwaba-khona ukulahlwa kubantu bonke, kanjalo ngasenzo sinye sokulunga kwaba khona **ukulungisiswa** kukho ukuphila kubantu bonke."

2 abaseKorinte 5:21—"Ongasazanga isono wamenza isono ngenxa yethu, ukuze kuyena senziwe sibe-ngukulunga kukaNkulunkulu."

**f. Ukuqondanisa: Uma sihlosa ezinhliziyweni zethu ukuba singonakaliswa kepha sithathe ukulunga kukaKristu kube ngokwethu, singakwazi ukuma siqine ekuthesweni icala usathane.**

"Sesiyakuthini ngalokho na? Uma uNkulunkulu emi ngakithi, ngubani ongamelana nathi na? Yena ongayigodlanga eyakhe iNdodana, kepha wayinikela ngenxa yethu sonke, kungaba-kanjani ukuba

angasIphi konke kanye nayo na? Ngubani ozakumangalela abakhethiweyo bakaNkulunkulu na? UNkulunkulu ungolungisisayo."abaseRoma 8:31-33

**g.Ukuqondanisa: Bonga iNkosi Jesu Kristu zonke izinsuku ngokuthi umile ekulungeni kwakhe. Beka intando yakho ekutheni inqabe ukonakaliswa isono, umhlaba noma ukutheswa amacala usathane.**

**“ SENIZIGQOKISILE IZINYAWO ZENU IZICATHULO ZOKULUNGISELELA INTSHUMAYELO YOKUTHULA” (NIV) (vs. 15)**

- a. **Izinyawo** zakho mazime ngokulindela impi. Izicathulo zamaRoma zempi zazenziwe ngesikhumba senkomo, zinamava ngaphansi kwenzelwa ukuba zipeteke,kuhambeke kalula ngazo futhi sibambelele ziqine phansi ngalenkathi isosha libhekene nesitha. (Bona izithombe ekhasini 31-33)

**UMGOMO WEMPI: UNGAHLEHELELI EMUVA UMA WAQALA WABHEKANA NESITHA EMPINI, IBAMBE IMPI, UQINE ESIKHUNDLENI SAKHO.**

b."**Ukulungela**" noma "**Ukulungisela**" indawo esiba kuyo uma sesiqonda ukubaluleka ngokuphelele **kweVangeli lokuthula**, ekuyiyo eyasihlanganisa noNkulunkulu nabanye abazalwane. Leli Vangeli liwukumemezelwa futhi kokuhlulwa kukasathane embusweni wakhe wonke.

c. Yimaphi amaqiniso ongawakhothoza mayelana nengxenye yemvunulo yokulwa kulezahluko?

- 1.Luka 12:35 \_\_\_\_\_
- 2.Johane 14:27 \_\_\_\_\_
- 3.AbaseRoma 10:15 \_\_\_\_\_
- 4.AbaseFesu 3:8-10 \_\_\_\_\_
- 5.AbaseKolose 1:20-23 \_\_\_\_\_
- 6.AbaseKolose 3:15 \_\_\_\_\_

**Ukuqondanisa: Ukuzibika njengomile ngokunqoba evangelini lokuthula:**

"Ngiyabika ukuthi ngithengiwe ngegazi eliyigugu leNkosi uJesu Kristu. Izono zami ebezibhaliwe zicishiwe. Ngixolelwe futhi ngimile ekulungeni kukaKristu. Anginamsindo noNkulunkulu. Ngikhethe ukuxolela bonke labo abangicunulile ngoxolo lweNkosi uJesu Kristu, ngicisha konke okulotshiwe abangone ngakho. Ngibusisa labo abangiqalekisile futhi ngikhethe ukwenza okuhle kulabo abangisebenzise ngendelelo. Ngiyama ngiyaqina eVangelini lokuthula futhi ngithatha ukugqama kukaKristu kokumemezela ngokungesabi iVangeli engilinxusa lalo."

Izimpendulo za E-3, b: Zembathise ngokuzilungiselela; 2. UJesu washiya ukuthula kwakhe nathi, akashiyanga nezinhliziyo ezinokwesaba nokuphazamiseka; 3. Labo abeletha izindaba ezijabulisayo zokunqotshwa kwasathane, nezindaba ezimnandi zeVangeli: "banezinyawo ezinhle"; 4. Usathane nabamsebenzelayo bayaziswa ngobuhlakani bukaNkulunkulu; 5. Sibuyiselwe kuNkulunkulu futhi sinokuthula esikuthola ngeNkosi uJesu Kristu; 6. Sivumela uxolo lukaNkulunkulu lusebenze njengomlawuli (unqamulajuqu) ezinhliziyweni zethu.

4. Ngaphezu kwakho konke thabatha ISIHLANGU SOKHOLO ukuze ukwazi ukucisha amalangabi emicabango yesitha (vs 16)

"Ngakho-ke njengalokho nimamukele uKristu Jesu iNkosi, hambani nikuye, nigxilile, nakhiwe kuye, niqinisiwe ekukholweni, njengalokho nifundisiwe, nivame ukubonga." abaseKolose 2:6-7

a. **"Ukuthatha isihlangu sokhoho"** kusho ukusisebenzisa njalo empini. Isihlangu samaRoma yayihlala ngokucophelela ukuze isetshenziswe ngaleso sikhathi uma idingeka. Uma bezilungiselela ukungena ekulweni, leli hawu lalihlaliswa emanzini ukuze licishe amalangabi ayeza nemikhonto yesitha. Kumakholwa, iZwi likaNkulunkulu lingamanzi okumele sicwilise kuwo izihlangu zokhoho lwethu, kumele sizicwilise eqinisweni leZwi likaNkulunkulu, ngokuba lokhu kukodwa kuyocisha amalangabi emicabango nokuhlaselwa ngokomqondo kwesitha. (Bona izithombe ekhasini 28-30)

b. Luyini **ukhoho**? Ukhoho ukuthemba okuncike kakhulu emuntwini oyiNkosi Jesu Kristu. Ukhoho ukuba nesimo sokubona izinto ngendlela eyiyo kaKristu. Kungukukholwa kuye ukuthi uzosifezela zonke izidingo zethu. Ngokwezithembiso zikaNkulunkulu, ukhoho lwethu liyisiqiniseko sezinto ebezisezifisweni kithi nobufakazi bezinto ezingabonakaliyo. **Sikhetha ukukholwa lwi LinkaNkulunkulu noma selingavumelani nemibono yethu, nemizwa, nezimo noma namanga kasathane.**

c. **Ukuqondanisa**

Imaphi amaqiniso ongawathola kulezahluko ezilandelayo mayelana nehawu **lokhoho** lwakho:

Amaheberu 11:1 \_\_\_\_\_

Izihlabelelo 30:5 \_\_\_\_\_

uMathewu 17: 19-20 \_\_\_\_\_

uMarku 11: 22-24 \_\_\_\_\_

uLuka 17: 5-6 \_\_\_\_\_

*Izimpendulo za E-4, b: 1. Ukhoho luchazisiwe; 2. UNkulunkulu neZwi Lakhe, kukubili lokhu kuyihawu lokhoho lwethu; 3. Ukhoho olungangembewu yesinaphi luyakususa izintaba futhi lixoshe amadimonis; 4. Uma ukhuleka ngokukholwa imithandazo yakho iyahendulwa; 5. UJesu uyeyona ngegqiza lokhoho oluncanyana ukuba lubatuleke kakhulu empini yomoya*

d. Zinhlanu izindlela zokugculisa umyalelo wokuthatha **ihawu lokholo**

1. Ngenisa IZwi likaNkulunkulu zonke izinsuku ngaphakathi kuwe, ukuqinisa ihawu lakho. abaseRoma 10:17
2. Biza isithembiso sikaNkulunkulu ngokholo ngesendlalelo sako konke okwenzakalyo. amaHeberu 11: 17-18
3. Gcwaliswa ngoMoya Oyingcwele futhi ubonakalise izithelo zikaMoya Oyingcwele. abaseFesu 5: 18, abaseGalathiya 5: 22,23
4. Cosha ihawu lokholo lwakho masinyane uma uba sempini. 1 Petru 1: 6,7,13
5. Zigcine umatasa ngoKristu nobungane bakho kuye 1 Petru 1:8; abaseKolose 3:1; amaHeberu 12:1-2

e. Isitha sinezindlela ezifanayo etulweni laso lokusikhipha okholweni lethu. Okunye okujwayelekile okuhlasela ukhohlo ilokhu: ukunqikaza, ukwesaba, ukuthula ngokholo lwethu, ukungabi nalo ithemba nokungabinahliziyo. Lezi zinto kusazokhulunywa ngazo kabanzi ekhasini lesihlanu "Ukuzuza impi yomqondo."

**f. Ukuqondanisa: Ngithabatha ihawu/isihlangu sami sethemba bese ngikhethe ukukholwa futhi ngimemezele iqiniso likaNkulunkulu esikhundleni selangabi lamanga noma lokho okushiwo isitha.**

#### 5. Thabatha ISIGQOKO SEMPI YOSINDISO ( vs. 17).

- a. Njengoba uKristu eyikhanda lazo zonke izinto zesonto . Uyikhanda futhi lethu. Isigqoko sempi yosindiso imele isikhundla sethu sokunqoba; njengoba sesikutholile ukuphulukiswa embusweni wobumnyama futhi isikhundla sethu singunaphakade ekubeni umntwana kaNkulunkulu.
- b. Isigqoko samaRoma sempi sasigqize ngombala obomvu sibonakala kalula. Sisabonakalisa kalula ukuthi isosha lalilwa kuyiphi impi, ngakhoke insindiso yethu isibonakalisa esitheni njengama sosha onqamulezo ahamba ngaphansi kwegazi leMvana. *"Owasikhulula emandleni obumnyama nowasibeka embusweni weNdodana yothando lwakhe." abaseKolose 1: 13.*
- c. Umqondo womuntu inkundla yempi lapho usathane nemimoya yakhe emibi belwa khona neqiniso ngokuyifaka imicabango, imibono, izisusa ezingamanga, izizindlo, inhlanekezela nemicabango yobubi. Izinqaba zesitha ezazihlezi engqondweni zabhujiswa zakhishwa ngesikhathi sokuphulukiswa kepha manje ingqondo kumele ibuyiselwe esimweni esihle kakhulu uNkulunkulu ayeqonde ukuyakha ngeqiniso lakhe. (Bona Isahluko 5 esinesihloko esithi Ukuzuza Impi Yomqondo")

*"Ngokuba noma sihamba sisenyamani kasilwi ngokwenyama, ngokuba izikhali zethu zokulwa kasizo ezenyamani, kodwa ngaye uNkulunkulu zinamandla okubhidliza izinqaba, sichitha izizindlo" 2 abaseKorinte 10: 3- 4.*

Zisitshelani lezahluko mayelana nomqondo?

KwabaseFilipu 2: 12-13 abaseRoma 12: 2

d. INkosi yethu uJesu Kristu iyisiphephelo sethu ezitheni zethu.

Isibikezelo sika Zakariya mayelana noKristu siyagcwaliseka.

*"Mayibongwe iNkosi, uNkulunkulu kaIsrayeli, ngokuba ibahambe abantu bayo, yabenzela inkululeko. Yasivusela uphondo lwensindiso endlini kaDavide inceku yayo, njengalokho yakhuluma ngomlomo wabaprofethi bayo abangcwele basendulo-- iNsindiso ezitheni zethu nasesandleni sabo bonke abasizondayo, ukwenzela okhokho bethu isihawu nokukhumbula isivumelwano sayo esingcwele, isifungo eyasifunga kubaba uAbraham, ukusinika ukuba sithi sikhululiwe esandleni sezitha zethu, siyikhonze singenakwesaba ngobungcwele nangokulunga phambi kwayo zonke izinsuku zethu". ngokukaLuka 1: 68- 75*



e. Isigqoko sensindiso-lapha kukhulunywa ngokukhululwa kwethu nesikhundla sethu embusweni wokukhanya njengesosha likaKristu.

*f. Ukuqondanisa: Sibhekana kanjani nokuhlasela kwesitha sihlasele isikhundla sokusindiswa kwethu nokuhlanganiswa kwethu kuKristu.*

1. Ungayivumeli izinze imicabango emibi –lokho kuzokufaka esonweni. Yivimbe uma iqala ukuhlasele. *Jakobe 4:7*

2. Funda ukuhlukanisa phakathi kwemicabango yakho nemicabango oyifakwa usathane namadimoni Isitha sijwayele ukukhuluma engathi nguwe uqobo ukuze ucabange ukuthi imicabango yakho uqobo. *Isibonelo: "Ngiyisahluleki." Uma lokhu okuzwayokungesilo iqiniso futhi kungahambelani neqiniso ngoNkulunkulu noma lokhu oyikho kuKristu ngalokho kuqhamuka esitheni.*

3. *Indlela ejwayelekile usathane angena ngayo iphakathi emqondweni . Uma ezuze umqondo wakho, usenqobe wena uqobo lonke. 2 abaseKorinte 10:4-5. Ngokushesha ubona amanga akhe bese isikhundleni wakhuluma iqiniso. Lokhu kungumgomo wempi yohlaselo oluphikisayo. Uma uhlaselo oluphikisayo lushesha umonakalo uba mncane.*

4. *Uma isitha sihlasele imizwa yakho, inikele eNkosini uJesu Kristu uthathe imizwa Yakhe nempilo yakhe njengempendulo yakho.*

*"Nginamandla ukwenza konke ngaye ongiqiniso." abaseFilipu 4: 13*

## **6. Thatha INSABULA YOMOYA OKUYIZWI LIKANKULUNKULU (vs. 17).**

a. Sisebenzisa **isikhali esicunulayo** samazwi akhulunywayo kaNkulunkulu njengoba uJesu enza ehlane lokulingwa ngenkathi ethi kusathane,

*"Suka, sathane! Ngokuba kulotshive ukuthi: Wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho, umkhonze yena yedwa. Usathane wayesemshiya..."*

*uMathewu 4:10-11.*

*Ukuqondanisa: Khuluma isahlukwana esifanele ekubhekaneni namanga noma netulo lesitha lokho kuzobhuhisa amatulo kasathane kuwe.*

b. Uthini uNkulunkulu ngamandla nenhloso yezwi lakhe?

1. *"Abathanda umthetho wakho banokuthula okukhulu; akukho sikhubekiso kubo. Amahubo 119: 165*

2. *2 Timothewu 2:15 usifakela inselelo ukuthi sikwazi ukuphatha Izwi LikaNkulunkulu ngendlela enhle eyiqiniso, " Khuthalela ukuba uziveze uthembekile kuNkulunkulu, isisebenzi esingenamahloni, esiqondisa kahle izwi leqiniso."*

3. *Amandla eZwi likaNkulunkulu abekwe ngokuqhamile kumaHebheru 4: 12, "Ngokuba izwi likaNkulunkulu liphilile, linamandla, libukhali kunezinkemba zonke ezisika-nhlangothi zombili, lihlaba kuze kwahlukaniswe umphfumulo nomoya, amalungu nomnkantsha, lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyi"*

c. Inkemba yamaRoma yayaziwa umhlaba wonke ngokusika nhlangothi zombili, ibukhali kakhulu kuyisikhali esifanelwe ukusatshwa kakhulu. Yayingasuki eceleni lesosha lamaRoma ubusuku nemini. Kwakuyiso isikhalo sokuqala esicunulayo. (Bona izithombe ekhasini 33) Ngakho-ke, nakanjalo, kumele sisazi isikhali sethu ngokufunda nokudliza ngaso imini nobusuku. Uma sibambene empini nosathane namabutho, kumele sisebenzise ubuciko eZwini likaNkulunkulu, okuyikho okuyoletsa ukumngqoba. Usathane uyangqangqazela esaba iZwi LikaNkulunkulu. Uyazi ukuthi isiphi isikhali esingambalekisa.

7. KHULEKA NGAZO ZONKE IZIKHATHI NGOMOYA futhi and UHLEZI UQAPHILE futhi WENZE IZINXUSO WENZELA BONKE ABANGCWELE ( verse 18).

a. OKuphela ngoMoya kaNkulunkulu owaziyo ukuba kumele sithandaze kanjani. Uma sikhuleka, sinikela koseZulwini uBaba kuqala egameni leNkosi uJesu Kristu. Siyamcela ukuba asikhombise ukuba sikhuleke ngendlela yentando Yakhe.

**Thatha isikhathi sokuyilinda iNkosi nokulalela Yona!!!!**

b. Sithola amandla okulwa nesitha kuYena uma sikhulekela bangcwele abadlula babekezelele lezihibe nokuhlukumezeka.

Umkhuleko uyasivikela ekungeneni kwethu kunoxhaka wesitha. uJesus wathi kubafundi bakhe ngesikhathi sokuhlupheka Kwakhe okukhulu, ngenkathi encengela wonke umuntu,

*"Lindani, nikhuleke ukuba ningangeni ekulingweni; umoya uyavuma, kepha inyama ibuthakathaka"*  
Mathewu 26: 41.

c. UPawula wacela abangcwele ukuba bamkhulekele ukuba abe nesibindi sokumemezela iVangeli ngaphandle kokwesaba. Isosha laseRoma lalaziwa ngokungabi nalo uvalo. AbaseFesu 6:19-20.

NjengoPawula nathi Makholwa singathandazelana ukuba sinikwe ukugqama okungenakwesaba uma sishumayela iVangeli.

d. Singazi kanjani uma ukuthi ufuna isiqiniseko sokuthi ngokoMoya, khuleka usebenzisa kancane uzothola inkululeko ukhuleke entandweni

e. *Ukuqondanisa: Nansi imigomo nabanye emkhulekweni ukuze uqhubekele phambili..*

1. *abaseFesu 1: 15- 23* – zikhuleke nabanye kamuva

2. *abaseFesu 3: 14- 21* – khulekela bukaKristu nokhono lokuqonda lusebenza kanjani enkonzweni.

3. *2 abaseKorinte 4: 3- 4* – Yala izinkohliso zakhe ezingqondweni obakhulekelayokuze baqonde

4. *abaseFilipu 3: 10- 11* – khulekela nokuhlanganyela kanye Naye

5. *abaseFilipu 4: 6- 7* – Khuleka

6. *Hezekeli 22: 30- 31* – Ima wabathandiweyo, abangcwele, Ongcwele ukuhola.

7. *2 Thesalonika 1: 11-12* – kaNkulunkulu ifezeke ngawe ukuze ezakudunyiswa ngawe.

8. *2 Thesalonika 3: 1-3* – Zikhulekelele nikhululwe kulabo bokubi niqinise

9. *1 Thimotheu 2: 1-4* – Khulekela bonke abaphathi nabo bonke abantu, njengoba uMoya Ongcwele ukuhola, ukuze basindiswe.



**sikhuleka ngokoMoya?** Uma ngempela ukhuleka Izwi likaNkulunkulu. Kancane, eyengeziwe eMoyeni ukuthi kaNkulunkulu

*esingazisebenzisela yona thina umbuso kaNkulunkulu*

*wena kuqala bese ukhulekela*

*ukuqina, amandla, ubukhona ukuthi uthando lukaKristu*

*usathane ukuba athathe zalaba abangakhohlwayo iVangeli bathole noKristu, ukumazi uKrestu, Amandla Akhe, ekuhluphekeni kwakhe, esikhundleni sokukhathazeka, njengomkhulumeli nesizwe sonke njengoba uMoya*

*Khulukela ukuba inhloso iNkosi uJesu Kristu*

*wena nabanye abazalwane ukuba empini.*

## Ibutho lempi yamaRoma nezembatho zalo zempi

Ibutho lamaRoma—Ikhulu leminyaka lokuqala (1<sup>st</sup> Century)


Umphostoli uPawula kwabaseFesu 6 uyayichaza imvunulo yempi.

Ngaleso sikhathi wayebopheke egoseni elaliphethe amabutho amakhulu amaRoma elaligqoke imvunulo yempi efana nale



Ibhande lamaRoma—Ibhande leqiniso

Izembatho zempi yaRoma –Ikhulu leminyaka lokuqala



Ipuleti lesifuba lamaRoma-ipuleti lesifuba lokulunga

Izicathulo zamaRoma ezazigqokwa empini



Izihlangu zamaRoma-ikhulu leminyaka lokuqala  
Izembatho zempi yebutho lamaRoma



Isigqoko esasigqize ngokubomvu samaRoma-Isigqoko sokusindiswa



Inkemba eyayisika macala womabili yamaRoma-Izwi LikaNkulunku



**Amabutho amaRoma egqoke izembatho zempi ziphelele elungele ukulwa. Singamabutho onqamulezo, ahlome ngokuphelele ngezikhali zokulwa zikaNkulunkulu**

31

**Ikhasi 3 Ukubopha nokukhulula eMpini Yomoya**

**Mathewu 12: 29; Ikhasi. 16: 19; Ikhasi. 18: 1**

Iqiniso eliyisihluthulelo: Sinike ilungelo kuKristu lokubopha usathane nezimpelesi zakhe zasesihogweni.

Inhloso yesifundo: Ukuqonda ukuba singalwa kanjani ngendlela eyiyo nokuthi singawabopha kanjani amandla obumnyama sikhulule umuntu noma abantu esitheni sibaholele ngakuMoya Oyingcwele.

Isahlukwana esiyisihluthulelo: Mathewu 12:29

"...Futhi umuntu angangena kanjani endlini yesiqhwaga, aphanje impahla yaso, uma engabophi kuqala isiqhwaga, andukuba aphanje indlu yaso na?"

#### **A. Imigomo yokulwa**

1. Kumele **silokhu sithobela** intando kaNkulunkulu evezwa kithi. Ungalinge uzenzele ngokwakho, kepha kungcono ulinde ukwazi intando kaBaba.

Izahlukwana ezilandelayo zisigqunguzela ukuba sikwazi ukuzithoba:

Jakobe 1: 22-25 1 Petru 1: 13-16

2. Kumele sihlezi **siyigcinile indlela yempi** yokunikela kuNkulunkulu kuqala kuyima sivimba usathane. Jakobe 4:7

3. Kumele sihlezi **sikhuluma sizwakale** nesitha. INkosi yethu yasixosha kwezwakala isitha.

Usathane akakwazi ukufunda imiqondo yethu. UJesu wayibeka indlela yokukhuluma kakhulu kucace esitheni, kulezhlukwana ezilandelayo.

Mathewu 4:10 Marku 8: 33

Marku 9: 25

KULuka 10: 17, abangamashumi ayisikhombisa bajabulela ukubona bethotshelwa ngamadimoni ngenkathi bekhuluma eGameni likaJesu

4. Uma sibhekane ngqo nesitha, **asikho emthandazweni**, Sisempini amehlo evulekile ngalengkathi sikhuluma nosathane nemimoya yakhe emibi. INkosi yethu yasikhombisa lokhu izikhathi zilandelana, kanjalo ngokulandelana nabafundi Bakhe.

Marku 9: 25 Izenzo13: 9-10

## Umgomo Wempi: Zonke izimpi zoMoya zibanjwa ngaphansi komthetho oqondile nasekuthobeleni iziyalo zeNkosi.

B. Sinikiwe izihluthulelo zombuso ukuba sikwazi ukubopha nokukhulula empini yomoya ukuze kukhule uMbuso.

"Ukubopha" empini yomoya ukuba ukuphimisa amazwi lapho sicindizela khona, sifaka izibopho, zivala izintuba sokungena usathane nezimpelesi zakhe emuntwini noma esimweni esithize. [Greek—*deh' o*—to be in bonds]

"Ukukhulula" indlela yokuphimisa amazwi ngokomoya lapho sidedela, sixegisa, sixosha, sincibilikisa, siphelisa " ukukhalimwa, imfundiso noma intuba yokungena usathane nezimpelesi zakhe kumuntu noma esimweni esithize. [Greek—*lu o*—to loosen, put off, dissolve, break up]

C. Imigomo yokubopha nokukhulula empini yomoya.

### 1. UNkulunkulu angeke asenzele lokho asihlomise ukuba sikwazi ukuzenzela kona.

Sinikwe inkululeko angeke uNkulunkulu aze asiphuca yona. Kumele sikhetha ukusebenzisa lokho uNkulunkulu asihlomise ngakho.

*"Ngiyakukunika izihluthulelo zombuso weZulu. Oyakukubopha emhlabeni koba kuboshiwe naseZulwini, nalokho oyakukukhulula emhlabeni koba kukhululiwe naseZulwini."*

*Mathewu 16: 19*

*"..ngokuba ngiqinisile ngithi kini; uma ninokukholwa njengembewu nesinaphi, ngiyakuthi kulentaba; suka lapha, uye laphaya, iyakusuka; akukho okuyakunahlula."*

*Mathewu 17: 20b*

2. **Kumele sikhule ekumelaneni nesitha ngaphansi kweziyalo.** Njengoba iNkosi uJesu Kristu engumlawuli wethu wempi yaseZulwini, uma sesinikela Kuye, sizakulinda ukuba asiyale mayelana nempini yomoya. Siya kuBaba wethu oseZulwini egameni leNkosi uJesu Kristu ngomkhuleko, simunxusa ukuba asikhombise ukuba sisibophe kanjani isitha nezimpelesi zaso esimweni noma kumuntu thize.

a. UNkulunkulu usinika ubuhlakani bokulwa Izaga 20: 18

b. UYasihlomisa amaHubo 18: 33-39

c. Abayngamashumi ayisikhombisa babuya benqobile emuva kokulandela itulo lokulwa Luka 10: 17-23

d. Siyagqugquzelwa ukuba silandele uhlelo lwempilo uNkulunkulu alilungisele iyolowo nalowo wethu. abaseFesu 2:10

*Mathewu 8: 8-9: "Nkosi , Angifanele ukuba ungene phansi kophahla lwami, kepha yisho izwi nje, khona umfana wami uyakusinda. Ngokuba nami ngingumuntu ophansi kwamakhosi, nginamabutho phansi kwami, ngithi kwelinye: Hamba, lihamba; ngithi kwelinye: Woza, lize; nasencekwini yami; Yenza lokhu, ikwenze."*

3. Sidinga ukuqonda ukuthi **wonke uMbuso woMoya usebenza ngamandla alungileyo**. INkosi yancoma igosa lamabutho ngokuba nekuholwa okukhulu ngokuqonda kwakhe amandla negunya Sesifundile ukuba sinikwe kanjani kuKristu igunya ngaphezu kwalo **wonke** amandla esitha. Singasibopha isitha sikhulule izimpilo zethu ekuphathweni yiso. Singakwazi futhi ukuzithathela umthetho phezu kwawo wonke amandla esitha sisibophele lapho abangaphansi kwethu. Futhi, lokhu kubopha nokukhulula kuncike ngokuphelele entandweni yoMlawuli wethu, iNkosi uJesu Kristu

**Kumele sihlale sizigcina iziyalo zakhe ngaphambi kokuba sibophe noma sikhulule.**

4. **Konke okwenziwa isitha lesi esingabonakali Embusweni womoya kwenziwa ngokuthemba eNdodana kaNkulunkulu naseegameni likaNkulunkulu. Igosa lalikhulwa ukuthi uJesu ngempela wayengumlawuli ophethe umbuso wonke woMoya nalabo aboMoya balalele imiyalo yakhe.**Wayazi ukuthi imimoya emibi iyo eyayidale isifo encekwini yakhe.

5. **Kumele sikholwe ukuthi sinikiwe igunya lokubopha nokukhulula embusweni woMoya uma nje sithobela iziyalo zakhe.**

6. **Ukubopha nokukhulula embusweni woMoya ikona esinikwe kona ukuba siqhuba ngakho iVangeli.** Isitha sigubuzela umqondo waloyo ongakhulwa ukuze lingamungeni iVangeli. Uma sibopha usathane ukuba angasondeli emqondweni, entandweni, emizweni nasenyameni, siyamxosha ukuze loyo ongakhulwa ezolizwa iqiniso, asindiswe futhi akhululwe.

a. **Mathewu 16: 19 – Nazi izihluthulelo: ukubopha nokukhulula**

*"Ngiyakukunika izihluthulelo zombuso weZulu. Oyakukubopha emhlabeni koba kuboshiwe naseZulwini, nalokho oyakukhulula emhlabeni koba kukhululiwe naseZulwini."*

b. **2 abaseKorinte 4: 3-4 – Uma sibopha, sihlehlisa usathane ekukhohliseni imiqondo yabangakhulwa ukuze baqonde iVangeli**

7. **Thina uqobo sinegunya lokubophela nokukhululela labo abaphethwe yithi.** Igosa laliwaqonda lawa amandla ngenkathi likhuluma noJesu ngenceku yakhe eyayikhubazekile. UJesu wanikela ukuba ahambe naye ukuyolapha inceku, igosa latshengisa ukuqonda kwalo amandla embusweni woMoya.

8. Uma sizongena emzini wesidlakela ukuphanga izimpahla zaso, **kumele siqale sibophe isidlakela.** Isidlakela lapha usathane. Inqikithi yalesahluko insindiso. Emuva kokuba sesisibophile isidlakela, singangena endaweni yaso , sibophe nabasebenzi baso bokubi sibayale ukuba baye emhomeni ojulile, ukuze sikwazi ukubuyisa lezo zindawo zezimpilo zethu lezi ebeziphansi kwesandla sakhe. UJesu uyasiyala kulezahlukwana ezilandelayo:

**Mathewu 12: 29 [isahlukwana isiyisehluthulelo] Marku 3: 27**

9. Sibopha sikhulule uqobo lwento ngayinye. Sibopha isidlakela sikhulule labo abangaphansi kwengcindezi yaso. [Bona ikhasi 40]

Sibopha kulokhu okulandelayo:

- ◆ **inyama noma umzimba qobo ikakhulukazi ulimi**
- ◆ **inhlanipho noma umqondo**
- ◆ **intando**
- ◆ **imizwa, izifiso nezinkanuko**

1 Thesalonika 5: 23 uchaza izindawo ezimbili ezidinga ukubhekwa uma kuboshwa.

Yiziphi lezo zindawo? \_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_.

IMPENDULO: Umphetfumulo nomzimba

10. Kwimfundiso yethu yeNkonzo, sifundile ukuthi sinegunya ukuba sibophe isitha sikhulule umuntu emandleni obumnyama, uma ikholwa lingasayizwa indlela yombhalo ukuze avuseleleke. UJesu wayichaza indlela ewuhlelo ekumele ilandelwe ku:

**Mathewu 18: 15- 20**

a. Uma umfowenu noma udadewenu kuKristu ekonile, uJesu wakhapha izinyathelo okumele uzithathe ukuze kuxazululwe leyonkinga:

Isinyathelo 1: *“Hamba umsole ninodwa. Uma ekuzwa, wobe umzuzile umfowenu.”*

Isinyathelo 2: *“Uma engakuzwa, thatha futhi abe munye noma bebabili kanye nawe ukuba onke amazwi aqiniswe ngomlomo wawofakazi ababili noma abathathu..”*

Isinyathelo 3: *“Uma enqaba ukubezwa , tshela ibandla; uma enqaba ukuzwa nalo ibandla, makabe kuwe njengowezizwe nomthelisi..”*

Isinyathelo 4: *“Ngqiqinisile ngithi kini konke enikubopha emhlabeni kuyakuboshwa nasezulwini; nakho konke eniyakukhulula emhlabeni kuyakukhululwa nasezulwini. Futhi ngiqinisile ngithi kini; uma ababili kini emhlabeni bevumelana noma ingaluphi udaba abalucelayo , Bayakulenzelwa nguBaba oseZulwini.”*

b. uJesu usitshela ukuba sithathe igunya ngaphezu kwemimoya yamadimoni le evimba umuntu ukuba thole ukuvuseleleka. Singakwenza lokhu ngokubopha futhi sikhulule imimoya le emxakile.

**11. Bopha ukhulule njalo egameni ngokugcwele leNkosi uJesu Kristu.**

Sinobuqotho nodumo lokusebenzisa iVangeli, amandla kaNkulunkulu, ngoba singabakhethiweyo Bakhe. Bangingi oKrestu bamanga noJesu bamanga kepha munye kuphela oyinkosi uJESU KRISTU.

## **ISEXWAYISO!!!!**

**Ngasonke isikhathi vuma zonke izono zakho ozaziyo uphinde uzinikele ngokuphelele kwiNkosi uJesu Kristu kuzo zonke izingxenye zempilo yakho ngaphambi kokuba ungene empini yoMoya.**

***D. Ukuqondanisa: Umbopha kanjani usathane nezimpelisi zakhe. Lokhu sizenzela thina nabanye abazalwane nalabo futhi abangakholwa njengiba iNkosi isihola.***

**1. Bopha usathane njengesidlakela, bese ubopha imoya emibi iNkosi ekuyala ukuba uyibophe. Mathewu 12:29; Marku 3: 27.**

2. Uma umbopha usathane, khuluma ucacise kuzwakale noMoya oyingcwele. Lokhu akusiwo umkhuleko kepha ukuphakwa impi yomoya.

3. Khuluma ngqo nosathane egameni leNkosi uJesu Kristu- uLuka 10: 18-19.

4. Bopha amandla kasathane ukuba anganqobi inyama nolimi lomuntu, ukuze angazibonisi ukuba namandla kwakhe bese ngomlomo wakho ukhulule inyama nolimi l ekubanjweni ngusathane eGameni leNkosi uJesu Kristu..

5. Okulandelayo, bopha usathane umvimbe ukuba angangeni emqondweni womuntu, olimini nasemizweni. Khulula umqondo womuntu, intando nemizwa ekubanjweni usathane.

6. Linda iNkosi ukuba ikukhombise ukuba uyidinga yini ukuba ubophe usathane ngokusebenzisa amagama athize (yise wamanga, mkhohlisi, msoli, mbhubhisi, njalo njalo). Lezi koba yizindlela ekade isitha sihlasele ngaso umuntu.

7. Ahlukanisa konke ukuxhumana phakathi kukasathane nemimoya emibi.



8. Cima yonke imiyalo evimbela umuntu.

9. Cima zonke iziqalekiso ezibekelwe umuntu, lezo ezikhona emsebenzini wobufundisi nasebandleni labafundisi.

10. Ngokuthula linda ngokukhuleka ukuze ucabange ukuba iziphi ezinye izindawo uNkulunkulu andinga ukuba uzisebenze. Qiniseka ukuba umsebenzi wokubopha uyawenzisisa ngokuphelele.

#### **KHULUMA NJALO EGAMENI LENKOSI UJESU KRESTU.**

11. Bopha yonke imimoya emibi le uMoya Oyingcwele okuholela ekutheni uyibophe. Futhi, lokhu ukwenza uzwakale futhi ukwenza ngokutshengisa igunya namandla phezu kwakho.

12. Bopha kuphela leyo mimoya onesiqiniseko sokuthi iNkosi ngoMoya Wayo Oyingcwele ikuholela ekutheni uyibophe. **UNkulunkulu uyamuvumela umuntu ukuba asikwe ngaphansi kwemimoya emibi ukuze afeze izinhloso Zakhe.**

UPawula wavumelwa abe "nesithunywa sakwasathane" njengeva enyameni ukuze amgcine encike eMoyeni oYingcwele ukuze athole ububele. 2 abaseKorinte 12: 7-9

**Okushiwoyo uma uzibophela wena usathane nezimpelesi zakhe, noma uzobophela loyo okhona empilweni yakho noma ongaphansi kwesandla sakho noma wenzela omunye osempilweni yakho onikwe uNkulunkulu imvume yokuba umbophele noma umkhululele.**

*"sathane, ngiyakuhlasela eGameni LeNkosi uJesu Kristu nasemandleni eGazi Lakhe elachitheka futhi ngithatha igunya namndla phezu kwakho. Ngibopha amandla akho enyameni (kaJim). Angeke uzibonakalise enyameni yakhe. Ngiyayikhulula inyama (kaJim) ekuphathweni nguwe. Ngiyakuyala ukuba udedele inyama yakhe eGameni leNkosi uJesu Kristu..*

*sathane, Ngibopha ulimi lwakho olimini (likaJim). Awuzokulisebenzisa ulimi lwakhe ukuba luqalekise uNkulunkulu. Ngiyalikhulula ulimi lwakhe kuwe eGameni LeNkosi uJesu Kristu, futhi Ngiyakuyala ukuba ulidedele ulimi lwakhe egameni leNkosi uJesu Kristu.*

*Ngiyakubopha emqondweni (kaJim)(Ungangeni emqondweni kaJim) entandweni nasemizweni yakhe eGameni leNkosi uJesu Kristu. Ngiyayikhulula ingqondo (kaJim), intando nemizwa emqondweni wakho. Ngiyakuyala ukuba ukhulule ingqondo (kaJim), intando nemizwa .*

*Ngiyakubopha wena ongumkhohlisi, wena oyengayo, mqambi manga, mbhubhisi, mbulali, sigelekeqe. Ngibopha imimoya (yokwesaba, ulaka,, inkanuko, njalo njalo)nayo yonke imimoya esike yathatha indawo empilweni (kaJim) eGameni leNkosi uJesu Kristu. Ngikhulula amandla akho (kuJim), futhi Ngiyakuyala ukuba umdedele kepha wena uboshwe ngokuthi uthobele iNkosi uJesu Kristu. (2 abaseKorinte 10: 4-5)*

**E. Ncengela njalo, umkhulumele, lomuntu okunguye ombophela isidlakela neqembu laso lasesihogweni. Cela uMoya Oyingcwele ukuba ubuyise ukukholwa nokuphenduka kuye (Johane 16:8-11). Ungasibiza isethembiso lesi iNkosi eyasinika sona ukuthi "Uze ukuzokhulula iziboshwa)." (uLuka 4:18-19)**

*"Ngqiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, loyo okhobwayo Kimi, imisebenzi engiyenzayo naye uyakuyenza, nemikhulu kunale uyakuyenza; ngokuba mina ngiya kuBaba. Noma yini eniyakukucela egameni lami ngiyakukwenza ukuba uBaba akhazimuliswe eNdodaneni." uJohane 14:12-13*

#### **UMBHALO WOKUBOPHA USATHANE NGAMAGAMA AKHE Usathane njengo:**

➤ <b>umsoli,</b>	<b>Isambulo 12: 10</b>
➤ <b>inkanyamba, inyoka</b>	
➤ <b>umkhohlisi</b>	<b>2 Johane 7</b>
➤ <b>inyoka</b>	<b>2 abaseKorinte 11:3</b>
➤ <b>umyengi</b>	<b>uMathewu 4: 3</b>
➤ <b>umbhubhisi</b>	<b>Isambulo 9: 11</b>
➤ <b>uyise wamanga</b>	<b>Johane 8: 44</b>
➤ <b>umbulali</b>	<b>Johane 8: 44</b>
➤ <b>umphangi</b>	<b>Johane 10: 10</b>
➤ <b>umlethi wezinhlupheko kwezezimali</b>	<b>uJobe 1: 6-11</b>
➤ <b>umhluphekisi wenyama</b>	<b>uLuka 13: 16</b>
➤ <b>umbhubhisi</b>	<b>uJobe 1: 6-11</b>
➤ <b>umvimbeli</b>	<b>1 Thess. 2:18</b>

***“Futhi umuntu angangena kanjani endlini yesiqhwaga, aphange impahla yaso, uma engabophi kuqala isiqhwaga, andukuba aphange indlu yaso, na? Mathewu 12:29***

#### **IZINDAWO OKUMELE ZIFAKWE IMIBUZO**

NAKISISA: Lezihloko ezinkulu zibizwa “ngezivula-minyango”, okuchazwa njengezindlela eziluhlelo zesitha esingasibamba ngazo ezimpilweni zethu. Loluhla kuvunyelwene ngalo ne “Lighthouse Procedure Manual”

1. **IZIGIGABA EZIHLUKUMEZA UMOYA:** ukuhlukumezwa komntwana, ukwaliwa, ukufa, ukwehlukana koshadile, ukuthandana kwabandawonye, ukulahwa, udlame nobugebengu, ukukhashelwa (ukudayiseka), ukuhlukumezeka emizweni, umzwangedwa, ukungathembi, ukwesaba, ukuphinga, ukuhlukumezeka ngokushaywa, ubuhlungu benhliziyo, ukulimala kakhulu engozini, ukuhlukumezeka emoyeni, ukuqhingwa (isolation), ukuhlukumezeka ngokocansi, izinhlungu ezinzima emzimbeni ezidinga isibhedlela

2. **AMAGQUBU NEZIQALEKISO ZOZALO:** imimoya ejwayelekile eqhamuka ezihlobeni ezithakathayo, inkolo engasiyo, ukukhonzwa kwamadlozi, iziqalekiso eziquhamuka ezihlobeni nalabo abaphikisana nobuwena, nanoma ikuphi ukubophezeleka esonweni; uma ungabazi abazalibakho bangempela, amagqubu akhona kubazali bangempela nalabo abakukhulisile kumele apheliswe (Bona #3 no #4)

3. <b>UKUTHAKATHA/ UKUHLUBUKA:</b> Izinkolo ezithile ezingamanga ,	ukukhuleka kusathane,
ukuqalekisa uNkulunkulu,	izidakamizwa,
kwezinkanyezi,	iYoga,
ezinkolo ezingekho,	umlingo,
ngokomoya,	ukubhula,
Amaphupho amabi	ukukhonzwa izithixo
Izithombe ezikhonzwayo	izipoki
Umkhunkulo	izintelezi
	ukukhonzwa izincwadi, namafilemu ukuntantela phezulu Amazwi okuloya ukukhona usathane ubungoma ukuthakatha

#### 4. UBUGQILI BESONO:

Ukugxila kakhulu ophuzweni oludakayo, noma izidakamizwa, noma uswidi, noma ikhofi  
Ukujwayela ukudla kakhulu, noma ukuphatheka kabi kakhulu noma ukuthanda umabonakude  
kakhulu noma ucansi ngokweqile, njalo njalo

Izidakamizwa zasemgwaqeni	izidakamiswa ezikhishwa odokotela	utshwala	ugwayi
Ukuminza	Ukuzincisha ukudla ngokweqile		Udlame
Ukuqamba amanga	ukuntshontsha	ukuzigqaja	umona
Umhawu	ukuthuka uphathe uNkulunkulu	ukuqalekisa	ukuthuka
Ukuhleba	ukuhlambalaza	ukuba neso	elisolayo
Ukukhanuka	ukudinwa	ulaka	ubugovu
Inzondo	ukwahlulela	ukukhohlisa	umhaha

[Lokhu okumbalwa nje esikubalule la]

#### 5. UBUGQILA NGOKOMQONDO/NGOKWEMIZWA:

**Okuyiyo indlela ejwayelekile isitha esingena ngayo emqondweni=ukuthula ubekezele  
ungakhulumi okusemizweni, inkohliso, nokuhlaselwa emizweni.**

##### Ezinye zezindawo zemizwa:

Isizungu	ixhala	isazela	ukukhathazeka
Ukwallwa	isimo sokwala	ukukhungatheka	ukuzidabukela
Ukungabi nethemba	ukungakhuthazeka	ukwesaba(Bona #9)	ubuhlungu bemizwa
Ukulahla ithemba	ubuhlungu	ukudinwa	ulaka
Ukhwantalala	ukugxekwa	ukuzibulala	ukuthuka okukhulu

##### Ezinye zezindawo zemizwa:

Ukudideka komqondo ukungakwazi ukucabangisisa ukungakwazi ukunqamula ujuqu  
Umcabango onqabile ukuthikamezeka ukugcwala impikiso  
Ukubona izinto ezingekho ngenxa yokudungeka kwemizwa ukuzenzisa  
Ukuxwaya amazwi ukwesaba  
Umsanga ukubaleka ukusangana okuvama ukwenza  
ukuba umuntu azibone eyisikhulu ubuntu obuhlanga hlangene  
Umzindo emoyeni = umzindo wanoma yiluphi uhlobo (njeng. Wokukhathazeka, womunye umuntu  
njalo njalo)  
Umoya ocindezelayo = inkambo ecindezelayo (njeng. ukuthenga, ukuqamba amanga,  
nokugembula noma ungasathandi, njalo njalo.)  
[Lezi izngqinamba ezimbalwa ezingaba khona kulendawo yemizwa. Isitha singayenza imizwa  
mbumbulu, siyiqinise noma siyikidikalise.]

#### 6. UKUNGCOLA NGOKOCANSI:

inkanuko ubufebe	imikhuba yokonakala	ukushaya indlwabu
ukujabula okwenyama	ukuphinga	imikhuba yezocansi
ubuhlongandlebe	ulunya	ukunukubezwa ngokocansi
ukudlwengulwa	Ukulalana kwabandawonyo	ubunkonkoni
ukucabanga ezocansi ngokujula	ukuhushulwa kwezisu	ukuthengisa ngomzimba
amaphupho amabi	ihlazo ngezocansi	iziqalekiso ngezocansi
ukunqatshelwa owakwakho ucansi		ukuyenga ngokocansi
Umoya wobufebe	ukuhlaselwa amadimoni ngokocansi	
Udlame ngokocansi		

**7. UBUGQILA NGOKWENDLELA OBUKEKA NGAYO:** (amagama emimoya **ACACILE**)

**iziqalekiso** (eziphimiswa ngumuntu: njeng "Uyisilima")

**ukuziqalekisa wena uqobo** (Silalela amanga kasathane siwakhulume futhi thina ngemilomo yethu. Njeng. "Umubi".) Zingaba ziningi ezinye.

Iziqalekiso zangakhiqiza: **ukuzilahla wena uqobo**

**Ukwaliwa**

**Ukungazazi kahle ukuzibona ungelutho**

**ukungazanelisi**

**Ubuthakathaka ukuzigxeka wena**

**ukuzibhubhisa wena**

**Ukuzihlukumeza (uzisike) ukuzincisha ukudla**

**ukuzizona**

**Ukuzizacisa ukufa**

**Ukuzidabula** (okuphathelele nenkambiso)

**Izithunzi ezingamanga zamadimoni** (zizwayeleke emva kokuhlukumezeka noma ukuthuka okukhulu)

Uma ukuzazi kwethu kuhlanekezelwe, isitha singasebenzisa:

**Ukuziqqaja**

**ukuzenzisa**

**ukucabanga into engekho**

**Ukuqhingeka**

**ukubaleka**

**ukhwantalala (depression)**

**Ukusaba ukwaliwa**

**ukuzibulala**

**8. UKUNGAXOLELI:**

Ubuhlungu

ukuphatheka kabi emoyeni

isibhongo/umhawu

Ulnya

ukukhokhela isibhongo

ukubuyisela okubi ngokubi

Ukuba muncu

inzondo

ukubulala

**9. UKWESABA:** [Amanyane amagama okwesaba, ukuba nengebhe, uvalo, isifo sengqondo, ubuhlanya, ukuphaphalaza]

Ukwesaba u \_\_\_\_\_ (Kuncane okubalulwa lapha)

UNkulunkulu (kabi)

Ukwaliwa

Ukulahlwa

ikusasa

Usathane

Ubumnyama

okungabonakaliyo

ukufa

Ukuhlaselwa

ukungaphumeleli

ukuphumelela

ukuphatha isikhundla

Ukuhluleka ukuzibamba

ukulahlekelwa (omthandayo)

ukuhlanya

Ukugula

ubuhlungu

ucansi

amadoda (abesifazane)

Ukuthintana kokusondelana

ongakwazi

ukuqondwa ngenkulumo

Ukukhuluma phambi kwabantu

amanzi

ukuminza emanzini

Izinyoka

izicabucabu

abantu

ukuma endaweni ephakeme

izingozi zasemgwaqeni, njalo njalo.

Kungaba khona inqaba yokwesaba cishe noma yini uma inkulu noma ingalawuleki

**10. OKUHLUKUMEZA UMZIMBA:**

Noma ikuphi ukugula kwesikhathi eside, ukuphathwa isifo noma izinkomba zesifo ezingapheli.

Ngokujwayelekile ibona lobugqili obukhona emindenini. Izifo ezijwayelekile ezinokujwayela futhi ukuba ngamadimoni ahlala kuwe:

Isifuba somoya umdlavuzwa ukuhileka ukuminyana

Izifo zegazi umuzwa ongemandi emuva kokuba sesikhathini

Isithuthwane umqhakanyeko izifo ezikubuyela njalo (njenge: izifo zesikhumba,

okunye okuyimthelela-zifo, nesifo zegazi eliphakeme ngokuminyana)

Izinhlungu ezinkulu (njeng. Ukuphathwa ikhanda kakhulu noma izinhlungu zomzimba)

umkhuhlane (onezimpawu ezingajwayelekile)

ukuphelelwa ngamandla/umdladla ukukhathala okukhulu nokude itwetwe

imimoya engena umuntu ngokulashwa okungesikho okweqiniso (kujwayele ukuthi kuvumele

amanye amadimoni angene ngenkathi kuphuma lelo abathi bayalikhapha)

### 11. IZIVIMBO ZOMOYA:

UNkulunkulu oqalekisiwe ukuthandaza kusathane ukuhlubuka ukungabaza  
Ukungakholwa ukungathembi ukunganeliseki ukuthathela izinyathelo  
zomthetho ukukhohlisa ukuthula umoya wonakele ukuluthwa  
Ukuzenzisa ukucasukela (uNkulunkulu) ukungabi naphutha ukuthakatha  
Iziqalekiso izipho ezingamanga uJesu mbumbulu imibono engekho  
Ukuthobela intshumayelo engamanga—ukubekwa kwezandla, ukugcotshwa ngowoyela,  
ukubhaphathiswa ngomoya, ukukhulunywa kwezilimu, noma ezinye izipho zomoya kodwa  
ezingezizo, zingamanga. Ukudungeka komqondo nokukhonza kakhulu abangcwele noma  
uMariya ivirigo ngaphezu kukaNkulunkulu.

### 12. ISONO ESINGAVUNYIWE

**Kungabe unaso isono ongasivumile ? \_\_\_\_\_**  
**Lokhu kungakuholela ebugqileni bo..:**

Bokuba nesazela ukukhohliseka ukuzigqaja ukuzenzisa  
Ukuzenzisa ukuzihawukela ukuzisola ukuzivikela  
Ukugxekwa ukuzibona ulungile umsebenzi(performance)  
Ukucabanga ngokweqile imicabango engcolile ukuhlubuka  
Umoya wamanga (uzushintshe izinkolelo zakho ukuze wamukele lesono-ushintshe nenkonzo  
Nenkolo uzame ukuthola ezohambisana nalesenzo sakho esingesihle)

### 13. IMIMOYA EHLUPHAYO:

Lemimoya ebekelwenukuqhubeka nje nokuhlupha wena ngokuthi:  
Ihluphe imicabango ukungabaza okwesaba ukuthwesa amacala

Emuva kokusindiswa, lemimoya ingazama ukuphanga ikholwa lensindiso yalo liphinde lizuze  
ngokuhlasela ngendlela efanayo ezindaweni ezibuthaka.

### 14. IZIPHO ZIKAMOYA:

**Iziphi izipho zakho zomoya? \_\_\_\_\_**  
**Kungabe lezi zipho sezike zavivinywa yini ngokwencwadi yokuqala kaJohane 4:1-3?**  
**[isahluko 6]**

Chaza ekholweni ukuthi ngalesikhathi sokwenza imisebenzi kaNkulunkulu uzakufundiswa ukuthi  
sivivinywa kanjani isipho.

Nazi ezinye izinkohlisi ezinamadimoni ezingazona ezasemhlabeni:

Izilimu eziyinkohliso imibikezelo engamanga ubuhlakani obungamanga  
uJesu/Krestu ongamanga ukuphiliswa okungamanga umgcobo ongamanga  
izimpawu eziyinkohliso ukubekwa kuka Jesu noma uMariya okungamanga  
imibono engamanga ubungoma imfundisoze imfundiso yobuKrestu engekho  
ukukhonza nokudumisa okungesikho amazwi okuloya imithandazo yamanga  
Miningi imibonakaliso yamanga.

## Isahluko 4 Ukuzilungiselela umbuso kaNkulunkulu

**Iqiniso elingukhiye: UNkulunkulu usinikile izikhali zempi ukuze sikiphe laba  
abasebugqileni bombuso kasathane nokuba sibuyise izimpilo zethu,  
ezemindeni yethu nemiphakathi esikuyo ukuze babone umbuso kaNkulunkulu.**

**Inhloso yalesifundo: Ukuqonda izigaba esidlule kuzo sisuka ebugqileni siya enkululekweni nokuqonda ukuthi sizihlansa kanjani izimpilo namakhaya ethu ngokomoya.**

**Isahlukwana esingukhiye: abaseGalathiya 5: 1**  
**“UKristu wasikhulula ukuba sibe nenkululeko; ngakho-ke yimani niqine, ningabe nisaboshelwa ejokeni lobugqila.”**

## **1 Petru 5: 6-11; Jakobe 4: 7**

### **A. Iyini impi yomoya?**

**Impi yomoya inqubo yomoya esetshenziswa ekutheni kuphucwe isitha okumele kube ngokombuso kaNkulunkulu.**

**B. Inkundla Yempi** – indawo lapho ikholwa libhekana ngqo nesitha.

1. Umhlaba—1 Johane 2: 15
2. Umqondo wekholwa/ inhliziyi yekholwa, intando, imizwa nenyama—abaseRoma 8: 5-15
3. Inkambo yekholwa —abaseGalathiya 5: 16
4. Umndeni, abangani, nezimo zekholwa—uMathewu 10: 3
5. Umphakathi wekholwa, izwe, namanye amazwe omhlaba—uMathewu 28:19

**C. Amabutho** – bonke labo abangena empini belwa nosathane nezimpelesi zakhe:

1. Amabutho okukhanya - 1 abaseKorinte 15: 24-28; abaseKolose 1: 12-13
  - a. UNkulunkulu uBaba, njengeNkosi enkulu ebusa umhlaba wonke nezulu nokukulo
  - b. UNkulunkulu iNdodana, iNkosi yamaKhosi, iNkosi uJesu Krestu ongumholi wezingelosi zaseZulwini.
  - c. UNkulunkulu ongumoya nguye ongumkhuzi wempi wethu lapha phansi.
  - d. Izingelosi amaqhawe asezulwini asisizayo empini. amaHebheru 1:14
  - e. Ikholwa lesosha-singamanxusa namaqhawe kaKrestu. 2abaseKorinte 5:20
2. Umbuso wobumnyama - abaseKolose 1: 13
  - a. uSathane umgabedeli wombuso womuntu, inkosana yamandla omoya, unkulunkulu wokomhlaba. Amadimoni noma imimoya emibi, njengezithunywa noma abasebenzi bakaSathane.
  - c. Unregenerate man, as Satan's ally
  - d. Umhlaba, njengehlelo lasathane

**D. Umqulu wempi uyizwi likaNkulunkulu - amaHebheru 4: 12; 2 Thimothewu 3:16, 17**

*"Khona uJesu wathi kuye: Suka, Sathane, ngokuba kulotshiwe ukuthi: Wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho, umkhonze yena yedwa. uMathewu 4: 10*

**E. Izikhali- 2 abaseKorinte 10: 3-5; Isambulo 12:11**

1. Ukuzivikela – yonke imvunulo yempi kaNkulunkulu -abaseFesu 6: 10-18
  - a. Iqiniso
  - b. Isivikela sifuba sokulungileyo
  - c. Intshumayelo yokuthula
  - d. isihlangu/lhawu lokutholwa
  - e. Isigqoko sempu sosindiso
  - f. Insabula yoMoya, izwi likaNkulunkulu
  - g. Imikhuleko yabangcwele

2. Okucunulayo -Isambulo 12: 11; amaHebheru 4: 12; abaseFesu 3:10

a. Igazi lemvana, iNkosi uJesu Krestu.

b. Izwi lobufakazi bethu

c. Impilo enikelwe ebukhosini bukaKrestu - 1 Johane 5:18

d. Igama leNkosi uJesu Krestu oyiNkosi uNkulunkulu wezixuku.

e. Izwi elikhulunywayo likaNkulunkulu

f. Ukuzibandakanya ngokuzinikela ekuhlangayeleni nabangcwele kuliwa namandla obumnyama kududulwa umbuso wobumnyama nokumangalela

"Mawufike uMbuso Wakho,Mayenziwe intando Yakho emhlabeni njengaseZulwini".

uMathewu 6:10

g. Amandla okuvuka ekufeni kweNkosi uJesu Krestu okwasivusa nathi ukuba sihlale Naye embusweni weZulu.

## F. Sizilungiselela kanjani ukubhekana nomshikashika ?

1. **Ngokuvuma zonke izono esizaziyo eNkosini.** wAkumele kube khoa mnyango wesono esiwushiya uvuliwe - 1 Johane 1:9

2. **Zonke izinsuku sixolele labo abasonayo- 2 abaseKorinte 2:10-11**

3. **Unikele yonke** ingxenye yempilo yakho njalo eNkosini uJesu Krestu abaseKolose 3:1-10

4. **Zembathise ngemvunulo yempi kaNkulunkulu** ngokusho ngemthandazo.

5. **Bopha uSathane** angangeni engqondweni, enyameni nasolimini lakho.

6. Ngokuthandaza cabanga ukuthi iziphi izindawo zobugqili ongaba nazo empilweni.

*Ongakwenza: Bhala uhla lwezinqaba ezingumzuzukuzuku kuwe manje. Bese uya ekhasini elilandelayo ubuyisele indawo ethathwe imimoya emibi empilweni yakho. Bhakisa kuluhla lwezinqaba ekhasini 38-41.*

## ISAMPULA LOHLU LWEZINQABA

uMoya wokwaliwa/ukulahlwa	Umoya wokungaphumeleli	Imimoya yohlalanzondo, umluthoko, nokungcola ngokocansi
uMoya womona	uMoya wentukuthelo	uMoya wokuphatha
uMoya wesazela	uMoya wokukhathazeka	uMoya wokuzazisa
uMoya wobuhlungu	uMoya wemkhuba yocansi	uMoya wehlazo
uMoya wokunqikaza	uMoya wokufekethisa	uMoya wobufebe
uMoya wokudideka	uMoya wobungoma	uMoya womkhuba/ilumbo

## UKUTHOBELA-INQUBO YOKUVIMBA UKUNQONTSHWA

*UJakobe 4:7 "Ngakho thobelani uNkulunkulu, kepha nimelane noSathane, khona uyakumbalekela."*

### YENZA LENGXENYE YOKUQALA ZONKE IZINSUKU.

#### 1. Zonke izinsuku zinikele kuNkulunkulu.

**Umkhuleko wokuzinikela.** "Baba oseZulwini, Nginikela kuwe ingqondo yami ukuba ungiphathele yonoo, imizwa yami, intando nomzimba wami. Ngiyakumema ukuba ube yiNkosi yempilo yami, eGameni leNkosi uJesu Krestu."

#### 2. Gqoka imvunulo yempi kaNkulunkulu.

**Umkhuleko wokugqoka izembatho zempi.** "Nkosi, Ngigqoka

Engiziphiwe nguwe izembatho zempi: ibhande leqiniso, ipleti lesifuba lokulunga, ukuzilungiselela kwevangeli lokuthula, ihawu lokukholwa, isigqoko sempu sensindiso nensabula kaMoya."

[abaseFesu 6: 10-18]

#### 3. Bopha uSathane.

**Inkulumo yokubopha nokukhulula.** "Sathane, ngiyakubopha. Angeke uziphathele ukuhlakanipha kwami, nemizwi, nentando nomzimba wami. Ngiyazikhulula kuzo zonke izinqaba nazo zonke izibopho egameni leNkosi uJesu Krestu."

### UMA UKE WAMNIKA INDAWO USATHANE, zinikele, uvume isono bese uvimbe futhi uxoshe nemimoya le ekhulumezile.

4. **Umkhuleko wokuzisola.** "Baba, ngiza kuwe egameni leNkosi uJesu Krestu. Nginekeze indawo imimoya yoku \_\_\_\_\_.

Ayiqhamuki kuwe futhi angifuni empilweni yami. Ngiyasivuma isono engisenzile kulengxenyi yempilo yami. Ngixolele ngokuvumela lemimoya ukuba ikhungathe impilo yami. Ngiyabonga ngokungixolela, egameni leNkosi uJesu Krestu."

#### 5. Khuluma nesitha usixoshe futhi usithethise:

**Amazwi okufungelwa.** "Mimoya yo \_\_\_\_\_ ngiyaniqoba egameni leNkosi uJesu Krestu.

Sengizinikele kuNkulunkulu futhi angeke uhlale kumi. Akungeke umuyithole ingqondo noma umzimba wami. Ngikuphuca yonke ingxenyi yempilo yami engike ngakunika yona. Ngiyazikhulula kukho konke ukubophezeleka kwi \_\_\_\_\_. Ngiyakuyala egameni leNkosi uJesu Krestu ukuba ungishiye manje. Ngiyakuxosha futhi ngiyakuyala ukuba uye emgodini wesihogo khona manje egameni leNkosi uJesu Krestu."

#### 6. Khuleka futhi umeme uMoya Ongcwele ukuba ube khona kuzo zonke izingxenyi zempilo yakho.

**Umkhuleko wokubusisa.** "Baba oseZulwini, Ngiyakucela ukuba ungene kumi futhi uphathe zonke izingxenyi zempilo yami esezihlanzekile ngoMoya wakho oyiNgcwele egameni leNkosi uJesu Krestu."

## UKUNAKEKELEKA KWEKHOLWA ELISANDA KUSINDISWA

Manje ngokuba usukhululiwe ekuboshweni, kubaluleke kakhulu ukuba uzibophezele ukuba uyigcine inkululeko yakho. Lezinyathelo ezilandelayo zingakusiza ukuba uyigcine inkululeko yakho eNkosini uJesu Krestu.

1. Uyindlalifa kanye nayo iNkosi uJesu Krestu nabelana nayo **zonke** izibusiso nezinzuzo ngemisebenzisa yakhe esiyaqedwa yeNkosi uJesu Krestu. Mbonge njalo ngezibusiso zakho zoMoya. Mkhonze ngemikhuleko futhi umdumise ngaphezu kwakho konke.

2. Zonke izinsuku zinikele kuyo iNkosi uJesu Krestu futhi ucele uMoya Ongcwele ukuba ukugcwalise/uhlale kuwe. Mbatha zonke izembatho zempi nezikhali zikaNkulunkulu ngomlomo emikhulekweni zonke izinsuku. Sebenzisa abaseFesu 6: 10-18



3. Ziqhelelanise nezono ngokuba uzivume ngokushesha futhi bese umema uMoya Oyingcwele ukuba uhlale kulendawo yempilo yakho esihlanzekile futhi ngokuphelele uhlale kuwe. Kuyimsebenzi kasathane eqhubekayo ukusebenzisa amaqhinga ahlukene ukuba aqhelelanise umntwana kaNkulunkulu nokuthobela uKrestu.

4. Chitha isikhathi neNkosi uJesu Krestu zonke izinsuku ngomkhuleko naseZwini lakhe. Umoya Oyingcwele uzakufundisa futhi uguqule ingqondo yakho ngeZwi likaNkulunkulu. Kubalulekile ukuzibekela isikhathi sokuMkhonza, ukuzincengela, nokuzindla eZwini likaNkulunkulu.

5. Bhokana nazo zonke izigameko nezimo ngokuziqhenya nokumethemba uKrestu. Uma uhlaselwa amanga, ukulingeka, noma ukungabaza, ungaqikazi ukulwa, kepha uthethe ngamazwi ufunge ukusho iqiniso esikhundleni samanga. Khumbula ukuba usempini uma ngabe nje usaphila kulomzimba wasemhlabeni.

6. Gcina umqondo wakho usabulukile futhi uqaphile ngazo zonke izikhathi. Ungakuvumeli ukuthula, ungaphenduli isimo, kuhlale phakathi kwakho. Hluza imicabango yakho ubone ukuba iyavumelana na neZwi likaNkulunkulu. Thatha izinqumo ezinobuhlakani mayelana nokuvumela kungene engqondweni yakho nasempilweni yakho. Umzimba nengqondo yakho okwaNkulunkulu, ngakho ke gcina ingqondo yakho ihlanzekile futhi umzimba wakho umsulwa phambi kweNkosi.

7. Iba ingxenye yankonzo yangasekhaya lakho, yona eyakufundisa iZwi likaNkulunkulu. Funa iNkosi ngokuba uthola ukuba ungayisebenzela kanjani esontweni noma enkonzweni yakho. Hlanganyela nabanye abazalwane, nifunde iBhayibheli ndawonye, nikhuleke nedlanzi lamakholwa futhi nokusebenzela abanye enkonzweni yakho kungakusiza ukhule eNkosini.

8. Uma uthobela isitha kunoma iyiphi ingxenye yengqondo, intando, imizwa noma inyama yakho, landela lezigaba noma izinyathelo ezilapha ekhadini leli lenqubo yokulwa **"UKUTHOBELA-INQUBO YOKUVIMBA UKUNQOTSHWA** [Bona ikhasi 51] olinikeziwe ngenkathi ungena uthola insindiso.

Khumbula ukunqoba nenkululeko yakho iyagcinwa ngalenkathi uqhubeka ukuthatha iZwi likaNkulunkulu ngokukholwa, elithi, "Ngakho-ke uma iNdodana inikhulula niyakuba ngabakhululekileyo impela" uJohane 8:36

## G. Siyigcina kanjani inkululeko yethu?

1. Masihambe ngoMoya nezithelo zikaMoya  
Galathiya 5: 22-25

2. Ukukhulekela abaNgcwele - anaseFesu 6: 18

3. Nimelane nosathane nezimpelesi zakhe zesihogo - Jakobe 4: 7  
[bona ikhadi "Inqubo yokulwa-Ukuthobela-ukumelana" ekhasini 53]

4. Sebenzisa iziphondo zoMoya Ongcwele onikwe zona ukuba ushumaye ivangeli, ukufundisa okunosizo emzimbeni kaKrestu; ukukhulula iziboshwa nokulashwa komzimba kaKrestu.  
1 abaseKorinte 12 abaseFesu 4: 11-13

5. Phuca isitha konke osinike kona ngokungeyikho  
2 abaseKorinte 10: 5

6. Emuva kokunikela yonke ingxenye yempilo yakho eNkosini futhi uphuce konke obekuthathwe yisitha empilweni yakho, sekudingeka uhlanze impilo yakho nomuzi ngokulahlala izinto ezisemuzini wakhe ezihlangene nesono.

## H. Ukuqondanisa: Emuva kokusindiswa, sekuyisikhathi sokuhlaza umuzi wakho!

1. UMoya Ongcwele ugcwele yonke ingxenye yempilo yakho oyinikele njengoba usukhululiwe.

Siyatshelwa ukuba singawudabukisi uMoya Ongcwele kaNkulunkulu. abaseFesu 4: 30

2. Sihlanganisiwe noNkulunkulu Oyingcwele. Esikwenzayo, izenzo nendawo esikuyo konke kungaphansi kwesandla noma amandla Akhe, ngakho, sidinga ukunakisisa uma sekuziwa ngakuMoya Oyingcwele ngalengkathi ususihola ukuba sisuse empilweni yethu lokho okumdabukisayo.

3. Khumbula, uMoya Oyingcwele osilahla ngecala kulokhu esikwenzayo noma okungokwethu esinakho okudinga ukulahlwa/ukususwa.

*"Ngubani phakathi kwethu ongahlala nomlilo ogothulayo ; ngubani phakathi kwethu ongahlala nokunkemuzela okuphakade? Yena ohamba ngokulunga, okhuluma ngobuqotho, odelela inzuzo yokucindezela, othintitha izandla zakhe ukuze angamukeli imivuzo, ovala izindlebe zakhe ukuze angezwa ngegazi, ocimeza amehlo akhe ukuze angaboni okubi, yena uyakuhlala ekuphakameni, izingaba zamadwala zibe-yisivikelo, aphiwe isinkwa sakhe, amanzi akhe athembeke." Isaiyah 33:14-16*

*"Ngihole, Nkulunkulu, wazi inhliziyi yami; ngilinge, wazi imicabango yami, ubone uma kukhona indlela yosizi kimi; ungiholele endleleni yaphakade." Amahubo 139: 23-24*

### 4. UHLA LOKUHLANZA UMUZI

a. Okuhlangene nemilingo - Izenzo 19: 17-20; Duteronomi 7: 25-26

1. WUma kunguwe owengamele noma ophethe lapho, unqandisa yonke indawo engaphansi kwamandla akho. UMose wabhidliza zonke izithombe eziyithixo ebabenzile abantwana bakwa Israyeli emuva kokuba khulekela wabaxwayisa.

Duteronomi 9: 18-21

b. Umculo ohlangene nesono noma umlingo/okungabonwa ngamehlo - abaseFesu 5: 18-20

c. Izincwadi, amabhuku, ibhayisikobho, izinhlelo zamabonakude, okunokungcola kwi-inthanethi ukuvusa imicabango engekho. Izwi likaNkulunkulu yilo eliyokualusa sunku zonke. Filipu 4: 8; Amahubo 119: 9-11

d. Izithombe izibaziwe ezeyisa zicunule uMoya kaNkulunkulu kuwe .

*"Phendula amehlo ami, angaboni okuyize, ungiphilise endleleni yakho." Amahubo 119: 37*

e. Alzithombe ezibaziweyo, ikakhulukazi uma zisetshenziswa ezinkambisweni Duteronomi 7:5-6

f. Umcebo omningi

*"Kukhona ububi obudabukisayo engibobunile phansi kwelanga;ingcebo egcinelwe umniniyo ukuba imlimaze." Umshumayeli 5: 13*

g. Okushintsha umqondo noma okudakayo - utshwalal, izidakamizwa, ugwayi, njalo njalo. Esinye sezithelo zoMoya Oyingcwele ukuzibamba. Galathiya 5: 23

5. Khipha zonke izinto ezingalungile ekhaya nasempilweni yakho, vuma izono zakho, bese unqabe futhi uxoshe imimoya emibi kulabo abahlala kulo ikhaya lakho manje nababehlala kulo kudala.

*a. Ukuqondanisa: Ngena kuwo wonke amakamelo wenze umkhuleko wokuvuma nowokulwa nosathane nezimpelesi zakhe zasesihogweni.*

**Umkhuleko wokuvuma:**

"Baba oseZulwini, Ngiza kuwe egameni leNkosi uJesu Krestu ngivuma ukuba ngonile ngavumela futhi ngenza okuyisono kulendawo( uma lokhu kuyikho). Ngike ngaba nezinto eziphikasana nawe Nkulunkulu kulendlu. Ngiyakuvuma lokhu njengesono futhi ngicela ukuba ungixolele egameni leNkosi uJesu Krestu. Ngiyavuma ukuba isono senziwe kulendawo ngabantu abebhlala kuyo kuqala futhi ngicela kuwe ukuba uyihlanze konke ukungcola. Ngiyawubiza lomuzi embusweni kaNkulunkulu, egameni leNkosi uJesu, Amen." Ukumvimba nokumxosha ngamazwi: "Sathane, eGameni leNkosi uJesu Krestu, ngiyakuhlasela nazo zonke izimpelesi zakho zobumnyama ebezhlala kulendawo.Ngiyawanqoba amandla akho akulendawo, ngizakubusa wena nemimoya yakho emibi ekhona kulendawo. Ngiyakuphuca igunya obunalo kulendawo, futhi ngibopha yonke imimoya emibi. Ngiyakuyala ukuba uphume uphele kulendawo ushone esihogweni njengamanje eGameni leNkosi uJesu Krestu."

Umkhuleko wokuzinikela:

"Baba oSeZulwini, eGameni leNkosi uJesu Krestu, Ngiyacela ukuba uhlanze ikhaya lami (impahla nendawo) ngegazi leNkosi uJesu Krestu, uhlale kulo noMoya wakho oyingcwele.Nginikela ikhaya nakho konke okwami kuwe. Umbuso wakho mawufike nentando Yakho yenziwe kulendawo.Thumela izingelosi zakho zihlale emngceleni walomuzi eGameni leNkosi uJesu Krestu, Amen."

6. Nikela ikhaya nempahla yakho eNkosini uJesu Krestu ngokungcwele izicabha ngo oyela njengophawu legazi lemvana.

ULevitikusi 8: 10- 12

Ngalenkati ungcwelisa ikhaya lakho eNkosini, ubeka ukuthi ikhaya lakho LIYINGCWELE ENKOSINI.

7. Hlanza uphinde unikele ikhaya njengomsebenzi oqhubekayo..

a. Gcina 'udoti' ungaphandle.

b. Uwugcwalise ngezinto ezizodumisa uNkulunkulu.

Isibonelo: Umbhalo ongcwele ezindongweni, umculo wokholo, njalo njalo etc.

l. Emva kokuwuhlanza , uwugcwalise umuzi wakho ngengecho kaNkulunkulu. Uphokophelele ekuwubuyiseleni esandleni nempilo kanjalo ngokulungisa ushintshe okungalungile ukuba kulungefe.

1. Imiphi imigomo ebekwa yilezihluko njengesisekelo sokuqonda ukuba izipho izenzo nezimfundiso ekumele sizamukele emakhaya ethu nasezimpilweni zethu?

a. Filipu 4:8

b. 1 abaseKorinte 10:31

c. abaseRoma 13:14

d. abaseFesu 5:10

e. 1 abaseKorinte 3:16

f. abaseRoma 14: 13, 21

IZIMPENDULO: a. Noma yikuphi okuyiqiniso, nobuqotho, okulungile, okucwebile, okuhle.  
b. Noma ikhuphi okudlayo, okuphuzayo nokwenzayo, kwenze egameni llokudumisa uNkulunkulu,  
c. Gqoka iNkosi uJesu ungayihlinzekeli inyama.  
d. Zama ukufunda ukuthi ikuphi okujabulisayo eNkosini  
e. Ngiyithempeli likaNkulunkulu likaMoya Oyingcwele.  
f. Ungabeki izithiyi endleleni yomfowenu; Uma ucabanga ukuthi okuthize akuhlazekile kuwena kunjalo; yilowo nalowo unezinga elihlukile lenkululeko.

**Ipheshana lokusebenza/lokuzivivinya leKhasi 4—Hlambuluka wenzela uMbuso kaNkulunkulu**

*Uyacelwa ukuba udabule teliphapha bese uphendula imibuzo ekulo ngalenkathi ufunda isifundo.*

**1. Yimaphi amanye amajoka obugqili empilweni yakho?**

**Izibonelo: umona, ukwesaba, ukuphatha, ukunqikaza, ukulahlwa, ukusolwa, intukuthelo, ukuhlubuka**

---

**2. Ngokwakho, iyini impi yomoya kuwe? Cabanga ubugqila obuthize oke waba nabo kwingxenyethize yempilo yakho nokuthi yikuphi okwenzayo manje ukuze uhlae ukhululekile.**

*Impi yomoya kimi yi*

---

**Usuke waphinda yini wanika indawo ijoka lobugqila noma ubugqila empilweni yakho futhi. Iliphi lelo?**

---

[Bheka uhla lezinto ezingubugqila ekhasini lesithathu lalencwad]

**3. Iziphi izingxenyeh zempilo lapho isitha esijwayele ukukuhlasela kuzo kakhulu? Bheka izingxenyeh.**

- umhlaba—inkanuko yokuba nezimpahla eziningi
- umqondo/ inhliziyo—kusetshenziswe ngokuphambanisa encwadini eyingcwele
- Intando—uma ngifuna ukwenza okulungile, Angikwazi
- indalo endala—ngamanga okuthi ungumuntu nje nawe uphila emhlabeni
- Umndeni, owakwakho, izihlobo
- abangani—emsebenzini nakwezinye izindawo abakufaka imfundiso yesono
- Money—financial situation

**4. Iziphi izinyathelo okumele uzithathe ukuzilungiselela ekulweni nosathane empini yoMoya? Bheka ekhasini 38 ebese ungena empini yoMoya kuzo zonke izingxenyeh zobugqili osuzibonile.**

- a. \_\_\_\_\_
- b. \_\_\_\_\_
- c. \_\_\_\_\_
- d. \_\_\_\_\_

**5. Yenza uhla lwezinto empilweni yakho or ekhaya ezikhubalisa uMoya Oyingcwele:**

---

---

---

**6. Kungabe usukulungele ukusho umgomo ozoshintsha ikhaya lakho libe indawo engcwele egcwaliswe uxolo nothando lweNkosi uJesu Krestu?**

**AE muva kokuba uhlanze ikhaya lakho, yisho lomgomo phezu kwekhaya lakho:**

**“Ngiyasho ukuthi ikhaya lami lizakukhululwa kwi \_\_\_\_\_,**

**\_\_\_\_\_, \_\_\_\_\_, njalo, njalo. Ngiyahubeka ngiyasho ukuthi uJesu Krestu uyiNkosi futhi ebusa lapha kulendawo”**

## Ikhasi 5

### Ukunqoba impi yomqondo 2 abaseKorinte 10: 3-5; uFilipu 2:8

**Iqiniso elingukhiye: Umqondo wethu iyona inkundla yempi enecebo lapho izimpi nesitha ziliwa futhi zinqontshwe khona.**

**Inhloso yesifundo: Ukufunda ukuba sikwazi ukubona amaqhinga kasathane emqondweni wethu nokuthi siyigcina kanjani imicabango yethu ithobeke uKrestu.**

**Isahlukwana esingukhiye: 2 abaseKorinte 10: 3-5**

**"Ngokuba noma sihamba sisenyameni asilwi ngokwenyama, ngokuba izikhali zethu zokulwa kasizo ezenyama, kodwa ngaye uNkulunkulu zinamandla okubhidliza izinqaba, zichitha izizindlo nakho konke okudephileyo okuziphakamisela ukuthiyana nokumazi uNkulunkulu, namacebo onke siwathumbela ukumlalela uKristu."**

A. Umqondo womuntu inkundla yempi lapho usathane nemimoya yakhe yobubi belwa khona neqiniso futhi kuphikiswe ikholwa. Intando yomuntu nemizwa yomuntu kunjengengqaba evikela umuzi le imimoya emibi enqwenelela ukuyithumba. Inkundla evulelekile lapho impi ihlasela khona ukususa lenqaba ingqondo. (bona izahlukwana ezingukhiye futhi bheka umboniso ekhasini 53)

1. Konke ukuxhumana phakathi komuntu namandla kasathane kwenzeka esithweni semicabango. Umuntu wahlulwa isitha ngokuvumela imicabango enobusathane, ngokuyikholwa nokuyenza. Emuva kwalokho, uNkulunkulu wathi zonke izinhloso zemicabango yenhliziyo noma ingqondo yomuntu kungububi obuqhubekayo. Imiphumela inenkohlakalo, udlame nokungalingile ngokocansi okwaze kwafinyelela ekutheni uNkulunkulu abone isintu sikhohlakele noma sinamadimoni ngaphandle komndeni kaNowah. Kwakumele abhidlize konke ngaphandle kwensalela encane yesintu. uGenesis 3: 5-9 uGenesis 6: 5-9, 12-13

2. Usathane waba nentuba ezingqondweni zethu kusukela ekuqaleni. Ingqondo yomuntu ongavuselelekile inqaba yesitha. Abazali bethu nabasiphetheyo bakhusele abanye bethu kakhulu kunabanye. Abanye bafundiswa ukwenza izinqumo ezilungile nokuhlela intando yabo imelane nemicabango eyisiphazamiso. Kepha sonke sesike sadlula esimweni sokuthi sihlaselwe isitha emiqondweni yethu.

3. Izindawo zohlaselo zihlanganisa nosiko, uhlelo lemfundo, amanga anobudimoni athulwa ezingqondweni zethu nezinkolo ezingekho. IBhayibheli lichaza kabanzi ngesimo semiqondo yethu ngaphambi kokusindiswa.

Bheka lezahlukwana bese ubhala igama elichaza isimo somqondo womuntu ngaphambi kokuba aguquke / aphenduke.

- a. abaseRoma 1:21 \_\_\_\_\_  
b. abaseRoma 1:21 \_\_\_\_\_

- c. abaseRoma 1:28 \_\_\_\_\_
- d. abaseRoma 8:7 \_\_\_\_\_
- e. Galathiya 4:3 \_\_\_\_\_
- f. abaseKolose 1:21 \_\_\_\_\_
- g. abaseKolose 1:21; Ephesians 2:3 \_\_\_\_\_
- h. abaseKolose 2:8 \_\_\_\_\_
- i. uMathewu 15:19 \_\_\_\_\_
- j. 2 abaseKorinte 3:14 \_\_\_\_\_
- k. 2 abaseKorinte 4:4 \_\_\_\_\_

IZIMPENDULO ZA A3: ukuba sebunmyameni, ukuba yize, ubuvwala, ukonakaliswa, ukuba sebugqilini bemimoya emibi, ukwehlukaniswa noNkulunkulu, nobutha noNkulunkulu, ubugqili, ukukhohliswa, ukuluthwa, ukufihlelwa iginiso leVangeli ngusathane.

### OKUNGUUKHIYE EKUTHENINI UHLEZI UNOMQONDO OPHUSILE

Ikhulwa kumele ligcine ingqondo yalo ekuthuleni noNkulunkulu ngazo zonke izikhathi.

"Inhliziyo eqinileyo uyayilinda ngokuthula okupheleleyo, ngokuba yethemba kuwe. Themboni kuJehova kuze kube-phakade, ngokuba uJehova, yebo, uJehova ulidwala elingunaphakade." Isaya 26: 3-4


"Ningakhathazeki ngalutho, kepha kukho konke izicelo zenu mazaziwe nguNkulunkulu ngokukhuleka nokunxusa kanye nokubonga. Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke kuyakulondoloza izinhliziyi zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu." Filipu 4: 6-7

4. Loyo ongasindisiwe uyisigqila sika sathane. Umphefumulo wakhe yiwo olawula izenzo zakhe. Loyo owemvelo phambi kukaKrestu uyamkhulula uncike ekusebenzeni komqondo, imizwa, nentando njengesisekelo sezinqumo nokuziphatha kwakhe. Umzimba uyisigqila somphefumulo. Inyama nezinkanuko zayo nokufutheka kwenhliziyo kunemfudiso okuyinika ukuziphatha kwaloyo ongasindisiwe. Umoya waloyo ongasindisiwe ulawulwa ngumphefumulo. Ubumnyama bugcwele emoyeni futhi loyo ongazaliwe kabusha usebenzisa unembeza, nokuzibonela ngomqondo nezahlulelo zabantu ukuze athathe izinqumo. Kulula ukubona ukuthi usathane angayifaka kanjani imfundiso, akhohlise, ayenge nokuthi asibambe futhi isoni. Uyisigqila sesono.

KwabaseRoma 6: 16 uchaza kabanzi ngesimo songazaliwe kabusha:

*"Anazi yini ukuthi lowo enizinikela kuye ukuba nibe yizinceku zokumlalela, niyizinceku zakhe enimlalelayo, noma ezesono kube-ngukufa noma ezokulalela kube-ngukulunga, na?"*

Funda ishadi leli ngenzansi ukuze uqonde kangcono



1. Soul - ruling power
2. Body - under the control of the soul
3. Human spirit - under control of the body & soul

## AFTER THE FALL

### Ephesians 2 : 1-3

B. Isenzo sokuqala ukuze sibuyiselwe imqondo yethu isitha, impenduko nensindiso.

1. Igama elithi "impenduko" lichaze "ukushintsha komqondo".

uKwabaseRoma 10: 9, 10, 13 uthi, "ngokuba uma uvuma ngomlomo wakho ukuthi uJesu uyinkosi, ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo, uyakusindiswa; ngokuba umuntu ukholwa ngenhliziyo kube ngukulunga, ngomlomo uyavuma kube-ngokusindiswa.....ngokuba 'bonke abakhuleka egameni leNkosi bayakusindiswa.'"

2. Sesinengqondo engekho enzondweni noNkulunkulu. KwabaseRoma 8

Uqhathanisa ingqondo yenyama le enobutha noNkulunkulu naleyongqondo yoMoya

Romans 8: 5-6, "Ngokuba abokwenyama ngomlomo banaka okwenyama, kepha abakaMoya banaka okukaMoya. Ngokuba ukumaka okwenyama kungukufa kepha ukunaka okukaMoya kungukuphila mokuthula"

3. UMoya Oyingcwele usebenzisa izwi likaNkulunkulu ukwakha uphinde ushintshe imiqondo yethu ukuze siyazi intando kaNkulunkulu futhi siyenze

2 Timothy 3: 16-17, "AYonke imibhalo iphefumulelwe nguNkulunkulu ilungele ukufundisa, nokusola, nokuqondisa, nokuyala ekulungeni, ukuze umuntu kaNkulunkulu aphelele, apheleliselwe yonke imisebenzi emihle."

C. UNkulunkulu ufuna ukuba kubuyiselwe esimweni umqondo, inhliziyo, intando, imizwa, nezinkanuko zethu, zibuyiselwe esimweni esihle njengoba zazakhiwe kanjalo, ukuze singadumisi nje uNkulunkulu emicabangwe ni yethu kodwa ngenxa yalokhu, sizokumdumisa enkambweni yethu futhi.  
[Bona okukhonjisiwe ekhasini 55 & 56]

1. Ushintsho ekucabangeni luzala ushintsho ekuziphatheni. Inhloso ukuba sibe nomqondo kaKristu ulawule indlela esicabanga ngayo nalokho esikwenziswa imizwa.

1 KwabaseKorinte 2: 16, *“Ngokuba ngubani owake wazi umqondo weNkosi ukuba angaze ayifundise na? Kepha thina sonomqondo kaKristu.”*

Okuthenjisiwe nguNkulunkulu sizokwazi njengoba sesinomqondo wobuKrestu.

a. 1 KwabaseKorinte 2:12 \_\_\_\_\_

b. KwabaseRoma 12: 2 \_\_\_\_\_

IZIMPENDULO: a. Sizozazi izinto esizimikwe uNkulunkulu ngomusa.. b. Sizokwazi ukuthi iyiphi intando kaNkulunkulu ngezimpilo zethu.


2. Uma uMoya Ongcwele ungena ngesikhathi sensindiso, uba yisihlalo sikhahulumeni. Sinomphathi omusha ozosifundisa ukuba sithembe iNkosi yethu uJesu Kristu neZwi lakhe eliyngcwele.

Singena ohlelweni olude lwempilo lokungcweliswa lapho sizogqulwa sibe isithombe sikaKristu.

Siyafundiswa ukuba sinikele imiphefumulo nemizimba yethu ekuphathweni Nguye. Siyafunda nokuthi imicabango yethu nemizwa akumele ilawule ukuthathwa kwezinqumo ezimpilweni zethu.



# THE REGENERATE MAN (after salvation)




Areas may still be under enemy control [ Eph 4: 27 ] ex. anger, lust, etc.

Needs deliverance [ Matt. 17:20 ] [ Luke 10:17-19 ]

Ikhola kungenzeka lingakhululwa ngokuphele ezinqabeni zesitha ezingxenyeni ezithile ngempilo yalo. Ukuphulukiswa ebugqilini bamadimoni kungadingeka. Ikhola lingamema uMoya Oyingcwele ukuba uhlale kulezo ngxenye zempilo yalo lapho isitha sike sangenisa khona.

# THE REDEEMED CHRISTIAN SET FREE



Evil spirits still attack,  
but now you know how to  
stand firm.

If you abide in my Word,  
then you are truly disciples of Mine,  
and You shall know the truth, and the truth  
shall make you free. John 8: 32

D. Umqondo udinga ukubanjwa wakhiwe kabusha ezingxenyeni zentando, ubuhlakani, imicabango, nezinkanuko.

1. **Intando** isitho sokuthatha izinqumo. Yiyo elisondo eliqondisa imikhumbi yezimpilo zethu. UNkulunkulu uyaqonda ukuthi sinentando yokuzibusa. Akangeneleli ekutheni intando yethu isebenza kanjani kepha okungcono Usinika iqiniso bese asinike inkululeko ephelele ukuba silamukele noma siliqheke. Lokhu kungumgomo obaluleke kakhulu ukuba siwuqonde ohlelweni lwethu lokuthola futhi ukuziphathela izingqondo zethu ngokuphelele. UNkulunkulu akeveli nje ngokushesha azithathele izingqondo zethu bese elawula imicabango yethu nezenzo zethu. UKwenza kucace ukuthi lokho **kuyisibopho sethu ukuba sithumbe yonke imicabango ngezikhali aSinike zona: IZwi likaNkulunkulu, amandla eGazi, neGama leNkosi uJesu Kristu.**

Lezahlukwana ezilandelayo zibalulekile:  
uJohane 8: 31- 32 uJakobe 4: 7

**Ukuqondanisa:Ngokwenza ngokwentando yethu sizothobela intando kaNkulunkulu, bese siba sisemweni sokumxosha usathane sibuyise izingqondo zethu ukuze sibe nemiqondo ephusile futhi ecabanga konke okudumisa iNkosi uJesu Krestu.**

2. UNkulunkulu wasinika **imizwa** ukuba sithakasele umhlaba nokukuwo nokuthi sikhulume ngenjabulo yethu kuNkulunkulu. **Imizwa** yethu iphendula kulokhu okungena ngaphandle nakuMoya kaNkulunkulu ngaphakathi. IBhayibheli linezibonelo eziningi zemizwa eyizimpindulo ezivela emakholweni ngemisebenzi emihle kaNkulunkulu , njengo,  
IHubo 149 noLuka 1:47

3. Kumuntu wemvelo, impendulo kulokho esikuzwayo isemandleni yemizwa. **Imizwa** , **izintshisekelo nezinkanuko** konke kuyingxenywe yenhliziyu. Ngenkathi sikhanyiseleka ngemizwa yethu yemvelo ingalenkathi sicaciseleka ukuthi angeke sathembela kuwo futhi ayashintsheka futhi angeke sincike kuwo ukuba asihole empilweni yethu. Imizwa akumele neze kube yiyo ephethe impilo yomuntu. Uma uMoya Ongcwele ungena kithina, Uletha izithelo zothando, injabulo, ukuthula, ukubekezela, ububele, ukulunga, ukwethembeka, ubumnene nokuzibamba nokuthi imizwa yethu ibe ngephansi kwempatho yoMoya kaNkulunkulu. Galathiya 5:22-23  
uPawula uyafundisa kwabaseFesu 4:26-27, ukuthi imizwa yethu ingaba isono uma ingaphethwe ngendlela uNkulunkulu ahola ngayo. Usathane uba esethola intuba yokungena empilweni yakho.

4. Ngenkathi INkosi yethu uJesu Kristu isesikhathini esinzima sobuhlungu empilweni yaso, Yanikela INtando yayo nekufisayo kuNkulunkulu uBaba. Wase ETHola Amandla okubhekana nesiphambano. Uma siyengeka ukuba sivumele ubuthakathaka benyama, uvuko, izinkanuko noma inhliziyu ezosiholela kude nokubona intando kaNkulunkulu, kumele sithobise intando yethu kuNkulunkulu. **Izinhliziyu zethu nazo zingamelana nesiphambano ngokuthi singazivumeli ukuba zisithathele izinqumo.**

**Ziba izisebenzi zentando yethu, ezithobela iNkosi uJesu Kristu.**

KuMathewu 26: 37- 42, sibona isibonelo uJesu asibekela sona.

Kubekiwe esiphambanweni okuyisikhala sezinhliziyu zethu:

*“Kepha abakaKristu Jesu babethele esiphambanweni inyama kanye nokuhheka nezinkanuko. Uma siphila ngoMoya, masihambe futhi ngoMoya, et us also walk by the Spirit.”*

*Galathiya 5: 24-25*

5. INkosi yethu uJesu wasexwayisa wathi emndenini nasezimpilweni zethu sizoba nazo izikhathi ezimbi nezinhle zemizwa/ zenhliziyu, ukulahlwa nokuphambana ngemibono nalabo esisondelene nabo. Wathi indlela eya ekunqobeni izimo ukuthabatha nqamulezo, siyekele okufiswa yizinhliziyu, sithobele intando yakhe kuzo zonke izingxenywe zempilo yethu, zonke izinsuku. Ake sifunde amazwi kaJesu atholakala:kuMathewu 10: 34-39

yakhe kuzo zonke izingxenywe zempilo yethu, zonke izinsuku. Ake sifunde amazwi kaJesu atholakala:kuMathewu 10: 34-39

6. Usathane uyazama ukuvusa imizwa, ukuhaha, nezinkanuko ukuze sikhethe isono noma azame ukuba sahlulwe intando yethu ngokusebenzisa ukuthula ukuze singakwazi ukuzithathela izinqumo ezilungile( II AbaseKorinte 11:3)

**Inhloso kasathane ukuba asidicilele phansi size siyeke intando yethu sivumele yena noma umoya omubi ukuba uhaqe ingxenywe yengqondi, intando noma imizwa yethu. Intando yethu iyisithiyu ekuhlaselweni isitha.**

E. UNkulunkulu, ngaso sonke isikhathi, usiphatha ngokwenhliziyo noma imiqondo yethu. UNkulunkulu akasoze amlahla onenhliziyi ephukileyo nedabukileyo.  
iHubo 51: 17 iHubo 10: 17-18

1. Umkhuleko kaDavide kumaHubo 51: 10-12 kudinga ukuba kube ngowethu. Ku Isaya 57:15, uNkulunkulu ongcwele uyabeka ukuthi uhlala kubo abomoya ophansi nodabukileyo.

2. **Ukuzithona nokwaphuka** aizimo ezibalulekile zokuba uNkulunkulu aphinde akhe imiqondo yethu.

3. Kumele samukele **izwi likaNkulunkulu ngokuzithoba** njengomthombo weQiniso lona elizoshintsha futhi lakhe imiqondo yethu.

4. Ngenkathi samukela ukhlanganiswa kwethu noKristu, sinikwa ubuphansi Bakhe benhliziyo futhi sithole nokuphumula kwemphefumulo nenhliziyo. Kuyakhawula ukuphatha izimpilo zethu. Leliqiniso ilotshiwe ngokucacile ndawo zombili etestamenteni elidala nelisha:  
Isaya 66: 2 uMathewu 11: 28 – 29

**Umgomo wempi: Uma nje sihlala sithembele kuye ophilayo uKristu ngaphakathi kithi kuzo zonke izimo, siyohlezi siinqoba. Injongo ephambili kasathane ebhekene nekhulwa ukuba asisuse esikhundleni sethu sokunqoba nase kuzibandakanyeni noKristu.**

F. Sidinga ukuba sihlezi sinomqodo okhululekile, ohlanzekile, oqwashile nofisayo ukuze konke lokhu uNkulunkulu anenjongo yokukufeza ngathi kwenzeke .

1. Uhlangothi lomqondo onempilo luchasisiwe eTestamenteni elidala ngoMprofethi uDaniyela. Wahlala emagcekeni enkosi yaseBhabhiloni, esihlalweni samandla kasathane. Ababenaye kwakuyizanusu, abenzi bomlingo, abathwebuli, nezangoma. Ngokukholwa nokumethemba kwakhe uNkulunkulu, uDaniyela wakwazi ukuma ngokunqoba nokudlulela eMbusweni kaNkulunkulu. Yini eyenza ukuba uDaniyela abe namandla emoyeni?

a. Wayezimisela **enhliziyweni yakhe zonke izinsuku** ukuba angazingcolisi ngokudla kwesitha. Daniyeli 1: 8

b. Wayezithoba **zonke izinsuku phambi kukaNkulunkulu**, emdumisa ngaso sonke isikhathi, efunda ngokuzimisela futhi ephila **ngokungafihli okholweni lakhe** kuze zonke izingxenyi zempilo yakhe. UNkulunkulu wamupha umqondo onamandla egcwele okukaNkulunkulu.

2. Buka lemibhalo eyingcwele bese ubhale okuhle uNkulunkulu amnika kona uDaniyela.

a. Daniyela 2:14 \_\_\_\_\_,

b. Daniyela 5:11-12 \_\_\_\_\_,

c. Daniyela 5:14 \_\_\_\_\_

3. Ukuqondanisa: Izwi likaNkulunkulu lichaza kabanzi ngomqondo ophusile ohlezi ulindele impi.

Kumele sizithathele

a. **Amandla, uthando nomqondo** oqatha

2 Timothy 1: 7

b. **Ingqondo eguquliwe** ngeZwi likaNkulunkulu

abaseRoma 12: 2

c. Ingqondo ezelwe kabusha, eneqiniso, nokuzibamba

**abaseFesu** 4: 20- 32

d. Ingqondo ezithobile, ezimisele ukusebenza

KwabaseFilipu 2: 3, 5

ndawonye namanye amakholwa ukwakha isonto

KwabaseFilipu 1: 27; 2:3,5

e. **Ingqondo ehlezi eqinisweni**

KwabaseFilipu 4: 8

f. **Ingqondo ehlezi ezintweni lezi ezingaphezulu**

abaseKolose 3: 2

uMathewu 5: 21

g. Umqondo oqwashile futhi othembekile

1 Thesalonika 5: 8,9

h. Umqondo ohlezi unenjabulo

1 Thesalonika 5:18

i. Umqondo ozothile olindele impi

1 Petro 5: 8

*IZIMPENDULO za F2\_inhlakanipho, ukuhlakanipha kobudoda,ubuhlakani, ukubona okusithekile,ukuqonda,ukukwazi ukuxazulula izinkinga ezinzima*

**Umgomo wempi: Embusweni woMoya, umthetho wokuphikisa usebenza ngaso sonke isikhathi ukuze kuqhutshekwe. Njengoba ukukhanya kuxosha ubumnyama, iqiniso kumele lishiwo ukuba linqobe amanga**

**G. Bona izithiyo eziyingozi usathane acupha ngazo umqondo wakho, intando nemizwa ukuze ukwazi ukuhloma ngezikhali zakho zoMoya ulwe nokuzibhubhisa.**

1. **Ukungathatheki kokoMoya** – Lesimo somqondo oluffi sivumela amadimoni ukuba aqhubeke nokukhathaza. Kumele sihlezi sinomqondo wokuba sempini. Kumele sihlezi siqwashile sigadile singabi abangenakukhathala. 1 Petro 5: 8

2. **Ukuthula/Ukubekwezela** – Lesi simo sivumela amandla angaphandle ukuba asivuselele. Umehluko oqavile phakathi komsebenzi kaMoya Oyingcwele naloyo womoya omubi ukuthi oMoya Ongcwele awusoze wasicela ukuba sibeke eceleni indlela esiyiyo, umoya omubi uyasiphoqa ukuba sivilaphe ukuze wona uthathe indawo yethu ugcine usenza irobhothi. UMoya Oyingcwele udinga intando yethu engaphoqiwe isebenzisane naye imthobele. Intando yethu kumele ihlezi ikhuthele phansi komthetho waMoya Ongcwele ukugwema ingozi yokuthula kokubekwezela. amaHubo 40: 8

3. **Umqondo okhahlwe/ongenalutho** ongalungiselekile ukuba uqhamise uvumele isimo sokuba umoya omubi uhlohle imicabango yawo kuyo. Ungalinge uvumele isimo somqondo ongenalutho noma ongazazi umi kuphi. Incwadi eyingcwele ithi kumele sihlezi siqwashile emqondweni futhi sibheke eqinisweni. 1 Petro 1: 13

4. **Imicabango engahlanzekile** – Imimoya emibi iyohlezi izama ukuhlola imicabango engcolile . Uma silondolozo noma sithanda imicabango eyisono, kuba esikukhethile emqondweni bese ijike iba esikwenzayo. Lapho sidinga ukusivuma isono simxoshe usathane kulendawo. Ukuyengeka akusiso isono kepha ukuvumela uze ukwenze lokho kuyiso. Jakobe 1: 14 – 15

5. **Imizwa/ uvuso mbumbulu** okungakhona okwalapha emhlabeni – Qaphela izenzakalo zenkolo zokomzimba lezi ezihlasela ubuwena. UNkulunkulu usicela ukuba sihambe ngenkolo nethemba singahambi ngevuso/imizwa, inkolelo noma izehlakalo. abaseRoma 12:3; 2 abaseKorinte 5: 7 [bona isahluko sesithupha "see Session 6 on "Ukuthuthukiswa kwenhlakanipho"]

6. **Izipho mbumbulu** zingasebenza ekholweni elikhohlisiwe futhi elingafundanga ukuhlola imomoya ukuze libone ukuba iqhamuka kuNkulunkulu na [Bona isihlalo 6]

7. **Ukwamukela iziphakamiso** mayelana nekusasa lethu nelabanye noma nezimo –imoya emibi iyasilinga ukuba isinike amandla okungasiwo awalapha emhlabeni efihliwe eqhamuke njengezipho. Zonke izipho noma imiyalezo kumele ihlowe ngokuka 1 Johane 4: 1- 3 [Bona isahluko 6]

8. **Imicabango eyisihluthuhluthu** – Lesimo sikhiqiza ingcindezi yokwenza izinto ngokuxhamazela. Imoya emibi ithinta imiqondo ngengcindezi engaphumuli bese ilinga thina ukuze kufezeke izinhloso zayo ngaphambi kokuba sithathe isikhathi sokufuna iNkosi ukuba isibonise ukuba efuna sikwenze yini loko esikwenzayo. Yakha izinkanuko ezeqileyo zezinto. Ngokungakathali iyasidudula ukuba sifeze leso siphakamiso noma inhloso. Umqondo ngokufakwa imfundiso isitha uba nokungaphumuli ube nokuyalaza. Ngakwesinye isandla, uMoya kaNkulunkulu umnene unokuthula futhi Akasiphoqi ukuba sense izinto. Uyasihola kahle ngokuthula kancane kancane. Uma sizwa ingcindezi isihlasela isuka esiphakamiswen somqondo, kujwayele ukuba kungabi ukuthi isuke kuNkulunkulu. Johane 10: 3- 4

9. **Ukuphuthuma kwemizwa okunamandla**—Uma indawo ebuthakathaka kithi kuyimizwa, kumele siqaphe ukwenza izinto ngesihluthuhluthu semizwa. Zonke izindlela zikaNkulunkulu zingokuthula. UNkulunkulu uyasivumela ukuba siyitshengise imizwa yethu ngaphansi kwesandla sikaMoya kodwa isithelo ngaso sonke isikhathi kusuke kungesokulunga noxolo. Imizwa enamandla emibi esigebengayo isithelo sikaMoya Ongcwele akusiyo ekaNkulunkulu. Johane 14: 27

10. **Umqondo onexhala** ubonakala ngokulokhu udlala ngokuphindela izinto ezenzeka kudala nemicabango emibi ephelezela indlela yokucabange. Kujwayeleke ukuba kube nokukhathazeka, ubuphakuphaku, ukwesaba ongakwazi, ukwesaba ikusasa nombono ophathekayo onjengobuhlungu bekhandla, ixhala noma ukuqwashwa ebusuku. Izwi likaNkulunkulu lithi ikhambi lomqondo onexhala- Xhoshaxhala eNkosini ngomthandazo. abaseFilipu 4: 6 – 7

11. **Ukunqikaza okunamandla** ngaso sonke isikhathi kuyisitha esifakwayo emicabangweni yethu. Isitha sihlezi sizama ukubhubhisa ukholo lwethu kuNkulunkulu naseZwini Lakhe. Imimoya emibi ifaka amanga ngobunjalo bukaNkulunkulu ukuze singamethembi. Iphinde izame ukuba isenze sinqikaze osiyiko kuKrestu. Loku okungababulali bokholo kumele kubhekanwe nakho ngokungafihli ukulivuma iqiniso. uJohane 8: 32

12. **Umqondo odidekile** ilowo onemibono emibili ephikisanayo lapho kungekho okwenziwe ukuba ime endaweni eyodwa. Ukunquma ukukhetha iqiniso leZwi likaNkulunkulu kuphikisa amanga kuxoshe nendideko. Jakobe 1: 8

13. **Umqondo ohlezi kosekwadlula** iloyo olokhu uvusa izinto ezindala ezimbi ezenzeka. Uma sesikhululwe esonweni okwenzeka kudala nalokho ukuyizinqaba zobudimoni ezaba khona ngenxa yezinto ezenzeka kudala. Siyayalwa embhalweni ukuba singaxili kokwenzeka kudala okuyisono kepha siqhubekele phambili kokusilindile ngaphambili. abaseFilipu 3: 13- 14

## **Umgomo weMpi: Ukuvikelwa okungcono kakhulu ukucunula okungakathali.**

**H. Ukuqondanisa: Indlela yokunqoba impi yomqondo. Iba nomkhuba wokuthi zonke izinsuku wenze lokhu okulandelayo, uzomangala uma ubona ushintsho oluzoba khona emqondweni emqondweni wakho.**

1. **Zungeleza umqondo wakho uwulungiselele impi yazo zonke izinsuku.** AYamukela iqiniso lokuthi sisempini nesitha esishayisa ngovalo esefuna ukusiphanga sisibhubhise.

**1 Petru 1: 13**

2. **Thobisa** umqondo, intando imizwa nenyama yakho eNkosini uJesu Krestu zonke izinsuku bese ubiza owaKrestu umqondo. Ugqoke izembatho zempi kaNkulunkulu.

**1 abaseKorinte 2: 16**

3. **Gcwalisa umqondo wakho ngeZwi likaNkulunkulu zonke izinsuku.** Cabanga iqiniso, khuluma iqiniso bese uhamba ngentando kaNkulunkulu engafihliwe zonke izinsuku.

**amaHubo 119: 11**

4. **Qapha, ngokusebenzisa uMoya OyiNgcwele, umnotho ophathiswe wona.**

**2 Timothewu 1: 13- 14**

5. Gwema ukucabangela okunobuwula nezingxabano eziphazamisa ukuxhamana kwakho nokuthula.

2 Timothy 2: 23 - 26

6. Zila konke okufiphalisa umqondo noMoya wakho.

Hlosa enhliziyweni yakho ukuba ungonakaliswa ngokudla kwesitha.

2 Timothy 2: 19, 21 - 22

7. Bonga kuzo zonke izimo ngoba konke kuyintando kaNkulunkulu ngawe.

1 Thesalonka 5: 18

8. Hlola konke ngokuqaphela ngokweZwi likaNkulunkulu.

IUma kungahambisani neZwi likaNkulunkulu kulahle ngaleso sikhathi.

Izenzo 17: 11

9. Cela uNkulunkulu ukuba akunike ubuhlakani zonke izinsuku. Jakobe 1: 5

10. Zinikele ohlelweni lokushintsha umqondo wakho ube yilowo ogcwele uMoya futhi

okhulile eZwini ongakwazi ukusetshenziswa uNkulunkulu ewusebenzisela udumo Lwakhe.

1 abaseKorinte 14: 20, abaseRoma 12: 2

*“Inhliziyo eqinileyo uyayilinda ngokuthula okupheleleyo ngokuba yethemba kuwe.”*

*uIsaya 26: 3*

**Iphepha lokusebenza lesahluko 5—Ukunqoba impi yengqondo**

*Sicela udabule leliphepha bese uphendula lemibuzo ngenkathi ufunda lesi sifundo.*

*Faka uphawu ezimpendulweni ezilungile embuzweni wokuqala kuya kowesihlanu ohlwini-kuMbuzo 1.*

1. Iyiphi indlela ejwayelekile ukuthi ungahlaselwa ngayo. Faka uphawu +

\_\_\_\_\_ amehlo

\_\_\_\_\_ amadlebe

\_\_\_\_\_ umhaha

\_\_\_\_\_ imizwa

\_\_\_\_\_ intando ebuthaka

\_\_\_\_\_ izinkanuko zocansi

\_\_\_\_\_ Inkanuko yokuthola ulwazi olwengeziwe ukuze uthole ubuhlakani basemhlabeni

\_\_\_\_\_ umcabango

\_\_\_\_\_ umzimba uqobo—ukugula, ubuhlungu

2. Iyiphi indawo mpilweni yakho engahlaselaki kalula? Faka uphawu X kuloluhla olungaphezulu

3. Iyiphi indawo ocabanga ukuthi ihlaselwa ngokujwayeleke kakhulu esintwini? Faka uphawu kuloluhla olungaphezulu ngo J-Jwayelekile

4. Usathane wamhlasela nini umuntu aze uNkulunkulu azisole ngokwenza umuntu? Faka uphawu kuloluhla olungaphezulu ngo B-bhubhisa

5. Iziphi izindawo ezihlaselwayo empilweni yakho ezifanayo nalezi ezadala ukubhujiswa kwesintu (ngaphandle kukaNowa nomndeni wakhe)? Faka indingiliza ezimpendulweni ezingaphezulu ohlwini.

6. Iziphi ezinye izindawo zokuhlaselwa okwathi kusukela ubuntwaneni bakho ezaholela ekutheni ukholwe ngamanga athile ngoNkulunkulu nabanye nempilo?

\_\_\_\_\_ usiko

\_\_\_\_\_ the system of education

\_\_\_\_\_ amanga anobudimoni afakwe kuwe

\_\_\_\_\_ izinkolelo eziyize —amafilosofi, izimfundiso ezibhalwe phansi, ukholo, nokunye.

7. Yisiphi isinyathelo sokuqala okumele sisithathe ukuze sibuyise imiqondo yethu ekuphathweni isitha?

\_\_\_\_\_ sifunde enye incwadi

\_\_\_\_\_ sivume zonke izizono zethu

8. Bhala Q-Qiniso noma K-Kuyiphutha- kulezi zinto ezilandelayo okumele sizenze ukuba sibuyisele imiqondo yethu eNkosini uJesu Kristu.


- \_\_\_ buka umabonakude amahora amathathu kuphela osukwini
- \_\_\_ sivume ngemilomo yethu futhi sikholwe ezinhliziyweni zethu ukuthi uJesu Krestu uyiNkosi
- \_\_\_ sinikele imizimba yethu kuNkulunkulu ngomkhuleko zonke izinsuku
- \_\_\_ sigcwalise izimpilo zethu ngamafilosofi asemhlabeni
- \_\_\_ silalele izwi elithi “Kanye nje noma Angeke uzufe”
- \_\_\_ siphuma zonke izinsuku zisimisele ngokuba ofakazi balokhu okwenziwe uKrestu ezimpilweni zethu
- \_\_\_ ngigxile ekujwayeleni ubukhona bukaKrestu neZwi lakhe zonke izinsuku empilweni yami

9. Zikhona yini izinqaba ezinkulu ezisanamandla empilweni yakho ngaphezu kwakho? Bhala lapha ngenzansi “Yebo” noma “Cha”.

- \_\_\_ inqaba enkulu emizweni
- \_\_\_ inqaba enkulu emqondweni
- \_\_\_ inqaba enkulu enyameni

10. Chaza ngamazwi akho uhlelo lokuthi uNkulunkulu, ngoMoya wakhe Oyingcwele, usebenza kanjani nawe ukudonsela phansi izinqaba nokubuyisa yonke imicabango ekuthunjweni. \_\_\_\_\_

11. Yikuphi okusakhiwa empilweni yakho okwamanje? Kufake uphawu ‘x’.



12. Bhala izimfundiso (influences) ezimbili ezithintana nemizwa ngaphakathi nezimbili ezithintana nemizwa ngaphandle, kabi nakahle.

**IMIZWA**  
**IMFUNDISO/ITHONYA LANGAPHAKATHI**                      **IMFUNDISO YANGAPHANDLE**

\_\_\_ (imicabango emibi) \_\_\_\_\_  
 \_\_\_\_\_

13. Qedela lomusha olandelayo ngalokho okuchaza kangcono imizwa—ungaba nezimpendulo ezingaphezu kweyodwa.

- Imizwa: a. imizwa    b. imibono    c. izinkanuno    d. Ukufutheka kwenhliziyo



14. Phendula lemisho elandelayo emayelana nemizwa ngokuthi Qiniso-Q noma Yiphutha-Y Imizwa:

- \_\_\_ ingayingqoba intando
- \_\_\_ ayinasiqiniseko
- \_\_\_ iyimvelo ngakho kumele njalo itshengiswe
- \_\_\_ ingaguquka futhi iyashintsha
- \_\_\_ akumele ivunyelwe ukuba ilawule izinqumo zethu
- \_\_\_ ayizinqola esizisebenzisayo ukuba sitshengize uthando, ukuthula, injabulo nobukhona bukaNkulunkulu ezimpilweni zethu

15. Imuphi umuzwa onamandla kakhulu owuzwayo esingakungena ngawo isitha?

16. Gcwalisa izikhala ezingenalutho. Bheka ikhasi 57 #4.

- Imizwa kumele ifakwe e \_\_\_\_\_ ukuze ingavunyelwa ukuba i \_\_\_\_\_ izinqumo zethu.
- Imizwa yami kumele ibe yizisebenzi ze \_\_\_\_\_ njengoba ngithobela iNkosi uJesu Krestu. *Izimpendulo #16. Isiphambano/Ungamulezo, ukulawulwa, intando.*

17. Wlziphi izimo zezihliziyo zethu ezivumela iNkosi ukuba isiguqule iphinde isakhe imiqondo, imizwa nentando? Khetha amathathu lapha ngenzansi ngokufaka uphawu.

- \_\_\_ impakamo                      \_\_\_ ukuthula                      \_\_\_ inkohliso
- \_\_\_ intobeko                      \_\_\_ ubunzima/usizi                      \_\_\_ ukuthembeka kuNkulunkulu

18. Iziphi izinthiyo eziyingozi usathane aseke wazisebenzisa emqondweni wakho?

Faka uphawu X. Bheka ikhasi 60 no 61.

- \_\_\_ ukuthula/ukuvuma ngokomoya                      \_\_\_ ukuthobela ngokomqondo
- \_\_\_ umqondo okhohliwe                      \_\_\_ ivuso mbumbulu
- \_\_\_ imicabango engcolile                      \_\_\_ imibono ewuvuko
- \_\_\_ umqondo onexhala                      \_\_\_ umqondo okhathazekile
- \_\_\_ ukungabaza okunamandla                      \_\_\_ imicabango engekho/amaphupho
- \_\_\_ asemini
- \_\_\_ umqondo odidekile
- \_\_\_ imizwa egijimayo enamandla
- \_\_\_ umqondo obheke kakhulu kulokho osekwenzeka kudala kunokwamanje
- \_\_\_ umqondo osebenza ngokulawulwa izipho mbumbulu
- \_\_\_ imicabango neziphakamiso ezinamandla ngekusasa

19. Bhalal okuthathu ngokulandelana kwakho ongakwenza ukuze unqobe impi yomqondo wakho. Khetha kuloluhla olungaphezulu okukodwa ongakhuluma uchaze ngakho.

- a. \_\_\_\_\_
- b. \_\_\_\_\_
- c. \_\_\_\_\_

*Ngokuba ngubani owake wazi umqondo weNkosi ukuba angaze ayifundise na? Kephathina sinomqondo kaKristu. I abaseKorinte 2:16*

## Chapter 6 Ukwakhiwa kobuhlakani ngendlela kaNkulunkulu

Iqiniso elingukhiye: UNkulunkulu unika amakholwa ubuhlakani obungasiko okwalapha emhlabeni obusuka kuMoya Ongcwele ngalenkathi sikhula okholweni lethu nasekumazini oyiNkosi uJesu Krestu neZwi lakhe eliyingcwele.

UNkulunkulu uphinde anike abangcwele izikhali eziphelele ngeziphokungasizo ezalapha emhlabeni ngokufundisa okunosizo ngomzimba kaKristu.

Inhloso engukhiye: Ukuqonda ukuthi ubona kanjani nokuthi uvivinye imimoya ngemuva kwamagama, iziphokungasizo, izibonakaliso ezingazizo ezalapha emhlabeni nemisebenzi.

Izahluko ezingukhiye: "Bathandekayo, maningakholwa yibo bonke abomoya, kepha hlolani omoya ukuthi bangabakaNkulunkulu yini; ngokuba baningi abaprofethi bamanga abaphumele ezweni. Yazini uMoya kaNkulunkulu ngalokhu: bonke omoya abavuma ukuthi uJesu Kristu ufikile enyameni bangabakaNkulunkulu; lowomoya ongamvumi uJesu Kristu akasiye okaNkulunkulu; lowo ungowomphikukristu enizwe ngaye ukuthi uyeza, nakalokhu usefikile ezweni." 1 Johane 4: 1-3

"Kepha maqondana neziphiwo zokomoya angithandi, bazalwane, ukuba ningabi-nakwazi. Niyazi ukuthi nisengabezizwe naholekela kuzo izithombe eziyizimungulu nakuba naholwa kanjalo. Ngakho ngiyanzisa ukuthi: Akukho-muntu okhuluma ngoMoya kaNkulunkulu ongathi: Kathukwe uJesu; futhi akukho muntu ongathi: uJesu uyiniNkosi, kuphela ngaye uMoya oNgcwele 1 abaseKorinte 12: 1-3.

Lesi sifundo ngobuhlakani singasetshenziswa noma uzivivinye ngaso ephepheni lokuzivivinya ekhasini 72

**Isisekelo sabo bonke ubuhlakani izwi likaNkulunkulu**

**A. Ubuhlakani emakholweni ubuhle bokukwazi ukubamba nokuqonda okungalungile noma kufihlakele ebumnyameni; ikhohlwa eselikhulile okholweni elidla iZwi likaNkulunkulu eliqinileyo libonakala ngokukwazi ukuhlukanisa okuhle nokubi.**

*"Kepha ukudla okuqinileyo kungokwabakhulileyo, abathi ngokujwayela ukuwusebenzisa umqondo, sebenawo osulungele ukwahlukanisa okuhle nokubi," kumaHeberu 5: 14.*

1. Incazelo ngobuhlakani

- a. Olimini lesi Heberu lasethestamenteni elidala, *ukubona* " ukukwazi ukubona, ukwehlukanisa, nokuhlaza," [Vine's, 1985, p.60]
- b. EThestamenteni Elisha, igama elisho ubuhlakani lichaze "ukukwazi ukwehlukanisa nokuthi uphenye ngokubhekisisa". KuMathewu 16: 3; "ukuvivinya nokuvumela"; KuLuke 12: 56; nokwenza incazelo yokwahlulela"; amaHeberu 4: 12, iZwi likaNkulunkulu "ngokushesha libonisa imicabango nezinhloso zenhliziyo," i.e.,ukwahlukanisa nokukhuluma okwahlulelayo emicabangweni nasemizweni [Incwadi ka-Vine eyisichaza magama eThestamente elidala nelisha, Unger & White, 1985,p. 171]

2. Inhloso yobuhlakani/Ukuqonda

- a. Pawulu uthandazela ukuthi "uthando lwenu luvame kakhulu njalo ekwazini nasekuqondeni konke". abaseFilipi 1: 9.

b. Kungani kumele sibe nolwazi nokuqonda okuyiko na? Ukuze sikwazi ukubona futhi noma sihluze lokho sivume lokho okuhle ukuze singabi nakuzenzisa nokuzisola kuze kufike usuku lukaKristu.

3. Isisusa sobuhlakani/Ukuqonda

Yini ekumele igqugquzele ukufuna ukuqonda/ubuhlakani?

Ubuhlakani kumele bugqugquzelwe uthando lukaNkulunkulu nokusebenza kwethu emzimbeni kaKristu. Abaphrofethi base Thestamenteni elidala babewuhlobo olukhalayo lwabakhuleki bebathanda abantu babo, ngakhoke uNkulunkulu wayekwazi ukubasebenzisa ukubonisa nokusho intando kaNkulunkulu. (Jeremiya 9:1) uJesu waqondisisa ngenxa yothando. Njengokuthi endabeni yesigwili esasincane ngeminyaka esasiphethe, ibhayibheli lithi "Wayemthanda", ngakho uJesu wakwazi ukumnika amagama okuqonda aqinileyo lawo aveza amaqiniso futhi enza nezinqumo zokwahlulela esimweni sakhe. (kuMarku 10:21)

b. Ngaphandle kokugqugquzelwa uthando lukaNkulunkulu noMoya Oyingcwele, ubuhlakani bungaba isikhali sokwahlukanisa esandleni sesitha. Amasu namacebo okuphamba, okuqala ,awasebenzisa usathane kuAdamu noEva, kwakungukubaheha ebathembisa ukubanika ubuhlakani mbumbulu, "ulwazi lokuhle nokubi".

KuGenesis 3:5 igama elithi 'ulwazi' [ngesiHeberu—*yada*] luchaze 'ukuthola ngokubona'. Isitha sisebenzisa ubuhlakani mbumbulu ngendlela yobungoma, ivuso/ukubikezelwa, ukubhula nolwazi lokuphathelele negqondo okungaphatheki ngesandla. Ngalandlela, abantu abasebenzisa lamakhono bano lwazi ngaphandle kothando lukaNkulunkulu futhi bagqugquzelwa izisusa ezinamanga. Izithelo zobuhlakani bamanga ukwesaba, ubugqila emoyeni, ukudideka neziqalekiso.

**UMoya Ongcwele, inqola yobuhlakani, uyavumelana nombhala oyiNgcwele. Singasisebenzisa lesi sivumelwano njengesiqiniseko sobuhlakani obuyiko.**

**B. INkosi yethu uJesu Kristu wayeboniswa kuyo yonke indlela yakhe yomsebenzi wobushamayeli. Ngalenkathi sihlala ekuzibandakanyeni Naye, uMoya Ongcwele usinika iqiniso elidingekayo ukubona nofeza intando kaNkulunkulu.**

1. UJesu wayazi emoyeni Wakhe ukuba abantu bacabangani ezinhliziyweni zabo. ngokukaMark 2: 8

2. UJesu waveza ngobuhlakani obuchachile isono sangempela kowesifazane waseSamariya ngaphandle kokujeziswa.

Johane 4: 17- 18

**3. Ngokuhlala ebukhoneni bukaYise, uJesu wakwazi ukuqonda ngokuyikho zonke izimo. Incazelo yobuhlakani/ ukuqonda ikuLuke 12: 54-57 "ukukwazi ukuhlulela okulungile". UJesu wathethisa amaJuda ngokuba nobuhlakani basemhlabeni kuphela kepha bengenakho okoMoya. Wayekhuluma ngesidingo sokuqonda ngendlela eyiyo ngaleyo nkathi.**

**C.UMBikezeli uDaniyela wayenobuhlakani obuvela kuNkulunkulu obabubonakaliswa eMoyeni, ulwazi, ukukwazi ukubona okusithekile, ukuchaza amaphupha, ukuchaza amasithesithe, nokuzazulula izinkinga ezinzima.**

1. UDaniyela wachaza ukuthi ukukwazi kwakhe ukuveza izimfihlakalo kwakungasona isiphiwo semvelo kuye kepha UNkulunkulu wamnika sona ukuze kufezeke izinhloso Zakhe.

Daniyela 2: 30 Daniyela 5: 12

**D. Amakholwa esontweni lakuqala abona ukuholwa nguMoya Ongcwele ngenkathi iSonto likhula.**

1. Ngokujwayelekile, babevele babona ngokungafihli iziphiwo mbumbulu, isisusa noma uMoya wesitha bese bebhekana nakho ukuze kukhushulwe uMbuso kaNkulunkulu.

Funda lezahluko bese ubhala phansi ubuhlakani obanikwa nguNkulunkulu:

a. Izenzo 5: 3 \_\_\_\_\_

b. Izenzo 8: 29 \_\_\_\_\_

c. Izenzo 10: 19- 20 \_\_\_\_\_

d. Izenzo 13: 9- 10 \_\_\_\_\_

e. Izenzo 16: 16- 18 \_\_\_\_\_

2. Uma sisebenzisa ubuhlakani bethu kumele sincike kuNkulunkulu ukuba asivezele ngoMoya Ongcwele iqiniso elifanele noma indlela yokufeza izinhloso Zakhe. **Ubuhlakani bunikwe thina njengamakholwa oMbuso womsebenzi kaNkulunkulu, asinikiwe ukuba sizazele thina nokuthi kube lula nje kithi.**

IZIMPENDULO ZA D1: a. U Petro wabona usathane, umqambi wamanga kumakholwa ajeziswa ngokufa.

b. U Filipu waholwa nguMoya ukuba aye kohlenga umphefumulo. c. UNkulunkulu waqiniseka umbono ku Petrus okwaholeda ekusindisweni kwababengawona amaJuda.

d. U Pawula wabona isitha e- Elymas wasixosha ukuze abelane nge-vangeli nalayo.

e. U Pawula wabona umoya omubi wobungoma owawuvimba ivangeli e- EFesu

## **Amazwi anikwe ekuqondeni awaphikisi iZwi likaNkulunkulu**

*\* discernment-ukuqonda/ubuhlakani*

### **E. Ubuhlakani bukaMoya kumele bukhule.**

1. Ngenkathi sihamba emoyeni futhi sihlala kuye kuNkulunkulu siyakhula ekuqondeni ngokoMoya. UPawulu ufundisa iqiniso kwabaseKorinte bokuqala, isahluko 2: 6- 16

2. Ukuqonda noma Ubuhlakani boMoya kunguphawu lokukhula ngokoMoya. Ukuqonda ngokoMoya kungumphumela kwalokho uNkulunkulu asinike kona neziphiwo zoMoya Ongcwele ezinikelwe kuMoya Ongcwele ukuzew ubuhlakani Bakhe neqiniso Lakhe kwazeke.

### **F. Zonke iziphiwo zikaMoya Ongcwele zisetshenziswa ngobuhlakani, kepha "isiphiwo sokubona phakathi kwemimoya" sisetshenziswa kakhulu empini yemimoya.**

Asike sibheke AbaseKorinte bokuqala 12: 1- 11

1. "Isiphiwo sokukwazi ukwahlukanisa phakathi kwemimoya" sitholakala ohlwini lweziphiwo zemisebenzi yobufundisi yokubonakalisa kwaMoya ngobuhle boMzimba kaKristu. Emsebenzini wobufundisi wokuphulukisa, isiphiwo sidingekile ukuze wazi nqo ukuthi iziphiwo ezisempilweni yomuntu.

2. "Isiphiwo sezwi lobuhlakani", "isiphiwo sezwi lobuhlakani", "isiphiwo sokholo olungagudluki" , "isiphiwo sokulapha", "esokwazi ukuqala izimangaliso", "esokuprofetha", "isiphiwo sezilimi ezahlukene", "nesokukwazi ukuchaza izilimu" yizo zonke iziphiwo ezikhishwa nguMoya Ongcwele zisetshenziswe empini yomoya ngendlela iNkosi ebona ngayo zidingeka.

### **G. Imigomo yobuhlakani/ ukuqonda**

1. Hlanzeka, ugcwalise ngoMoya Ongcwele, gqoka imvunulo yempi kaNkulunkulu ngaphambi kokuba ufune iNkosi ukuba ikubonise ngesimo esithize. Bese uyalinda ngokuzithoba phambi kweNkosi. Bheka lemiyalo kulezehluko ezilandelayo:

AmaHubo 25: 4, 5 AmaHubo 27: 14 AmaHubo 62: 5

2. Jeremiya 23:28 ukhuluma ngokubaluleka kweZwi likaNkulunkulu kunamaphupho.

3. AmaHubo 119: 66 nesahlukwana 99, abaHubi bacela ubuhlakani, futhi kuyaboniswa ukuthi uNkulunkulu uwuphendula kanjani loyomthandazo.

### **4. Siyayalwa ukuba 'sihlolisise konke' nokuba 'sivivinye imimoya'.**

**Lezi iziyalo embhalweni zokuvivinya imimoya.**

a. **1 abaseKorinte 12: 1-3** [isahlukwana esingukhiye]

b. 1 Thesalonika 5: 19– 22

c. **1 Johane 4: 1-3** [isahlukwana esingukhiye]

5. Vivinya futhi uhlole "iZwi eliqhamuka eNkosini" ngemibhalo engcwele. Isivivinyo sokuqala sakho konke okuyizenzo ezingazona ezalapha emhlabeni, nokungamagama atholakala ngenkathi kusebenza iziphiwo kumele kuqathaniswe neZwi likaNkulunkulu. Fundisisa ibhayibheli, uzokwazi ukubona okungakhona okwangempela. (Izenzo 17:11)

Imiyalezo eqhamuka kweminye imithombo, siyatshelwa embhalweni "ukuba sivivinye imimoya ukuba sibone ukuba ivela kuNkulunkulu yini". (1 Johane 4: 1-3, isahlukwana esingukhiye)

### **H. Ukuqondanisa: Ukuvivinywa kwweziphiwo zomoya, amazwi nemisebenzi yawo.**

**1 Johane 4: 1- 3**

#### **UYIVIVINYA KANJANI 'IMIMOYA'**

1. Isivivinyo sikhona sayo yonke imibonakaliso engasiyo eyalapha emhlabeni ekuthiwa iqhamuka kuNkulunkulu.

#### **2. UMKHULEKO WOKUZITHOBA:**

**"Baba oseZulwini eGameni leNkosi uJesu Kristu, ngiyacela ukuba ungivezele ukuthi lelizwi noma umbonakaliso ngokwezwi uqhamuka kuwe. Ngizovivinya lomoya ongemuva kwalomyalezo noma lombonakaliso njengoba kusho iZwi lakho. Ngiyakhuleka eGameni leNkosi yethu uJesu Kristu."**

3. Ukuvivinya isiphiwo noma izwi, akudingekile ukuba kuze kube kuyasebenza ngaleso sikhathi. Kodwa uma uvivinya umoya ongemuva kwesiphiwo sokukhuluma izilimu o test a gift or a word, it is not necessary that they be in operation. But if you are testing the spirit behind a "gift of tongues", then you may speak in the tongue during the test.

**"NgokweZwi likaNkulunkulu, ngiyawuvivinya lomoya ongemuva kwalomyalezo (noma izilimu noma isiphiwo), 'Uyavuma na ukuba uJesu Kristu ufikile waba inyama Christ is come in the flesh?'"**

4. Linda impendulo ozoyikhuluma ngomlomo. Uma iqhamuka kuNkulunkulu, impendulo yakho izoqhamuka kuMoya kaNkulunkulu ngolimi lwakho uthi:

**"Yebo, uJesu Kristu ufikile enyameni." 1 Johane 4: 2, noma**

**"Yebo, iNkosi uJesu Kristu uyindondana kaNkulunkulu ufikile enyameni noma**

**"Yebo, iNkosi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ufikile enyameni." noma**

**"Yebo, uJesu Kristu uyiNkosi." 1 abaseKorinte 12: 3**

5. Uma kungekho mpendulo noma kukhona okushiwoyo okungelona iqiniso, lelo lizwi, isiphiwo noma umbonakaliso awusilo iqiniso. Vuma kuNkulunkulu ukuba unike indawo umoya wesiphiwo/ izwi/umbono noma umbonakaliso ongesiwo owalapha amhlebeni kepha ongamanga. Lelizwi mbumbulu, isiphiwo esingekho noma umbonakaliso ongamanga udinga ukuba uwubike kuNkulunkulu, uwuphike futhi uwuxoshe.

**"Nkosi ethandekayo, Ngiyavuma ukuba nginike indawo umoya omubi ongene ngezilimu, isiphiwo noma umbonakaliso ongamanga. Ngicela ungixolele ngokuvumela ukuba kungene empilweni yami."**

**Njengamanje, uxoshe lomoya:**

**"EGameni leNkosi uJesu Kristu, ngiyaliphika lelizwi mbumbulu (noma isiphiwo).**

**Ngikuphuca konke okuyindawo ebengikunike yona empilweni yami. Ngigqashula amaketanga obungibophe ngawo, ngiyazikhulula ebugqileni obungifake kubo. Ngikhuza umoya othe leizwi (noma isiphiwo) ngiyawuyala ukuba uye esihogweni njengamanje, eGameni leNkosi uJesu Kristu."**

6. Cela uNkulunkulu akube agcwalise yonke ingxenye yempilo yakho ngoMoya Oyingcwele. Mcele akuohe iziphiwo zangempela ezinhamba ngokwentando Yakhe. 1 abaseKorinte 12: 11

**"Baba OseZulwini, Ngiyakucela ukuba ungihlanze ngeGazi elihle leNkosi uJesu Kristu.**

**Ngimema uMoya Wakho Ongcwele ukuba ugcwale kuzo zonke izingxenye zempilo.**

**Ngiyakucela ukuba ungiphe iziphiwo eziyizo zoMoya Wakho Ongcwele ezizongithuma ukuba ngishumaye leZwi lakho, Ngiyakubonga ngalokho eGameni leNkosi uJesu Kristu."**

**UMoya OyiNgcwele uyingqola yobuhlakani. Uhlezi uvumelana noMbhalo Oyingcwele. Singasisebenzisa lesi sivumelwano njengesiqiniseko sobuhlakani obuyiqiniso.**

**Iphepha lokuzivivinya-ikhasi 6—Ukukhula kobuhlakani**

*Sicela udabule leli phephs bese uphendula imibuzo ngenkathi ufunda lesi sifundo*

1. Bhala wonke amagama ongawacabanga achaza ubuhlakani:

\_\_\_\_\_

\_\_\_\_\_

2. Bhala, ngendlela ezwakalayo, okuyiyona injongo/inhloso yobuhlakani.

\_\_\_\_\_

3. Bhala igama elilodwa eliyisisusa sobuhlakani: \_\_\_\_\_

Manje qedela lomusho olandelayo:

Ubuhlakani obuyiko bugcina bukhapha umphumela.....

\_\_\_\_\_

4. Ikuphi uJesu ayengakwenza ngobuhlakani obenzekayo? Bheka ikhasi 68B. Emuva kokufunda lezahlukwana, khetha izimpendulo ezilungile nezahlukwana

\_\_\_ Mark 2: 8

a. uJesu wayaza impande yesono somuntu wesifazane Wase emhlenga Wamsindisa.

\_\_\_ Johanne 4: 17—18

b. uJesu wathethisa amaJuda ngokungakwazi ukuba abone izikhathi zamanje.

\_\_\_ uLuka 12: 54—57

c. uJesu wayaza ukuthi abantu babecabangani.

5. Sekubuyekwezwe, wenzani uDaniyela ukuze abe nomqondo ohlezi uqwashile futhi uhlezi ukulindele ukusetshenziswa ukuba ubone? Bheka ikhasi 68C. Bhekisisa izimpendulo ezilungile:

\_\_\_ waphuza iwayini zonke izinsuku

\_\_\_ wangakudla ukudla kwe"sitha"

\_\_\_ Wakhuleka kasikhombisa ngosuku anobuNkulunkulu

\_\_\_ wafuna ukuyalwa ngamadoda

\_\_\_ wayaza ukuba ungcono ngokomoya

\_\_\_ wayehamba ngokuzithoba phambi kukaNkulunkulu nakozakwabo

6. Kwangumuphi umphumela wokuba uDaniyela abe nomqondo oqotho?

Bhekisisa izimpendulo ezilungileyo:

\_\_\_ wayenesiphiwo sezwi lolwazi

\_\_\_ Ukuqonda

\_\_\_ wawuqonda umlingo waseBhabhiloni

\_\_\_ wayekwazi ukuchaza amaphupho

\_\_\_ wayekwazi ukuchaza izimpica—nezinkinga ezinzima

\_\_\_ wayenesigcini zincwadi esikhulu esigcina izincwadi ezilungile

\_\_\_ wanikezwa izibopho eziphezulu wakhushulwa nasesikhundleni

\_\_\_ wayengeke akwazi ukuphuma esigodlweni ngokwentando yakhe

\_\_\_ wayaza ukuba azigcine kanjani esebudlelwaneni noNkulunkulu

\_\_\_ wayekwazi ukubona zonke izimo ngamehlo kaMoya

\_\_\_ walahlekelwa ukuthandwa abantu lapha egekeni

\_\_\_ wathola ukuthenjwa umphathi wakhe-iNkosi

7. Konke okuyiziphiwo zomoya, 'izwi leNkosi, umbono. iphupho, izilimi, ukuphrofetham, kumele kuvivinywe: [Bheka ikhasi 70 & 71]

\_\_\_ umfundisi

\_\_\_ abadala

\_\_\_ IZwi likaNkulunkulu

8. Kuyadingeka ukuba ivivinywe imimoya ngoba:

- \_\_\_ ziningi iziphiwo mbumbulu ezinkonzweni kulezi zinsuku
- \_\_\_ kukhona izibikezelo zamanga
- \_\_\_ kukhona othisha bamanga
- \_\_\_ kukhona izimfundiso zamadimoni ezifundiswayo namuhla

9. Cabanga isiphiwo akunike sona uNkulunkulu ongasiza ngaso esontweni. Ngokungananazi, kungenzeka ukuba unazo eziningi, kodwa ake sivivinye esisodwa nje.

Qedela lomusho olandelayo:

"Ngicabanga ukuthi uNkulunkulu ungiphe isipho soku \_\_\_\_\_. Ngizolilalela iZwi likaNkulunkulu bese ngiyasivivinya lesi siphiwo ngokuka 1 Johane 4: 1-3."

Ake sivivinye umoya ongemuva kwalesiphiwo soku \_\_\_\_\_ ukuze sibone ukuba siqhamuka kuNkulunkulu yini noma cha. Ufundile kulesifundo ukuthi uvivinywa kanjani umoya, ngakho ke yilo leli ithuba lakho lokwenza lesivivinyo esibaluleke kangaka.

10. Uma unazo ezinye iziphiwo zomoya, iziphi?

---

---

Ungathanda yini ukuwavivinya? \_\_\_ Yebo \_\_\_ Cha

Uma uphendule wathi 'yebo', ngalokho usuvele uyazi ukuthi kwenziwa kanjani futhi unomsebenzi wokuthi ukwenze lokhu kuleliviki elilandelayo. Buya nemiphumela yakho ngesonto elizayo.

## **IKhasi 7 Ukwakha kabusha ingaphakathi lendumiso yakho neMpilo.**

**Iqiniso elingukhiye: Inkaba yendumiso yethu, ekungumzimba wethu, ithempeli likaMoya Ongcwele, kumele yakhiwe kabusha futhi ikhuselwe ukuze kufezeke lokho eyakhelwa kona ukuba sibe ngabadumisi beNkosi uJesu Kristu ngalokho sigcine ubudlelwano obuncikene Naye.**

**Inhloso/ Injongo engukhiye: Ukwakha kabusha inkaba yendumiso nezindonga zikamoya zokuzivikela ezimpilweni zethu ukuze isitha singaphinde sihlasele sisiphuce loko okungubugwili bokomoya.**

**Izahlukwana ezingukhiye:**

**"Kepha anazi yini ukuthi umzimba wenu uyithempeli likaMoya oNgcwele okinina, enimamukele kuNkulunkulu, nokuthi anisibo abenu na? Ngokuba nathengwa ngenani elikhulu. Ngakho ke mbongeni uNkulunkulu emzimbeni wenu." 1 abaseKorinte 6: 19- 20.**

**"Ngakho ngiyanincenga bazalwane, ngobubele bukaNkulunkulu ukuba ninikele imizimba yenu ibe ngumnikelo ophilileyo, ongcwele, othandeka kuNkulunkulu kube-ngukukhonza kwenu kokuqonda; ningalingisi lelizwe, kodwa niguqulwe isimo ngokwenziwa ibentsha ingqondo yenu, ukuze nibe nokuhlolisisa okuyintando kaNkulunkulu, okuhle, nokuthandekayo, nokupheleleyo" abaseRoma 12: 1- 2.**



Ukulungisela isifundo:


Izahluko ezibalulekile encwadini kaEzra yizo ezizosetshenziswa kulowo mhlango.

Ukuze ufike uzilungiselele kulesi sifundo, funda incwadi ka Ezra. Funda futhi u 2

IziKronike 36 ukuze uqonde umlando noMoya nokuthi yini ndaba abantu

baNkulunkulu bangena ebugqileni.

[Ibalazwe lase Jerusalema limele idolobha ngaleso sikhathi sokwakhiwa kabusha ngaphansi kuka Ezra noNehemiah. Usuku kwakula ko 550 B.



## ISIFUNDO ESISUKA ENCWADINI KA EZRA

### A. Singabakhethiweyo bakaNkulunkulu abathunjwa ngenxa yezono zokhokho bethu noma nezethu uqobo noma saba ngabahlushiwe isitha ngenxa yokuba sasingakhuselekile ngokomoya.

1. Abantwana bakwa Israyeli nabo babengabantu bakaNkulunkulu ababesenza isono futhi bemhlubuka kuNkulunkulu. Abantwana babo baba ngabahlushiweyo isitha bawela esonweni sokhokho babo. Noma ngabe uNkulunkulu wabathumela umbikezeli owayezobaxwayisa noma akuba abashumayeze ukuba baphenduke, banqaba ukubuyela kuNkulunkulu. Ngenxa yenkani ezinhliziyweni zabo, bambelela esonweni senhliziyo yenkani, ukukhonza izithombe, ukuthakatha nobugqila bocansi. **Isono senhliziyo ilisi esiba ngumkhuba ojwayele ukuwenza odla othando uphendule inhliziyi ifulathele uNkulunkulu,** Ekugcineni udala inkani nobukhuni benhliziyo. UNkulunkulu wabehlisela abakwalsrayeli isitha ukuba sibahlasele.

2 IziKronike 36: 9,11,12,16-21

1 abaseKorinte 10: 1-15. UNkulunkulu uyasexwayisa ukuba singaphindi sense izono ezenziwa ngabantwana bakwa Israyeli. Zinhlano izono. Ungazithola kulesahluko esilandelayo?

2. Bahamba baya endaweni yesitha ngaphansi kolawulo lukasathane. Abantu bakaNkulunkulu baba izigqila zomphathi mbumbulu. Balahlekelwa ukukhetha. Babesebugqileni. Incazelo enhle kakhulu yekholwa elimhlubukayo uNkulunkulu.

abaseRoma 6: 16 abaseGalathiya 4: 9

2 abaseKorinte 11: 3

3. IJerusalema, idolobha likaNkulunkulu, kwakuyinkaba yendumiso. Yayinengecebo yabantu bakaNkulunkulu, begcinwe ethempeleni laseJerusalema. Ngenkathi uNkulunkulu ebanikela emabuthweni esitha, bahlasela baphanga ithempeli yonke ingcebo yalo. Wabathatha uMphongole wesivumelwano, izindebe, nemicengezi yomlilo, nezitsha, namakhanzi, nezinti zezibani, nezinkezo, nezinkamba, okwegolide lodwa nesiliva lodwa okwakusetshenziswa uma kudunyiswa.

Jeremiya 51: 51 Jeremiya 52: 7, 18-19

Isililo 2: 7 Isililo 4: 12-13

Isililo 5: 6- 8 uHezekeli 20: 30; 22: 30

4. IJerusalema libizwa uMakoti Ongcwele kaNkulunkulu eThestamente elisha. Thina, esisindisiwe beNkosi, siyiJerusalema Elisha. Njenge Sonto leNkosi uJesu Kristu, sihlanganiswe kahle ukuba senze uMzimba kaKristu, lapho ehlala khona ngakuMoya wakhe Ongcwele.

UMoya Ongcwele uhlanga kithi ngaphakathi ngoba siyilo ithempeli Lakhe. (bona izahlukwana ezibalulekile) UPawula usho izinto ezithize mayelana nokuthi singobani thina njengamaKristu. Funda lezahlukwana ezilandelayo bese uzichaze wena uqobo emehlweni kaNkulunkulu.

AbaseFesu 1: 13- 14: Ngingu \_\_\_\_\_

AbaseFesu 4: 16: Ngingu \_\_\_\_\_

1 Petru 2: 9-10: Ngingu \_\_\_\_\_

IZIMPENDULO ZA A1: *crave evil things, idolatry, immorality, test the Lord, grumble.*

IZIMPENDULO ZAKHO: Nginguye oyingcebo kaNkulunkulu, Nginguye oyingxenyi yomzimba kaKristu, Nginguye oyingxenyi nesintu esikhethekileyo, umphriste wasebukhosini, ingxenyi yesizwe esingcwele, umuntu oyimpahla kaNkulunkulu.

5. ITestamente Elisha liyacacisa ukuthi thina siyilapho uNkulunkulu abeka khona ingcebo yakhe —uMbuso kaNkulunkulu. Isimo sedolobha laseJerusalema ngaleso sikhathi sichaza ikholwa esanika indawo isitha, esisiphanga ingcebo yethu yomoya empilweni yethu (ithempeli).

UNkulunkulu wabeka ingcebo yakhe kithi: 2 abaseKorinte 4: 6-7

Siyexwayiswa ukuba sibalekele izono ukuze silwisani nethempeli lika Moya Ongcwele: 1 abaseKorinte 6: 18-20

Empilweni kaPetru, uSathane wayefuna ukumdinda (amhluze njengokolweni) ebese ethatha zonke izinhlamvu kuye (bonke ubuhle bakhe). (Luka 22: 31-32) usathane usiphanga izithelo zikaMoya oNgcwele, iZwi likaNkulunkulu, noqobo lwethu kuye uKristu nezinkemba zegolide zokudumisa njengempilo yethu

yomkhuleko, ukuzinikela kwethu nsuku zonke kuKristu, namakha amnandi okuzinikela kwethu imizimba yethu kuye zonke izinsuku (bona izahlukwana ezibalulekile)

**Ukuqondanisa: Kungabe usasivulele yini amasango akho isitha?**

*"Amasango ezwe lakho avulekile impela izitha zakho; umilo udlile imigoqo yakho." Nahum 3: 13*

**B. UNkulunkulu wethu uNkulunkulu osigcinayo isivumelwano. Wasidala ukuba sibe nobudlelwano Naye. Nakuba abantu bakhe bengena ebugqilini. UNkulunkulu uthembisa ukubaphulukisa, ababuyisele esimweni esiyiso aphinde abalaphé.**

1. Umphrofethi kaNkulunkulu uHezekeli washo kubantu bakaNkulunkulu ababesebugqilini ukuthi bayobuyela eJerusalema basuse konke okuyizithombe nezithixo. UNkulunkulu wabathembisa ukuthi uyakubanika **inhliziyi entsha afake nomoya omusha** kubo.

Wathembisa ukubanika inhliziyi yenyama nokubahlanza ekungcoleni nasezithixweni.

Hezekeli 11: 18- 20 Hezekile 36: 25-26 Jeremiya 31: 31, 38- 40

2. UNkulunkulu usanguye loNkulunkulu osigcinayo isivumelwano. Sisesivumelwaneni esisha manje, iTestamente elisha lesivumelwano, elavalwa ngegazi leNkosi uJesu Kristu. Ungumphulikisi, uMsindisi, iNyanga esilaphayo, uMngcwelisi, yena olungisa okuphukile obuyisela imigwaqo yokuhamba. Konke okwenzekayo kuthina kubekiwe ukuba kubuyisela thina kumfela ndawonye neNdodana kaNkulunkulu. Kulezehluko ezilandelayo, bhala phansi lokho uNkulunkulu akwenzayo ukuze asibuyisele esimweni esifanele avuselele nesivumelwano nathi :

a. amaHebheru 9: 14- 15 \_\_\_\_\_

b. amaHebheru 10: 9-10 \_\_\_\_\_

c. Luka 22: 20 \_\_\_\_\_

d. Titus 2: 14 \_\_\_\_\_

e. Izaya 58: 12 \_\_\_\_\_

3. Incwadi ka **Ezra** isitshela ngokwakhiwa kabusha kweThempeli, indawo yokudumisa, nokuvuswa lokhu okwaba khona ngenxa yokubuyiselwa kweNdumiso esimweni esifanele.

**UNehemiya** ukhuluma ngokwakhiwa kabusha kwezindonga namasango aseJerusalema ukuze kuvikelwe indawo yokudumisa ekuhlaselweni isitha. Siyabona ukuthi lokhu kungena kanjani ezimpilweni zethu njengezigqila ezikhululiwe. Siyathunywa ukuba sihambe siyokwakha lokho okubhujiswe isitha.

**IZIMPENDULO ZIKA B2:** a. kwahlanzwa unembeza wami ngegazi Lakhe, b. wakha isivumelwano esisha wangingcwelisa, c. uJesu unginika inkomishi yokwamukela okungcwele ukuze kwakheke isivumelwano esisha ngeGazi Lakhe. d. uyangihlanza kuzo zonke izenzo zobubi e.uyangisebenzisa ukuba kwakheke lokho okwabhujiswa kudala kuvuswe konke okuyizendlelelo alungise okwaphula abuyisele konke esimweni nemigwaqo ukuba sihlale kukhol

**C. Wobani abakhi kabusha? "Bonke abomoya wabo uNkulunkulu ayewuvusile ukuba bakhuphuke bakhe indlu kaJehova eseJerusalema." Ezra 1: 5** Singabakhi kabusha. Labo abafuna ukuhlala bekhululiwe bangabakhi kabusha.

1. **Isitha kumele sibuyise lokho esikuntshontshile.** UNkulunkulu watshela inkosi eyayiphethwe kakhulu ngusathane, uKoresi ukuba ibuyise yonke ingcebo yaseThempelini nokuba ikhulule abakwalsrayeli ababafuna ukuyokwakha kabusha iThempeli. (Ezra 1:1-3,7,8,11) Ekusindisweni, isitha sasikhulula nengcebo yabuyiselwa kithi ngenkathi sigcwaliswa nguMoya (kwabaseFesu 5:18) Njengoba sesikhululiwe sinike amandla ukuba sakhe kabusha ilathi neThempeli lokudumisa iNkosi uJesu Kristu.

2. **Wonke umuntu okhululiwe unikeziwe amandla okuba akhe kabusha.**

Abakwa Israyeli banikwa amandla okuba bakhe kabusha ilathi neThempeli linagama abalulekile esiHebheru okuyinamhlanje lokho kithi kunokubaluleka

a. **Jeshuwa / Yeshuwa** wayebhekene nokwakha kabusha ilathi "*uJehovah ungsindiso*" (bona ishadi ekhasini 90). (Ezra 3: 2-4)

1. Labo ababengabakhi kabusha babesaba ukuthi izitha zizobuya zihlasele futhi ngakhoke bakha ilathi base banikela ngeminikelo eshiswayo ekuseni nakusihlwa. Ekudumiseni uNkulunkulu, ukwesaba kwapheliswa, uNkulunkulu wabonisa ubukhona bakhe (bheka kuEzra 3: 3)

2. Abakhi kabusha bagcina umkhosi wamadokodo ukuba bakhumbule ukuba uNkulunkulu wabakhulula ebugqileni wabondla futhi ehlane. (bheka kuEzra 3: 4)

b. **UZerubabele** wakha kabusha iThempeli. Igama lakhe lichaze "loyo ongowegazi lasebukhosini inzalo ephuman ebugqileni." Uwuzalo oluseduze neNkosi uDavide futhi uyavela esizukulwaneni sikaJesu kuMathewu 1: 13. UNkulunkulu unika uZerubabele umbikezelo oshaqisayo uzofezwa kuMesiya iNkosi uJesu. Nathi sisozalweni olulodwa ngegazi likaKristu, ngakhoke lesi isibikezelo esiphila ngaphansi kwaso manje njengoba sibhekana ngqo namadimoni obumnyama sinendandatho yegunya kaKristu.

*Hagayi 2: 21-23—“Yisho kuZerubabele umbusi wakwaJuda, uthi: Ngiyakuzamazamisa amazulu nomhlaba, Ngiqumbuzele isihlalo sobukhosi semibuso, ngichithe amandla emibuso yabezizwe, ngiqumbuzele izinqola nabakhwela kuzo; namahhashi ayakuwa nezinkweli zawo, kube-yileyo naleyo ngenkamba yomfowabo.*

*Ngalolosuku, usho uJehova-Sebawoti, ngiyakukuthatha Zerubabele, nceku yami, ndodana kaSheyalityeli, usho uJehova ngikwenze indandatho, ngokuba ngikukhethile, usho uJehova-Sebawoti*

c. Abakhi kabusha babhaliwe ohlwini lapha. Bheka ukuthi ungathola yini ukuqondanisa nempilo yakho njengomakhi kabusha . Ngayinye imele umakhi uhlobo oluhlukile lomakhi kabusha.

**INSIZA YESIFUNDO:**

Igama lomuntu ngamunye kuma Heberu linencazelo yomoya ebalulekile ekuqondeni kwethu izindaba zebhayibheli zokwakha kabusha. Ukuze uqhubekele phambili ekufundeni ngo Ezra no Nehemiah, siyakweluleka ukuba usebenzise i- *Strong's Exhaustive Concordance of the Bible*. Bheka igama lomuntu kuqala bese ubheka inombolo kwisichazi magama samaHeberu ngasemuva. Lapho uzothola incazelo yasekuqaleni. Bonke abakhi kabusha belathi, iThempeli, izindonga namasango, kubalulekile ukukusebenzisa lokhu ezimpilweni zethu ngenkathi sakha kabusha izimpilo zethu ngokomoya ukuze kukhuseleke ingcebo esinayo ngaphakathi.

## Kungabe unguye umakhi kabusha?- Ezra 2: 2

*Lezi zeza noZerubbabel, Jeshua, Nehemiah, Seraiah, Reelaiah, Mordecai, Bilshan, Mispar, Bigvai, Rehum, and Baanah." Ezra 2:2*

**Ukuqondanisa: Ngenkathi ufunda uhla lwabakhi kabusha nezincazelo zamagama abo, zibuzle lemibuzo elandelayo futhi ngaphe Scriptures.**

AMAGAMA	INCAZELO	UMBHALO	IMIBUZO
1. Ezra	<i>umsizi</i>	Johane 14: 26	Kungabe umsizi uhlala kuwe ngaphakathi na?
2. Zerubabele— Umbusi waJudiya, wezalo likaDavide	<i>Yena ongowegazi lasebukhosini bobugqila</i>	1 Petru 1: 18-19Johane 8: 36	Kungabe ungowegazi lasebukhosini? Kungabe ukhululwe na?
3. Jeshuwa-wakha ilathi	<i>uJesu, uMsindisi, uJehova isiphephelo</i>	Isambulo 1: 17	Kungabe uJesu /Yeshua uyilathi lakho?
4. Nehemiah—wakha izindonga	<i>iNkosi iyaduduzana</i>	Johane 14;16	Ngubani umduduzi nomsizi wakho
5.Seraiah	<i>uJehova uyiNkosana</i>	Izaya 9:6	kungabe unayo iNkosana yoKuThula eyengamele izindaba zempilo yakho?
6. Reelaiah	<i>Ukuvezezela okudalwa uJehova (uvalo olulungile kuNkulunkulu)</i>	Daniyela 6: 27	Kungabe uyamesaba na uNkulunkulu wakho yena okwazi ukukusindisa emihlathini yebhubhesi?
7. Mordecai	<i>UMjuda, Okhethekile kuNkulunkulu</i>	abaseKolose 3:12	Kungabe ukhethiwe? Ngubani?
8. Bishan	<i>Ocinga iqiniso likaNkulunkulu</i>	amaHubo 119: 33	Kungabe ungumbheki weqiniso likaNkulunkulu
9. Mizpha	<i>Loyo obhalayo, umqophi okhumbulayo</i>	1 uKronike 16: 12,15	Kungabe uyazikhumbula yini izinto akwenzele zona uNkulunkulu?
10. Bigvai	<i>Umsirayeli, obuyela ekhaya</i>	Mathewu 6: 25-26	Kungabe ufikile ekhaya ukuzophumula ekunakekelweni uBaba?
11. Rehum	<i>Ububele/Uzwelo</i>	abaseFesu 3: 14-19	Kungabe usonozwelo kakhulu manje njengoba usukhululiwe?
12. Baanah	<i>Usizi nokuzihlupha wena qobo lwakho</i>	Galathiya 5:24	Kungabe usubuka impilo yakho yakudala njengefileyo kuKristu?

Uma impendulo kungu "Yebo" kulemibuzo, **Kukulungele ukuba umakhi kabusha.** Manje ake siqhubekele phambili nokwakha kabusha izimpilo zethu izikhali zokulunga zikaNkulunkulu

3. Abantu ababekhululiwe bayithakasele inkululeko base behamba bayokwenza lokho okuthandwa yibo, bakha kabusha izimpilo zabo zakudala esikhundleni sokwakha iAltar (indawo yokukhonzela), iThempeli nezindonga zaseJerusalem. Ake sibone indlela ezenzeka ngayo ngokulandelana izinto kulezihlukwana ezilandelayo:

Ezra 3: 1-Abantu babesemadolobheni abo.

Hagayi 1: 4- 7, 12- 14-Umbikezeli uyabexwayisa "Gadani izindlela zenu".

Hagayi 2: 4, 5, 20- 23-Inkosi iyabagquguzela emsebenzini wokuzakha kabusha.

a. Emuva kokufunda lezihlukwana, zibuze lemibuzo elandelayo:

1. Kungabe uphila impilo yakho yakudala ungaqondile? \_\_\_yebo \_\_\_cha

2. Kungabe usulahlekelwe isineke ekwakheni kabusha impilo yakho yendumiso? \_\_\_yebo \_\_\_cha

3. Kungabe uhlangabezana nobunzima ekuboneni ukuthi kungani kumele impi yokwakha kabusha iqhubeke? \_\_\_yebo \_\_\_cha

4. **UNkulunkulu ufuna ukuba uqonde, ukhanyiseleke ngokoMoya**, njengoba w ayefuna ngenkathi EThumela umbikezeli uHagayi kubakhi kabusha bakwalsrayeli ukuba amemezele kubo ukuthi bazosetshenziswa njengamabutho kamoya ngaphezu kwabezizwe nokuthi bayogqoka indandatho enguphawu lokuphathwa nguNkulunkulu.

*"Ngigumbuqele isihlalo sobukhosi semibuso, ngichithe amandla emibuso yabezizwe, ngigumbuqele izinqola nabakhwela kuzo; namahhashi ayakuwa nezinkweli zawo, kube-yileyo naleyo ngenkamba yomfwabano. Ngatolotsuku, usho uJehova-Sebawoti, ngiyakukuthatha Zerubabele, nceku yami, ndodana kaSheyalitiyeli, usho uJehova ngikwenze indandatho, ngokuba ngikukhethile, usho uJehova-Sebawoti.*

*"u Hagayi 2: 22-23.*

### **Siyaqeqeshwa, silungiselelwa impi yomoya phezu kwezizwe**

5. Sizoyiphelezela iNkosi uJesu Kristu empini Yakhe uma esebuya ukuzobusa emhlabeni.

*"Izimpi zasezulwini zamlandela zikhwele amahashi amhlophe, zembethe ilineni elicocekileyo, elimhlophe nelihlanzekileyo."*

*"Ngabona isilo, namakhosi omhlaba, nezimpi zawo zibuthene ukulwa naye owayehlezi ehashini nempini yakhe." Isambulo 19: 14, 19*

6. Njengoba sakhiwa kabusha siding ukusingathwa inkonzo/isono lethu nabadala. Abadala nababikizeli bahlanganyela nabakhiwa kabusha bezobasingatha.

a. Ngenkathi wakha kabusha impilo yakho yokudumisa, udinga uxhaso lenkonzo yakho, namadoda namakhosikazi amazayo uNkulunkulu aqondayo itulo lokwakhiwa kabusha.. Ufunde ngeBhayibheli nezifundo zenkonzo zizokuqinisa futhi zikugqugquzelele nokuba uqhubeke uyidumise kakhulu iNkosi uhlale naseZwini Layo.

b. IThempeli laliphelele futhi linikelwe eNkosini ngenjabulo. Ake sifunde ukuthi iBhayibheli lenaba kangakanani ngezizwe encwadini kaEzra 5:2; 6:14-17.

7. *Ukuqondanisa:*

*Ngenkathi sakha kabusha ilathi nethempeli njengendawo yethu yokudumisa, injabulo yethu izobuyiselwa kithi bese siyahlanganyela ekudumiseni neWundlu likaNkulunkulu.*

*a. Zonke izinsuku, singena ebukhoneni bukaNkulunkulu neminikelo yokudumisa, sinikela imizimba yethu kuye njengeminikelo yokuphila. (bona izihlukwana ezibalulekile)*

*b. Sibeka zonke izingxenye zempilo elathini, simnike lonke igunya lokuphatha konke ngezimpilo zethu. 2 Timothy 2: 3-4*

*c. Kulesenzo sokuzithoba kuye nokudumisa iWundlu lika Nkulunkulu, uNkulunkulu uBaba usivezela Yena uqobo asinike impilo Yakhe ngoMoya Ongcwele. Lapho sivele sizizwele thina ukuthi kunjani ukuthobela Yena uBaba, INdodana noMoya ekubusisweni okuhlangene. Johan 5: 19-20*

*d. We become God-dependent in this true union with the Son of God by the Holy Spirit when we live daily before the altar.*

- e. Ngenkathi sincika kakhulu kuNKulunkulu ingalengkathi siyeka kakhulu ukuncika kumuntu wasemhlabeni. Sifunda ukuthi iNkosi uJesu Kristu kuphela ongafeza izidingo zethu.
- f. Yisho lokhu zonke izinsuku: "Akukho bunzima, ngaphandle noma ngaphakathi, engeze iNkosi yami yakwazi ukuhlangana nakho kimi namuhla"

## IKhasi 8 UKwaxhiwa kwezindonga namasango kwempilo yakho

**Iqiniso elingukhiye: Izimpilo zethu zidinga izindonga namasango amasha omoya ukuze kube isivikelo ekuhlaselweni isitha.**

**Injongo engukhiye: Ukwakha iphethini lemithetho kamoya ezimpilweni zethu elikhqiqza abadumisi beNkosi uJesu Kristu namasosha ethembekile eSiphambano.**

**Isahlukwana esingukhiye: "Indluzula ayisakuzwakala ezweni lakho, nencithakalo nokubhubhisa phakathi kwemikhawulo yakho, kepha uyakubiza izingange zakho ngokuthi iNsindiso, namasango akho ngokuthi iNdumiso." Isaya 60: 18**

Izahlukwana ezibalulekile eziqhamuka encwadini kaNehemiya zizosetshenziswa kuso sonke lesifundo will be used throughout this session. Ukuze uzilungiselele lesi sifundo, funda lencwadi.

### ISIFUNDO ESISUKA ENCWADINI KA-NEHEMIYA

**A. Ngenkathi ingcebo isibuyele ethempelini, ilathi nethempeli kwaxhiwa kabusha, umsebenzi owawusulandela kwakungukwakha izindonga namasango edolobha ukuvikela indawo yokudumisela ukuba ingahlaselwa isitha. Idolobha lethu (izimpilo zethu) lidinga izindonga namasango amasha ukuze likhuseleke ekuhlaselweni isitha.**

1. Incwadi kaNehemiya incazelo yenqubo amaSirayeli ayilandela ukuze akhe kabusha izindonga namasango aseJerusalema ukuze liphephe futhi ekuhlaselweni. Khumbula, inani ledolobha kwakuyingcebo yalo. (Nehemiya 2:17) Kanjalo nakithi, **Inani lezimpilo zethu ukuthi sinengcebo kamoya emizimbeni yethu lapha emhlabeni.** Usathane ufuna ukusiphanga futhi uma engakwazi.  
2 abaseKorinte 4: 7 Johane 10: 10

2. **Impilo yethu iqhathaniswa nedolobha laseJerusalema.** Wonke amadolobha imisebenzi ethize, izinsiza, nezindlela ezithize ukuba lisebenze kahle. Njengokuthi: uhulumeni, ukugcinwa komthetho, izinhlelo zezemfundo, izinhlelo zokuchitha udoti, amapaki nezindawo zokudumisela. Impilo yethu ngaphakathi isebenza njengedolobha. Uma uhlelo olulodwa lungasebenzi, idolobha lonke liyaxakaniseka. UNkulunkulu wathi usekethile iJerusalema ukuthi iGama Lakhe lihale lapho. **Siyindawo uNkulunkulu ayikethile ukuba ahale kuyo NgoMoya wakhe Oyingcwele.** Unentshisekelo yokuba abe nguhulumeni wezimpilo zethu ngokupheleleyo, uMfundisi wethu, umhlanzi wethu, umeluleki, iNdawo yethu yokuthula nendawo yempilo yethu yokudumisela .

3. **UMoya Ongcwele awusoze waphoqa ukuba umsebenzi wokwaxhiwa kabusha kuwe.** Izindonga ezindala zadilizwa inkohlakalo yangaphakathi (isono) nokuhlaselwa kwangaphandle (impikiso yobusathane) UNehemiya, okugama lakhe lichaze ukuthi "iNkosi iyaduduzwa", wahlohisisa isimo sesindonga zedolobha wase ehlela ukuthi zakhiwe kabusha. Wayesekhuluma nabadala nabahlali bedolobha ababengabakhi kabusha. (Nehemiya 1:3b, 2:18) UMoya Ongcwele, ogama lakhe ngu "Msizi" no "Mduzuzi" nguye omele ukubona, abheke uhlelo lokwakha kabusha empilweni yethu.

Khumbula uphethe konke ukwakhiwa kabusha, kodwa njengo Nehemiya, UMnene. Angeke akuphoqe. Uzokuvezela iqiniso, akubonise kulokho okudinga okwenziwa kepha kumele ukhethe ukusebenzisana Naye ngoMoya Ongcwele kuzo zonke izinyathelo zendlela. kuJohane 14: 26

4. Abakhi kabusha bachazwa ku Nehemiya kanje:

*"Bayizinceku zakho nabantu bakho obahlengile ngamandla akho amakhulu nangesandla sakho esiqinileyo"*  
Nehemiya 1: 10

5. Izindonga zimele ukukhuseleka komoya nemingcele esiyakhayo ezimpilweni zethu.

**Amasango** amele izintuba zokungena nokuphuma empilweni yethu.

a. Kungabe zisesimweni esinjani izindonga namasango empilo yakho?

b. Iphephe kangakanani impilo yakho ekuhlaselweni isitha?

6. **Imvithimvithi endala yempilo yakho yakudala kumele isuswe.** UNehemiya naye wayihlolisa

"Iemvithimvithi endala" edolobheni. Kwakumele isuswe ngaphambi kokuba kwakhiwe izindonga.

"Imvithimvithi endala" imele izinsalela zempilo yakho endala ngaphambi kokuba usindiswe. ( Kwingxenywe yesine, siqale uhlelo lokususa "imvithimvithi endala" ngokuthi sihlanzisise indlu ngokuphelele.)

7. Igama lomakhi kabusha ngamunye nawo wonke amasango kubalulekile ikakhulu ekukusebenziseni empilweni yakho namuhla. Sizobalula izibonelo ezimbalwa ngenkathi siveza itulo lokwakha kabusha impilo yethu.

**B. Isango lezimvu – Kwakhiwa kabusha ukudumisa kuqala.** Nehemiya 3:1

1. Isango lezimvu lalisetshenziswa ukungenisa izimvu zomhlatshelo egcekeni lethempeli. Lelisango lalingenela ngqo ethempelini.

2. Abakhi kabusha besango lezimvu, oqgamezweni, nezincazelo zamagama abo:

**AMAGAMA**

Eliashib, Umpriste omkhulu,

uMbhoshongo wekhulu

uMbhoshongo wa Hananiya,

(inqaba eyayivikela ithempeli)

**INCAZELO**

uNkulunkulu uzobuyisela esimweni

Melana nesitha

UNkulunkulu usenzele umusa

**UMgomo WeMpi : UNkulunkulu uzinikele ekubuyiseleni ubudlelwano bethu Naye esimweni esifanele. Isikhathi sethu sokumkhonza kumele sibheke ngayo yonke indlela. Yiyo le injongo esemqoka yempi yomoya.**

3. Isango lezimvu lakhiwa ngumphristi omkhulu nabanye abapriste. SinoMphriste wethu Omkhulu ohlalela ukusinxusela ngenkathi sakhiwa kabusha. Sibizwa ngokuthi futhi "singubupriste basebukhosini" ngakhoke simelwe ukukhonza ngokungapheliyo iNkosi uJesu Kristu. Lezhlukwana ezilandelayo sikhuluma Iqiniso:

amaHebheru 4: 15- 16

1 Petru 2: 9-10

Hebheru 7: 25

4. Ngenkathi sikhonza iNkosi ngokudumisa uJesu Kristu oyiMvana kaNkulunkulu, sakha kabusha "Isango lezimvu" nokuthi sibuyisele indumiso, okuyisibopho sethu esisemqoka. Siveza imizimba yethu njengomnikelo ophilayo zonke izinsuku kuNkulunkulu, ukuyisenzo zendumiso. Ake sibheke lezhlukwana ezilandelayo:

Johane 1: 29

amaHebheru 9: 11- 12

Isambulo 5: 12

abaseRoma 12: 1

**C. Isango leziNhlanzi – Yakha kabusha IZwi likaNkulunkulu kuyo yonke imicabango nezenzo empilweni yakho. Nehemiah 3: 3**

1. Izinhlanzi zazilethwa zonke izinsuku ziphuma emfuleni iJordani nasolwandle iGalile ukuba kudayiswe emakethe. Abanyu babevuka ngovivi ukuba bayothenga izinhlanzi ezintsha ngaphambi kokuba ilanga lenze ukuba zinuke futhi zonakale. **Lokhu kumele ukuhlinzekelwa kwethu yiNkosi kwansuku zonke.**

2. Umakhi kabusha wesango lezinhlanzi kwakungu Hasenawa okuchaze "ukuhlaba, okusaliva".

a. IZwi likaNkulunkulu lingokudla kwethu okusha kwansuku zonke. IZwi likaNkulunkulu liphilile, linamandla, libukhali kunezinkemba zonke ezisika nhlangothi zimbili, lihlaba kuze kwahlukaniswe umphefumulo



nomoya, amalungu nomkantsha, lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyi. (amaHebheru 4:12) Ngenkathi sidle lZwi likaNkulunkulu, kujwayeleke ukuba sihlathshwe konembeza bethu ngalengkathi sizama ukulisebenzisa, ukuze sizoma sibhekane nesono empilweni yethu. Lokhu kungumsebenzi kaMoya Ongcwele usebenzisa lZwi likaNkulunkulu ukuba lisihlanze.

Johane 16: 7- 8. Ngubani onomsebenzi wokulahla thina ngecala? \_\_\_\_\_

b. Ngenkathi samukela lZwi Elisha nsuku zonke, siyakwazi ukuqonda phakathi kokuhle nokubi empilweni yethu nsuku zonke. (2 Timothyu 3: 16-17) Sifunda ukuba silahle amathambo sidle inyama. amaHebheru 5: 14

c. INkosi yethu yanika abafundi Bayo inhlanzi eyayilungisiwe. Usinika ukudla zonke izinsuku ngenkathi sidle lZwi lakhe. Johane 21: 12- 14

**d. Ukuqondanisa:**

1. Hlobo luni lwenhlanzi olidlile namuhla?
2. Kungabe bekunzima ukudla kepha kunenzuzo?
3. Uyayithatha yini inhlanzi entsha njalo eNkosini?
4. Kungabe uhamba ekukhanyeni nomfowenu nodadewenu namuhla?

IMPENDULO KA C2a: *UMoya Ongcwele*

**Isango Elidala noma ISango la-Jeshanan – Yakha kabusha zonke izinqaba ezizomelana nakho konke ukwenza okubi okuqhamuka emvelweni yesono, usathane noma izwe. Nehemiya 3: 6**

1. LeliSango lakhiwa kabusha lavalwa ukuba lingasetshenziswa futhi!

2. ISango elidala lalakiwe ngu Jehoiada okuchaze ukuthi "*ukumazi uJehova*". Ngenkathi simazi kakhulu uJehova, ingalengkathi sikhululeka kakhulu ezinkanukweni zakudala. UMphostoli uJohane waligcizelela leli qiniso ku 1 Johane 2:15.

3. Impilo yokona yakudala kumele ihlale ivaleleke ngaphandle kanjalo. Manje sivala konke esasikwenza nabo bonke ubudlelwano obabusixhumanisa nempilo endala yokunqotshwa nobugqila. Ngokungananazi, kukhona ubudlelwano okusamele buqhubeke, njengalobo bokuhlanganiswa ngokomshado, kanti nokho, siyadinga ukuba sibheke kuzo zonke izingxenyi zempilo yethu bese sithathe izinqumo zokuba singazibandakanyi kunoma yini esempilweni yobugqila. Sikwenza kanjani lokhu?

a. Samukela isigwebo sentambo, ngasesimphambanweni sikaKristu, empilweni yethu endala. abaseRoma 6: 6-7

b. Bese sihamba njalo ngempilo yoMoya kaNkulunkulu ophila kithi. abaseGalathiya 2: 20 abase Galathiya 5: 24

c. Zonke izinsuku simbathe umuntu omusha yena owenziwa musha abe-nokwazi ngokomfanekiso walowo owamdalayayo. abaseKolose 3: 5-10

**E. ISango lesiGodi – Qapha ukunyonyobelwa isitha esizifihlile ekukhulaseleni. Nehemiya 3: 13**

1. ISango lesiGodi ilapho kwakujwayele khona ukuba isitha sihlasele ngoba kwakucasheka khona uma sisondele, sasikwazi ukuzifihla.

2. ISango lesiGodi lakhiwa nguHanuni okuchaze ukuthi "*ukuthobela*". UHanuni nabakhe babeqhamuka edolobhaneni lase Zanowa okuchaze ukuthi "*ukulahla, ukudikila, ukuchiliza*". Ngenkathi sithobela uNkulunkulu simcela ukuba asigcwalisa ngoMoya Ongcwelehe, siqina eNkosini nasemandleni obukhona Bakhe ngakhoke siyakwazi ukuba sichithe iziyengo zomubi ezisifikela ngobuqili. Lezhlukwana ezilandelayo zicacisa loluhlelo: Jakobe 4: 7

1 Petro 5: 8- 10

3. **Usathane unefayela yetulo elidala ngawe!** Uzozama ukukushaya lapho wawubuthakathaka ngakhona kuqala. Qaphela amaqhinga akudala. Uma engasasebenzi uzozama ubuqili obungaphezulu, azame amanye amaqhinga "eSango lesiGodi". Ukhiye nje ukuhlala ugadile, umqondo wakho uhlahle uphusile, ulindele noma iyiphi impi empqondweni.

a. Amaqhinga ESango lesiGodi anobuqili futhi ajwayeleke ukungabonakali engathi awukuhlasela okunobudimoni.

1. Ukuhlaselwa emizimbeni njengokukhathala, izinhlungu, ubuphakuphaku, njalo njalo.

2. Ukuhlaselwa emizweni noma emqondweni ngokuthi uhlaselwe uwudikibala, ukuzihawukela, umzwangedwa, nokubuka impilo ngendlela engalungile nengenhle, njalo njalo.

3. Ukuhlaselwa eMoyeni ngokuba ungabi nanhliziyo, unganeliseki, ukuthembi, ungakholwa luthi, njalo njalo.

b. Uma ulahlekelwe ukukwazi ukuthi wethabe kunanoma yisiphi isimo okuso, kuchaze ukuthi usuwele eqhingeni lase "Sangweni lesiGodi". Usuyakwazi manje ukuthi uzibuyisela kanjani esimweni, uthobele uNkulunkulu bese nqaba usathane.

c. *Ukuqondanisa:*

Imaphi amaqhinga anobuqili aseke wawazama usathane kuwe noma awazamayo kuyimanje? Kumele wenzeni ngakho? Bheka itulo, bese uzame lendlela ongayilandela yempi osuyifundile kulesi sifundo.

**Isango LoMquba – Ngazo zonke izinsuku hlanza udoti wesono.** Nehemiya 3: 14

1. Isango LoMquba lakhiwa nguMalikhiya okuchaze ukuthi "*indodana kaJehova*". NguJesu Kristu khuphela osusa izono ngeGazi Lakhe Elihle.

2. LeliSango lalingenela esiGodini sase Hinnon, noma e-Gehenna, okuchaze ukuthi "*indawo elihlala amadimoni*". Isono esingavunyiwe singaba indawo lapho kuhlala khona amadimoni. Badla esonweni esingavunyiwe. UMsolli wabazalwane, usathane, uphuma aye lapho kuchithelwa khona udoti azame ukusisola ngesono esesivele sesisichithile empilweni yethu.

3. Zonke izinsuku udoti wasedolobheni wawuchithelwa eSgodini saseHinnon. Uma ngabe udoti wawungasuswanga, wawunuka uthelele idolobha ngezifo. Kumele sizivume izono zethu kuNkulunkulu. (1 Johane 1:9) Singahlanza udoti wesono ngokuba sizivume izono nsuku zonke eNkosini simeme iGaza elihlanzayo ukuba lisigeze sihlanzeke.

**G. ISango LoMthombo – Kumele sihlanzwe emuva kokuhamba ezweni. Kumele sithi ukuma sigeze izinyawo zethu siphuze eMthonjeni wempilo.** Nehemiya 3: 15

1. Isango loMthombo lakhiwa ngu Shallum okuchaze ukuthi *ukubuyisela/ukusindisa*"

2. UJesu ungumphilisi noma umsindisi wethu. Hlanzwa ngokuphuza amanzi acwebile eZwi likaNkulunkulu. Siphuza amanzi aphilisayo kuJesu okunguye ongumthombo wempilo yethu. amaHubo 36:9

3. Abahlali baseJerusalema babejwayele ukufika esangweni lomthombo bezogeza izinyawo zabo ezinezintuli nokufudumala. Kungabe uzizwa ungcilile futhi wonakaliswe izwe? Shona emanzini eZwi, geza kuze uhlanzeke. amaHeberu 10:22

**H. ISango laManzi – Hamba uye eceleni ngokujwayelekile wedwa ukuvuselela umqondo kabusha.** Nehemiya 3: 15, 26

1. ISango laManzi lalingenela ensimini yeNkosi. Insimi yeNkosi yayiyinhle kakhulu ingase chibini elalithuli lase Siloam lapho yayifika khona inkosi ifike izihlalele ngokuthula yethabela ukuba yodwa uzibuyisela esimweni esifanele.

2. Igama elithi Siloam lichaze *ukuxosha*". Ichibi elifanayo naleli uJesu wagcoba khona indoda eyayiji mpumpithe ngodaka emehlweni wayitshela ukuba iyogeza echibini lase Siloam. Yenza njengoba ayeshilo yabuya isibona. Kusesenzweni sokuthoba ngokuthi uhambe uyohlala echibini elithuli elinamanzi acwebile ebukhoneni beNkosi lapho ukubona kwethu kokwenziwa kabusha, kubuyiselwe ngokuphelele. UJesu

wayejwayelwe ukuhamba yedwa ayohlala endaweni ethuli yedwana akhuleke azibuyisele esimweni sobusha. Thatha isikhathi ufundise lezhlukwana uvumele uMoya Ongcwele ukuba ushumayeke kuwe. Mathewu 14:23 Mark 1: 35 Mark 6: 46 Johan 9: 1-11 amaHubo 23: 1- 3 ngokukaLuka 11: 1

3. Insimi indawo yokuhlangana/yobungane UNkulunkulu waqale wahlangana noAdam ensimini (Genesis 2:8,3:8). INsimi yeNkosi ngaphakathi kweSango laManzi imele indawo enhle yokuthula uhlale wedwa. Idolobha lethu (impilo) kumele libe nalendawo yokuthula lapho sihlangana khona neNkosi. UJesu wahlanga noBaba Wakhe ensimini yase Mount Olives nasensimini yaseGetsemane. Mathewu 26: 36,39

4. ISango LaManzi lalingenela umthonjeni waManzi omkhulu wedolobha laseJerusalema, uMthombo wase Gihon. Ilapho imibhalo engcwele yayifundwa khona endaweni evulekile. (Nehemiya 8: 1,5,6,10) Igama elithi Gihon lichaze "ukuputshukela phambili". Siyadinga ukuhlanganyela nabanye abafowethu nodadewethu ukuze sifunde futhi sizindle ngeZwi likaNkulunkulu. Ukuhlanganyela kwabaNgcwele ukuze bafunde iZwi kufana njengokuba emthonjeni ophuphuza/putshuka amanzi ukuze uphuze. Ngenkathi samukela iZwi, injabulo yeNkosi iba ngamandla ethu. Johane 15: 7- 11

#### **I. ISango LeHhashi – Yakha kabusha umqondo wakho wokuba seMpini uzilungiselele ukuthi ulwe ngazo zonke izikhathi.** Nehemiya 3: 28

1. ISango lamaHhashi lalivulwa uma amahhashi eNkosi namabutho ephuma eya kongena empini. Amahhashi eNkosi ayehlala njalo ekulungele ukuyongena empini.

2. UMphriste wayelakha telesango uma engenzi imisebenzi yakhe yobuPriste. Okukuqala, siyabizwa ukuba sibe ngabadumisi beNkosi uJesu Kristu, okwesibili abakhi kabusha namabutho. Ukuvikelwa kwedolobha kwakungamukiyo. Kumele isqonde ukuthi impi ayipheli kuze sifike eZulwini. Kuze kube yileso sikhathi kubizwa ukuba "sime nokuthi simelane". Bheka ukuthi ibhayibheli lilibeka kanjani leli qiniso: Luke 12: 35 abaseFesu 6: 13 (KJV)

3. UNkulunkulu waletha umbikezelo ngomprofethi uJeremiya, othi idolobha lizokwakhiwa kabusha lingaphindi liketulwe futhi. Liyakuba Ngcwele eNkosini. Jeremiya 31: 38- 40

#### **J. ISango laseMpumalanga- Yakha kabusha ithemba lakho ekubuyeni ngokushesha kweNkosi uJesu Kristu.** Nehemiya 3: 29

1. ISango elalingaseMpumalanga lalingenelela ngqo eThempelini. Kulotshiwe embhalweni Ongcwele njengeSango lapho iNkosi uJesu Kristu eyongena khona ezothatha indawo njengeNkosana yokuthula emhlabeni. Namuhla lisamile kanjalo livaliwe. Libizwa ngeSango lika Mesiya. Hezekeli 44: 1- 3

2. ISango laseMpumalanga lalakiwe ngu Shemaiah okuchaze ukuthi "iNkosi uJehovah uzwile". Siyazi ukuthi iNkosi iyakulalela ukukhala kwethu "Woza Nkosi uJesu." ( Isambulo 22:20)

IThemba lethu iqiniso lokuthi iNkosi iyobuya ukuzosilanda isibuyisele Kuyo. Bese siba Naye uma esebuya ukuzophatha abuse. Sinekusasa elijabulisayo. 1 abaseKorinte 15: 51- 5

#### **K. ISango lokuBala, elalibizwa ngokuthi iSango lokubuthana-hlolisisa konke okufuna ukungena empilweni yakho.** Nehemiya 3: 31

1. ISango lokuBala laliphinde libizwe ngeSango "lokuButhana". Kwakulapho la izincwadi zazihlolisiswa khona ngaphambi kokuba izivakashi zivunyelwe ukuba zingene ngaphakathi .

2. ISango lokuBala lakhiwa nguMalikhiya okuchaze ukuthi "uqokiwe iNkosi noma "owobukhosi".

3. Sidinga ukuba sihlolisise ngeZwi likaNkulunkulu yonke imicabango, izinkanuko, izincwadi, umculo noma okokuzijabulisa okufuna ukungena emiqondweni nasezimpilweni zethu. Okuvunyelwe nguNkulunkulu kuyatholakala eZwini lakhe. Uma ngabe noma yini efuna ukungena empilweni yakho iphumelela kulesivivinyo, kuyobe kungokuthi ingakuzizisa.

"Elokugcina, bazalwane, konke **okuyiqiniso**, konke **okuhloniphekayo** konke okulungileyo, konke okumhlophe, konke okuthandekayo, konke okutusekayo, noma kukhona okuhle, noma kukhona okubongekayo, zindlani ngalokhos." abaseFilipis 4: 8

4. UMoya Ongcwele yiwo umqaphi, kepha nathi sinisibopho esifanayo ukuqapha ingcebo esinikezwe yona.

2 Timothy 1: 14

**L. Umgomo kaNkulunkulu ngedolobha (impilo yethu) ukuthi sibe yinkazimulo yoDumo Lwakhe, Impilo ekhipha imisebe yokukhanya, ebonakilsa uMusa Wakhe. Ukuthula nokulunga kophatha webuse izindaba zethu.**

"Wasimisela ngaphambili ukuba sibe ngabantwana kuye ngoJesu Kristu, njengalokho kwaba-kuhle kuye ngentando yakhe, ukuze **kutuswe inkazimulo yomusa wakhe** asiphe wona ngesihle gaye oThandiweyo; esinokuhlengwa kuye ngegazi lakhe, ukuthethelelwa kwezono ngokwengcebo yomusa wakhe" abaseFesu 1: 5-6

"kayena esabelwe futhi ifa kuye, esakumiselwa ngaphambili ngokwesimiso salowo osebenza izinto ngokunquma kwentando yakhe; **ukuze sibe-ludumo lwenkazimulo yakhe**, thina esethemba ngaphambili kuKristu." abaseFesu 1: 11-12

"Indluzula ayisayikuzwakala ezweni lakho, nencithakalo nokubhubhisa phakathi kwemikhawulo yakho, kepha uyakubiza izingange zakho ngokuthi iNsindiso, namasango akho ngokuthi iNdimiso, Ilanga alisayikuba ngokukhanya kuwe emini nenyanga ayisayikukhanyisela ngokukhazimula ebusuku; uJehova uyakuba ngokukhanya okuphakade kuwe, uNkulunkulu wakho abe-ludumo lwakho. Isaya 60: 18-19

"ngibeke **ukuthula** kube-ngababonisi bakho, **nokulunga** kube ngababusi bakho." Isayah 60: 17

**Sesizosiphuthula lesi sifundo sokwakhiwa kabusha kwamasango nezindonga zethu zakamoya, ake sikhumbule isizathu zokuba sichophelele kangaka ukuba siphephise impilo yethu ekhulaselweni yisitha. Konke kungokugcina ubudlelwano obusondelene kakhulu neNkosi Yethu uJesu Kristu.**

*Imicabango nendumiso okuqhamuka ku Gems from Tozer, incwadi ebhalwe ngu A. W. Tozer Okukhishweyo kuthathwe emisebenzini eyahlukene ka Tozer.*

"Sibizelwe ukuba sibambeke kuNkulunkulu ungunaphakade. UNkulunkulu unguMoya futhi labo abamkhonzayo kumele bamkhonze ngoMoya nangeqiniso.

Wafikelani uKristu? Ukuze aguqule abahlubuki babe ngabadumisi. Sadalelwa ukuba sidumise. Ukudumisa kungumsebenzi ojwayelekile kubantu abanesimilo. Indumiso ukubaluleka kwesimilo.

Indumiso...ivuka noma iwe nomcabango wethu ngoNkulunkulu;

Silapha ukuba sibe ngabadumisi kuqala ngaphambi kokuba sibe ngabasebenzi. Ukusebenza kepha okungaphumi endumisweni kuyize, kungaba ukhuni nje, ifolishi nezinhlanga osukwini kuyozama imisebenzi yawo wonke umuntu .

Umsebenzi osemqoka woMoya Ongcwele ukubuyisela umphefumulo ebuganini obusondelene noNkulunkulu ngokuthi kuhlanzwe kwezizukulwane. Iziphiwo

namandla kwaMoya noma ikanjani kukhanukela ukufundisa, kodwa ubungcwele nokudumisa kwamoya kuza kuqala.

Yenza imicabango yakho ibe yindawo engcwele. KuNkulunkulu, imicabango yethu izinto nje. Imicabango izihlobiso ngaphakathi endaweni engcwele lapho sihlala khona..Uma imicabango yethu ihlanzwa yigazi likaKristu, sihlala egumbini elihlanzekile...Uma uzijwayeza ukuzwana noMoya, kumele ubambe imicabango ungavumeli ingqondo yakho ibe yihlane lapho yonke inhlobo yesilo nezinyoni ezidinzayo okungahlenzekile kucanasa khona....Lahla yonke imikhuba engenakho ukukholwa phakathi....qala ukuphila impilo etshengisa ubukhona bukaNkulunkulu.

*"Umuzi awudingi ilanga nenyanga ukuba kukhanye kuwo, ngokuba inkazimulo kaNkulunkulu iyawukhanyisa nesibani sawo siyiWundlu ."*  
*Isambulo 21: 23*

*"Akusayikuba-khona nokukodwa ukuqalekisa. Isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu neseWundlu siyakuba-kuwo, nezinceku zakhe ziyakumkhonza, zibone ubuso bakhe, negama lakhe liyakubasemabunzini azo. Ubusuku abusayikuba-khona abadingi ukukhanya kwesibani nokukhanya kwelanga, ngokuba iNkosi uNkulunkulu iyakubakhanyisela; bayakubusa phakade naphakade."*  
*Isambulo 22: 3-5*

*M. Ukuqondanisa: Isexwayiso namacebo kubakhi-kabusha.*

*1. Lindela ukuphikiswa isitha. Nehemiya 4: 1- 8*

*2. Qaphela njalo ubusuku nemini. Nehemiya 4: 9*

*3. Imvucu endala izozama ukukunqoba. Nehemiya 4: 10*

*a. Izindlela ezindala zokucabanga abaseRoma 12: 2*

*(bona IKhasi 5)*

*b. Imikhuba emibi abaseRoma 6: 15- 23*

*c. Ukwesaba 2 Timothy 1: 7*

*d. Ubudlelwano bakudala obukuxhumanisa nempilo yakudala yobugqila 2 Thesalonika 3: 6*

*4. Isikalo sempu yokwakha kancane kancane sizokushintsha ngenkathi uqhubeke phambili.*

*a. Iphephini lempu nokwakha kabusha lizoqale libukeke kanje:*

*Ilwa! -Ilwa! - Ilwa! - Ilwa! - Ilwa! - Ilwa! Nehemiya 4: 13- 16*

*b. Kancane kancane izoshintsha ngenkathi isitha sibona naso ukuthi awudikibali futhi awuthobeli amaqhinga aso. Uma nje intando yakho isimile, impi nokwakha kabusha kuzobukeka kanje:*

*Ilwa! - Akha! - Akha! -Akha! -Akha! - Akha! - Akha! -Akha!*

*5. Hlala wembethe izevatho zakho zempu futhi uhlale uphethwe isikhali sakho (IBhayibheli) ngesandla esisodwa ngalenkathi esinye siqhubeka nokwakha kabusha. Nehemiya 4: 17, 23*

*6. Hlanganyelwa nabanye abakhi-kabusha uma impi iba nzima. Khumbula iMpi eyeNkosi.. Nehemiya 4: 20*

*7. Ukwakhiwa kwakho kabusha kuzakuphethwa ngosizo lukaNkulunkulu.*

*Nehemiya 6: 15- 16*

*1 Thesalonika 5:24*

**8. Ukudumisa kuzakuba iyona into oyenza kunazo zonke empibweni yakho. Uzakufuna ukuhlala ungcele, uhlanzekile ukuze ubungaze iNkosi uJesu Kristu**  
**Nehemiya 12: 27- 28, 30, 40-43**

**9. Inhloso ukwakha abadumisi beNkosi uJesu Kristu, abagcwele uthando leNkosi engabomwayo. UNkulunkulu uzibonisa kithina ngenkathi simdumisa kakhulu.**

## **IKhasi 9 Ukuvimbela Ukunqoba kukaKristu**

**Inhloso engukhiye: Ukwazi nokufaka emqondweni imibhalo ebalulekile esiza ekutheni uphumelele empini yoMoya**

**Iqiniso elingukhiye: Siyabelwa nathi kukho konke okuhlobene nokunqoba kukaKristu uma sithola ngokukholwa bese senza lokho esibekelwe khona**

**Ivesi elingukhiye: "Qinani eNkosini nasemandleni ayo amakhulu." Kwabase-Efesu 6: 10**

### **A. UKristu uyisisekelo sokunqoba**

1. Kwathenjiswa ethestamenteni elidala - Genesis 3: 15
2. Isiphambano sisho ukunqoba -abaseKolose 2: 14- 15
3. UKristu watuswa noMoya Ongcwele wathunyelwa ukuba usinike amandla ukuba sabelane ngokunqoba kukaKristu - Johane 7: 38 - 39
4. UKristu uhlezi esihlalweni sobukhosi - amaHubo110: 1
5. Ubufundisi buka Kristu bamanje kuwukuhulekela thina -amaHebheru 7: 25
6. UKristu unamandla kunabo bonke abantu - abaseFesu 1: 20- 21
7. UKristu uphatha umthwalo wabo bonke abantu - Luka 4: 18

### **B. IKholwa linendawo yokunqoba kuKristu**

1. Sihlanganiswa noKristu - kwabaseGalathiya 2: 20
2. Sihlezi naye uKristu - abaseFesu 2: 5, 6
3. Sabelwe efeni lika Kristu - abaseRoma 8: 16, 17
4. Sinokunqoba kukaKristu ngokuphelele ngaphezu kukasathane- Johane 16: 8, 11
5. Sithola ukuphila noKristu ngokubhabhadiswa kukaMoya- 1 abaseKorinte 12: 13
6. Sabelwe enjongweni kaKristu- 1 Johane 3: 8

### **C. Impahla yeKholwa yokunqoba kuKristu.**

1. Sinemvunulo yempi nezikhali zikaNkulunkulu - abaseFesu 6: 10, 11
2. Sinezikhali ezinamandla kakhulu kuKristu - 2 abaseKorinte 10: 4
3. Sinendlela yokuxhumana - abaseFesu 6: 18
4. Sithola usizo leziNgelosi - amaHebheru 1: 14
5. Sinamandla omthandazo ngokuhlangana kwethu - kuMathewu 18: 19, 20

6. Sinamandla apheleleyo - Izaya 40: 31
7. Sigcwalisiwe ngoMoya Ongcwele wena osinika ukuzibamba ezintweni -abaseFesu 5: 18
8. Sinobuhlakani bokunqoba - Jakobe 1: 5

#### **D. Siqinisekile ukuba sonqoba kuKristu**

1. Sinethemba lokunqoba – abaseRoma 15: 13
2. Sinamandla amakhulu ngaphakath - 1 Johane 4: 4
3. Ukunqoba kwethu kunesiqiniseko - 2 abaseKorinte 2: 14
4. Singabanqobi abanganqotshwanga - abaseRoma 8: 37- 39

#### **E. Imigomo yasenkundleni yempi yokunqoba**

1. Impi akusiyi eyethu, eyeNkosi - 2 iziKronike 20: 15
2. Sebenzisa iGama LeNkosi elinaMandla onke abaseFilipi 2: 9- 11
3. Sazi isitha sakho sangempela – abaseFesu 6: 12
4. Vimba usathane - uJakobe 4: 7
5. Bopha isitha ngaphambi kokuba ungene endaweni yaso-kuMathewu 12: 29
6. Dumisa ngaphambi kokunqoba - 2 iziKronike 20: 22
7. Phuca isitha indawo, singabi nandawo - uMathewu 18: 18-19
8. Yima ngokunqoba okholweni lakho - uMarkus 9: 23-24

#### **F. Indlela eya ekunqobeni**

1. Sikusho ngomlomo ukwethembeka kwethu eNkosini - uJoshuwa 24: 15
2. Sizinikele eNkosini zonke izinsuku - abaseRoma 12: 1-2
3. Sizakhela uhla lezinto ezibaluleki - UMathewu 6: 33
4. Sifune iQiniso lodwa - uJohane 8: 22, 36
5. Simelane nesono - 1 abaseKorinte 11: 31
6. Sikhulekele yonke into – abaseFilipi 4: 6-7
7. Thobela uNkulunkulu. Xosha usathane. Jakobe 4: 7

#### **G. Ukunqontshwa kwemvelo egcwele ukona**

1. Sikwazi ukubona isibopho sethu sesono esiyimvelo - 1 Johane 1: 8
2. Sikukhulume ngomlomo ukunqoba kwethu ngaphezu kwesono semvelo - abaseRoma 7: 24-25
3. Sizibale njengabantu abafike nje uma kuziwa ngasekoneni - abaseRoma 6: 11
4. Sizinikele ekuhlizweni uMoya - amaHebheru 4: 12
5. Sivume izono zethu - 1 John 1: 9
6. Siyeke ukuzinikizela esonweni - abaseRoma 6: 13
7. Vumela uNkulunkulu ukuba asibonise okuyisono - amaHubo 139: 23-24

#### **H. Ukulapha umqondo ngokuzibandakanya noKristu**

1. Umqondo kumele ushintswe - abaseFesu 1: 18
2. Umqondo kumele wakhiwe kabusha - abaseRoma 12: 2
3. Umqondo kumele uthobeke umthetho - 2 abaseKorinte 10: 5
4. Umqondo kumele ugcaliswe ngemicabango emihle yodwa – abaseFilipi



5. Umqondo kumele siwugcwalise izinto zangaphezulu- abaseKolose 3: 2
6. Umqondo kumele ugqwaliswe uKristu - Izaya 26: 3

### **I. UKuvikeleka eMpini**

1. Asinakuthintwa 1 John 5: 18; Luke 10: 19
2. Sinosizo lezingelosi - amaHubo 91: 9- 11

### *AMAZWI OKUPHETHA*

*Kulesifundo, sifundile ukunakekela amakhohwa aphulukisiwe ebugqileni. Sithole nemigomo yokuphila ekuzibandakanyeni noKristu. Njenga masosha embuthweni kaNkulunkulu, sifundile ngazo zonke izikhali zikaNkulunkulu, nokuthi sikwazi ukuthi zibe ingxenye yempilo yethu zonke izinsuku ngenkathi silwa nosathanel. Amacebo athize okubopha nokukhulula eMpini kaMoya, ukubuyisa umhlaba embusweni kaNkulunkulu nokunqoba impi yomqondo siyibuyekezile. Sibhekile futhi nokwakheka kobuhlakani/ukuqonda namanye amaphuzi abalulekile ngenkathi sisondele ekutheni sime ekunqobeni kuka Kristu .*

*Sesivala, siyawugqugquzela, siphinde siyawusho futhi umkhuleko kaPawulu awuthandazela abaseFesu*

*, "ukuba ngokwengebo yenkazimulo yakhe aninike ukuqiniseka emandleni ngoMoya wakhe kumuntu ongaphakathi; uKristu ahlale ezinhliziyweni zenu ngokukholwa, ukuze nigxile, nisekelwe othandweni, nibe namandla okuqonda kanye nabangcwele bonke okungububanzi, nobude, nokuphakama, nokujula, nokulwazi uthando lukaKristu oludlula ukwazi konke, ukuze nigcwaliswe kube-ngukugcwala konke kukaNkulunkulu. Kepha yena onamandla okwenza okukhulu kakhulu kunakho konke esikucelayo nesikuqondayo ngokwamandla asebenza kithi, makube-kuye udumo ebandleni nakuKristu Jesu ezizukulwaneni zonke zaphakade naphakade. Amen abaseFesu 3: 16-21*

**Ukuthola eminye imininingwane noma ukuthola intshumayelo noma uma udinga ukubonana nomfundisi noma unenkomfa enkonzweni yakho Ungathintana nathi kulemininingwane engenzansi**

## LIGHTHOUSE MINISTRY INTERNATIONAL

### **Ikomkhulu/ ihhovisi elikhulu**

P. O. Box 120297  
St. Paul, MN 55112, USA  
Inombolo yocingo:

**Udinga ukuhlela usuku lokubonana: 651 483 0888**  
Izinkomfa: 651 415 1888

**Web Site:** [www.lighthouseministryintl.org](http://www.lighthouseministryintl.org)  
Incwadi kagesi: [info@lighthouseministryintl.org](mailto:info@lighthouseministryintl.org)  
[ordermaterials@lighthouseministryintl.org](mailto:ordermaterials@lighthouseministryintl.org)  
[appointments@lighthouseministryintl.org](mailto:appointments@lighthouseministryintl.org)  
[hostconference@lighthouseministryintl.org](mailto:hostconference@lighthouseministryintl.org)  
[prayerteam@lighthouseministryintl.org](mailto:prayerteam@lighthouseministryintl.org)

### **IZINCWADI ESEZIQOSHIWE ZIKHONA UMNIKELO UYACELWA**

#### *Victorious Spiritual Warfare Bible Study*

Isifundo seBhayibheli samasonto ayisishiyagalolunye esikunika ukwazi usebenzisi impi kaMoya empilweni yakho ukuhloma njengekholwa

#### *Lighthouse Procedures Manual*

A Incwadi ekunika izinyathelo ngasinye ekukhululweni ebugqileni bekholwa elinobudimoni 10.00 umnikelo

#### *Submission – Resistance Combat Procedure*

*IKhadi*—indlela elula yokucina inkululeko yakho kuKristu.

Aawukhokhi mnikelo kuze kufike kumakhophi awu-50

#### *Deliver Us from Evil brochure*

Incwajana enika ulwazi ngobufundisi-amahhala

*Beacon of Freedom newsletter*—incwadi yethemba nokugququzeleka kuwo wonke amakhohwa-amahhala